



Uhlelo Lwentuthuko Edidiyelwe

**Ngonyaka ka-2030 iTheku liyobe seliyidolobha elingungqa phambili e-Afrika ngenhlalakahle
nokunakekela izakhamuzi**

2019 / 20

IsiZulu

AMAZWI OKWENDLALELA EMEYA



Ukubuyekezwa kohlelo lwentuthuko oludidiyelwe (IDP) luka-2019/20 kubonisa isinyathelo esibalulekile ekuthuthukiseni uhulumeni wasekhaya phakathi kokubili, okokuqala okusinikeza ithuba lokucabangisisa ngenqubekela phambili phakathi nesikhathi sethu samanje sehhovisi futhi okwesibili, njengoba kulo nyaka futhi kuqala ihlandla elish leminyaka emihlanu kulandela ukhetho lukahulumeni kazwelonke nezifundazwe.

UMkhandlu wenze inqubekela phambili ebonakalayo ukuqinisekisa ukuthi idolobha lethu liqinisa intando yeningi, liguqule ukuthuthukiswa komnotho futhi liqhubeke nokuhlinzeka ngezidingo eziyisisekelo kubahlali baseThekwini. Ngokubambisana nabalingani bethu kuhulumeni kazwelonke kanye nesifundazwe, siletha izidingo ngokwegunya esinikezwe izakhamizi futhi asikho isikhathi esingcono sokuzibhekisisa njengoMkhandlu.

Sizibophezele ekufezeni umbono wethu wokuba yidolobha elinakekelayo futhi okuhlalekayo kulo eAfrika ngokuhlinzekwa ngempumelelo nokusebenza kahle ekunikezeni izidingo eziyisisekelo futhi sizoqhubeka nokutshala izimali ezindaweni ezizokwenza umthelela omkhulu kumphakathi nasemnothweni weDolobha lethu. Sizoqhubeka nezinhlelo zethu ekuqinisekiseni imithombo yamandla enemvelo njengoba sandisa izinhlelo zethu zokufaka amandla kagesi. Uhlelo lwethu oludidiyelwe lokuThuthwa koMphakathi kanye namaproject amakhulu kuyodlala indima ebalulekile ekuguqulweni kwendawo kanye nokuvuselelwa kweDolobha.

Ngingasho ngokuziqhenya ukuthi uMasipala waseThekwini uyaqhubeka nokuthonya inqubomgomo kanye namasu ezingeni lomhlaba, kuzwelonke, esifandazweni kanye nakohulumeni basemakhaya. Ukusebenzisa lolulwazi, sithathe ithuba lokuqondisa i-IDP yethu nama-Global Agendas we-New Urban Agenda, Isivumelwano seParis, i-AU Agenda kanye nokuzibophezela okuningi emhlabeni wonke okuzibophezele kulo idolobha. Ulwazi olutholaka lapha lusize kakhulu ekuhleleni isu ledolobha.

Unyaka wezezimali ka-2019/20 uzoba unyaka othakazelisayo wohulumeni basekhaya futhi ngifisa ukukhuthaza bonke abahlali, amabhizinisi, izinhlangano zomphakathi nezinhlangano ezingekho ngaphansi kukahulumeni ukuba zihlanganyele nomasipala futhi zihlinzeke ngemibono kwi-IDP. Masisebenze ndawonye ukuze sifeze umbono wethu kanye nezinjongo eziyisithupha eziqakathekileko ezichazwe kuhlelo lwentutuko lwesikhathi eside esihlose ngalo ukwakha idolobha elikhathalelayo futhi okuhlalekayo kulo.



OKUQUKETHWE

AMAZWI OKWENDLALELA EMEYA	2
1.1 IZIBALO ZABANTU	5
1.2 IZINSELELO ZOKUTHUTHUKISWA KWENHLALO	7
1.3 UKUSETSHENZISWA KOMHLABA, UKWAKHIWA NOKUHLELEKA KWENDAWO KAMASIPALA	8
1.4 IMVELO	8
1.5 UKUGUQUKA KWESIMO SEZULU.....	8
1.6 ISISI SEKHABHONI ESINGCOLISA UMOYA ETHEKWINI: 2010 - 2014.....	9
1.7 UCWANINGO NGEMISEBENZI EHLINZEKWA UMASIPALA NESIMO SENHLALO	9
1.8 UMNOTHO	9
1.9 USHAKA MARINE WORLD	10
1.10 ICC DURBAN	10
1.11 EZEMPILO.....	11
1.12 UKWAKHIWA KWENGQALASIZINDA.....	12
1.13 UKWAKHIWA KWEZINDLU	12
1.14 IZITHUTHI ZOMPHAKATHI	13
1.15 UKUPHEPHA (UKULAWULA IZINHLEKELELE NEMILILO NEZIMO EZIPHUTHUMAYO).....	13
1.16 IZINGCUPHE.....	13
1.17 UBELELESI.....	14
1.18 UKUDLA OKWANELE	14
1.19 UKUPHATHWA KWEZIMALI.....	14
1.20 UKUPHATHA NGENDLELA EFANELE	14
1.21 UBUCHWEPHESHE BOKUXHUMANA.....	15
1.22 IZINSELELO EZIHLANGANISIWE NGOKWEMIKHAKHA	15
1.23 UCWANINGO OLUDIDIYELWE LOKUTHOLA LAPHO UMASIPALA EMANDLA KHONA, LAPHO KUXEGA KHONA, AMATHUBA AKHONA KANYE NENGCUPHE ABHEKENE NAYO.....	15
1.24 IZINSELELO EZISEMQOKA ZESENTUTHUKO.....	19
ISAHLUKO 2: IMIGOMO EYISISEKELO YOKUHLELA NEYENTUTHUKO	21
2.1 IZIVUMELWANO ZAMAZWE NGAMAZWE	22
2.1.1 I-NEW URBAN AGENDA	23
2.1.2 I-NEW URBAN AGENDA	23
2.1.3 ISIVUMELWANO SASE-PARIS NGOKUGUQUKA KWESIMO SEZULU	24
2.1.4 I-AFRICAN UNION 2063 AGENDA.....	25
I-AU AGENDA 2063 YAKHELWE PHEZU KWESISEKELO SEZINJONGO EZIYISIKHOMBISA, EZIMI KANJE:	25
2.1.5 ISIVUMELWANO SASE-ADDIS ABABA.....	25
2.1.6 UMHLAHLANDLELA WASE-SENDAI WOKUNCISHISWA KOBUNGOZI BEZINHLEKELELE KA 2015-2030	26
2.2 IMIGOMO KAZWELONKE	26
2.2.1 UHLELO LWENTUTHUKO LUKAZWELONKE (NDP 2030 VISION).....	26
2.2.2 UHLAKA LWENTUTHUKO YEDOLOBHA EDIDIYELWE (IUDF)	27
2.2.3 UHLAKA LWAMASU LWESIKHATHI ESIPHAKATHI KUKA-2014 NO-2019	28
2.2.4 IZIMISO ZOKUHLELWA KWENTUTHUKO	28
2.2.5 IZIVUMELWANO EZINGU-14 ZOKUHLINZEKA IZIDINGO	29




Uhlelo Lwentuthuko Edidiyelwe (IDP) 2019/20

2.2.6	AMAPHROJEKTHI ABALULEKILE ENGQALASIZINDA (SIPS)	30
2.2.7	UHLELO LUKA-BACK TO BASICS	30
2.2.8	ISEKHULA 88 YOMNYANGO WEZEZIMALI ENGEZINKOMBA ZE-IDP	31
2.29	INKULUMO YESIMO SESIZWE YANGO-2019	31
2.3	IMIGOMO YESIFUNDAZWE	34
2.3.1	ISU LOKUKHULISWA NOKUTHUTHUKISWA KWESIFUNDAZWE	34
2.3.2	IPULANI YOKUKHULISWA NOKUTHUTHUKISWA KWESIFUNDAZWE (PGDP)	34
2.3.2	INKULUMO YESIMO SESIFUNDAZWE YANGO-2019	35
2.4	IMIGOMO NEZINHLELO ZIKAMASIPALA	35
2.4.1	UMBONO KAMASIPALA	36
2.4.2	UHLELO OLUYISISEKELO LWENTUTHUKO YESIKHATHI ESIDE (LTDF)	37
2.4.3	IZINTO EZISEQHULWINI	37
2.4.4	UHLELO OLUYISISEKELO LOKUTHUTHUKISWA KWEZINDAWO (SDF)	38
2.4.5	IPULANI YEZINDAWO EZAKHIWE ((I-BEPP)	38
2.4.6	AMAPHROJEKTHI AMAKHULU OKUKHUTHAZA INTUTHUKO	38
2.4.7	UKUVUSELELWA KWENKABA YEDOLOBHA	43
2.4.8	ISU LETHEKU LOKUMELANA NEZINGUQUKO ZANGOMUSO	43
2.4.9	IKHOMISHANA YOKUHLELA YETHEKU	44
2.4.10	UKUHLELA OKWENZIWA EZINGENI LOMPHAKATHI (CBP)	44
	AFRICA FORUM FOR URBAN SAFETY	45
	UNITED CITIES AND LOCAL GOVERNMENT (UCLG)	46
	I-C40 NETWORK	46
	CITIES FIT FOR CLIMATE CHANGE (CFCC)	47
	INTERNATIONAL COUNCIL FOR LOCAL ENVIRONMENTAL INITIATIVES (ICLEI)	47
	IPULANI 1: UKUTHUTHUKISA NOKUGCINA KAHLE IZINDAWO, IMVELO NEZAKHIWO ZETHU	50
	IPULANI 2: UKWAKHA UMNOTHO OTHUTHUKAYO, OXUBILE NOKUDALA AMATHUBA OMSEBENZI	52
	IPULANI 3: UKUDALA INDAWO YOKUHLALA ESEQOPHELWENI ELIPHEZULU	57
	IPULANI 4: UKWAKHA IZIMO ZENHLALO EZINOKULINGANA	61
	IPULANI 5: UKWESEKA ISAKHIWO SENHLANGANO, UKUPHATHWA NOKUTHUTHUKISWA KWABANTU	64
	IPULANI 6: IDOLOBHA ELINEMPILO NOBUCIKO - ISISEKELO SOKUSIMAMA NOKUBUMBANA KOMPHAKATHI	67
	IPULANI 7: UKUPHATHA NGENDLELA NOKUBA UHULUMENI WENDAWO OLALELAYO	70
	IPULANI 8: IDOLOBHA ELIPHENDULAYO NGOKUPHATHWA KWEZIMALI FUTHI ELIBHEKELA IZIDINGO ZAMANJE NEZANGOMUSO	74
ISAHLUKO 4:	UKUSEBENZA KWE-IDP	79
4.1	ISINGENISO	79
4.2	IZABELOMALI ZIKAMASIPALA WETHU ZEMISEBENZI EMIKHULU NEZOKUQHUBA UMSEBENZI UKUZE KUFENZEKE IZINJONGO EZIBEKIWE	79
4.3	I-SDBIP	80

ISAHLUKO 1: UKUHLAZIYWA KWESIMO

UMasipala weTheku usogwini olusempumalanga lweNingizimu Afrika, esifundazweni saKwaZulu-Natali (KZN) njengoba kukhonjisiwe kulo mdwebo olapha ngenzansi. Lo Masipala uthi mawube u-2555km² ububanzi kanti ngonyaka ka-2016 ubunabantu abangaphezudlwana kwezigidi ezintathu nesithupha (3.6 million) abahlala kuwona. Unomphakathi oxubile obhekene nezinsalelo ezinhlobonhlobo zenhlalo, zomnotho, imvelo nezokuphatha.



Umdwebo 1: Ukuhleleka kweTheku
Umthombo: Municipal Demarcation Board, 2016

1.1 IZIBALO ZABANTU

Ngo-2001 abantu baseThekwini babeyizigidi ezingu-3.09 million kanti lesi sibalo sikhula cishe ngo-1.13% ngonyaka njengoba kwashaya u-2011 sesiyizigidi ezingu-3.44 (Umthombo: Statistics South Africa, 2011). Ukubalwa kwabantu okulandelayo kuzokwenziwa ngo-2021. Ukuze kutholakale izilinganiso zezibalo zabantu abahlala emadolobheni amakhulu ngezikhathi okusuke kusalindwe ngazo ukubalwa kwabantu ezweni lonke okulandelayo nokuthatha iminyaka eyishumi ukuba kuphindwe, abakwa-Statistics South Africa baye benze izilinganiso zesikhathi esiyiminyaka emihlanu zezibalo zabantu baseThekwini. Lezi zibalo zenziwa ngokubheka izilinganiso zokuzalana kwabantu, isikhathi abantu abasiphilayo, izibalo zabantu abashonayo, i-HIV/AIDS kanye nokuhamba kwabantu kule lizwe befudukela kwamanye amazwe. Lezi zibalo eziyizilinganiso ezikuleli thebula elilapha ngenzansi zikhomba ukuthi isibalo sabantu baseThekwini sizokhula ngo-175 000 phakathi kuka-2016 no-2020 nokuzokwenza ukuba babe yizigidi ezingu-3.85 sebebonke.




Uhlelo Lwentuthuko Edidiyelwe (IDP) 2019/20

	2016	2017	2018	2019	2020
Isibalo sabantu	3,677,575	3,723,435	3,767,939	3,811,167	3,853,278

Ithebula 1: Isilinganiso sesibalo sabantu baseThekwini
Umthombo: Stats SA, 2016


Ngaphezu kwalezi zilinganiso zesikhathi esifushane zokubalwa kwabantu ezenziwa abakwa-Stats SA, kuphinde kwenziwe nocwaningo lomphakathi maphakathi nezikhathi zokubalwa kwabantu ezweni lonke kanti lolu cwano ngolwango-2016 lukhombise ukuthi abantu baseThekwini bayizigidi ezingu-3.7.



Umdwebo 2: Izibalo zabantu baseThekwini
Umthombo: Stats SA, 2016


EThekwini abesifazane baphila isikhathi eside kunabesilisa njengoba kubonakala kulo mdwebo ongenhla okhombisa ukuthi kunesibalo esikhulu sabesifazane kunabesilisa eminyakeni yobudala esukela ku-50 kuya phezulu. Izibalo eziqhathanisa ngokobulili kubantu baseThekwini zikhombisa ukuthi esibalweni samadoda angu-96 kunabesifazane abangu-100.

Imidwebo 3 no-4 ngezansi ikhombisa inani labantu kanye nobuhlanga kanye nokuhlukahlukana ngokwesifunda ngasinye kuMasipala.



Umdwebo 3: Izibalo zabantu eThekwini ngokwesifunda
Umthombo: Stats SA, 2011

Abantu abahlala endaweni kaMasipala bahlanganisa abantu abahlukahlukene ngokobuhlanga. Iningi labantu lingabantu bomdabu (74%) abalandelwa umphakathi waseNdiya (17%), umphakathi omhlophe (7%), umphakathi wamaKhaladi (2%) kanye nezinye izinhlanga (0.4%).



Umdwebo 4: Ukwakheka komphakathi waseThekwini
Umthombo: Statistics SA, 2011

1.2 IZINSELELO ZOKUTHUTHUKISWA KWENHLALO

Enye inselelo ebhekene noMasipala eyokukhulelwa kwentsha ngenxa yengcindezi abayithola kontanga. Kwezinye izikhathi izimo ezinzima zempilo ziba nomthelela lapho amantombazane ekhuleliswa khona ngamadoda anemali ngoba enethemba lokuthi azowondla futhi ondle nengane. Ucwangingo oselwenziwe ngenselelo yokukhulelwa kwentsha kanye namantombazane asafunda ezingeni likaMasipala aluluningi neze kanti imiphumela etholakele ikhonjiswe lapha ngenzansi kwiThebula 2. Le miphumela ikhomba izimo zenhlalo nosikompilo njengokuthobela imigomo yosikompilo eqondene nobulili elindelekile emindenini noma emiphakathini kanjalo nezinkolelo ezimayelana nobulili nalokho okulindelekile kumuntu uma engowobulili obuthile emiphakathini wakhe. Lokhu kungezinye zezinto ezihlonzwe njengezinemithelela ekukhulelweni ngaphambi kwesikhathi kwamantombazane.



Uhlelo Lwentuthuko Edidiyelwe (IDP) 2019/20

ISIFUNDA	Gr3	Gr4	Gr5	Gr6	Gr7	Gr8	Gr9	Gr10	Gr11	Gr12	TOTAL
PINETOWN		2	5	17	17	98	176	305	362	291	1 273
UMLAZI				13	25	47	132	261	317	277	1 072
PROVINCE	7	19	40	129	313	842	1775	3351	3965	3284	13 725

Ithebula 2: Izibalo zabafundi abakhulelwe ngokwezifunda ngo-2011
Umthombo: Umnyango Wezenhlalakahle waKwaZulu-Natali, 2011

1.3 UKUSETSHENZISWA KOMHLABA, UKWAKHIWA NOKUHLELEKA KWENDAWO KAMASIPALA

UMthetho Wezinhlalo Zomasipala, uMthetho No.32 ka-2000 (MSA) kanye noMthetho Wokuphathwa Kwezindawo Nokuphathwa Kokusetshenziswa Komhlaba (SPLUMA, uMthetho No.16 ka-2013), owaqala ukusebenza ngoJulayi 2015, udinga ukuba uMasipala ngamunye ube noHlelo Lwentuthuko Edidiyelwe (IDP) kanye noHlelo Lokuthuthukiswa Kwezindawo Zomasipala (SDF) ukuze lusebenze njengethuluzi lokuguqula ohulumeni basekhaya kanye nokuphathwa kwezintuthuko endaweni engaphakathi kwemingcele yomasipala. I-SDF kaMasipala isebenza njengomhlahlandlela wokusetshenziswa komhlaba, izinto ezibekwe eqhulwini kanye nokuhlinzekwa kwengqalasizinda kuMasipala ukuze kufezeke umbono, imigomo nezinhloso ze-IDP kaMasipala. I-SDF kaMasipala imele umbono wesikhathi eside (iminyaka engu-20 nangaphezulu) futhi iyisisekelo sesikhathi eside okwakhelwa phezu kwaso i-IDP ebuyekezwa njalo emva kweminyaka emihlanu.

1.4 IMVELO

Yize noma kule minyaka eyikhulu eyedlule bebaningi abantu abasizakele ngokuguqulwa kwezindawo obekungezemvelo zibe yizindawo ezisetshenziswa abantu kanye nangokusetshenziswa kwezinsiza ezitholakala emvelweni, lokhu kwenzeka ngendlela eyilimaze kakhulu imvelo, enciphise izinsiza ezitholakala kuyona futhi ehlele esimweni lapho abantu abanengi bazithole bephila impilo yobuphofu (Millennium Ecosystem Assessment, 2005). Imvelo yeTheku nayo ikhahlamezeke kakhulu ngenxa yokuguquka kwendawo okumila kuyona izitshalo ezithile zemvelo nokuphila kuyona izilwane nezilwanyana ezithile, ngenxa yezilwane nezitshalo zokufika, ngenxa yokusetshenziswa ngokweqile kwezinsiza ezitholakala emvelweni (njengokumbiwa ngokungemthetho kwesihlabathi) kanye nangenxa yokunokubezeka kwemvelo.

1.5 UKUGUQUKA KWESIMO SEZULU

Ukuguquka kwesimo sezulu sekudale futhi kuzoqhubeka nokudala izinselelo eziningi kuMasipala weTheku. Lezi yizinselelo ezifana nemiphumela enjengamazinga aphakeme okushisa, isimo esibi sezulu (isib. izikhukhula nesomiso), ukwenyuka kokuphakama kolwandle kanye nokuguququka kwesimo sezulu. Kungathekiselwa ekuthini unyaka ka-2065 uyofika amazinga okushisa eThekwini esenyuke ngo-1.5°C no-2.5°C bese kufika u-2100 esenyuke ngo-3.0°C nango-5.0°C. Izinguquko ezibikezelwayo emvuleni ngonyaka zikhomba ukuthi u-2065 uyoshaya imvula seyenyukile okungaze kufinyelele ku-500mm ngo-2100.

1.6 ISISI SEKHABHONI ESINGCOLISA UMOYA ETHEKWINI: 2010 - 2014

Year	Government Emissions	Community Emissions	Total Emissions	% Change	% Change from 2010 Baseline
Yr 2002	1 047 000	18 890 000	19 937 000		
Yr 2003/2004	1 247 000	18 890 000	20 137 000	1.0%	
Yr 2005/2006	1 118 061	21 413 906	22 531 967	11.9%	
Yr 2010	1 104 212	25 962 074	27 066 285	20.1%	
Yr 2011	1 551 420	26 097 979	27 649 400	2.2%	2.2%
Yr 2012	1 526 431	27 833 965	29 360 395	6.2%	8.3%
Yr 2013	1 450 928	27 290 630	28 741 558	-2.1%	6.2%
Yr 2014	1 586 674	27 505 329	29 092 003	1.2%	7.5%

Ithebula 3: Isisi sekhabhoni iminyaka ilandelana kuMasipala weTheku
Umthombo: Energy Office, eThekweni Municipality, 2010

Njengoba kubonakala kuleli thebula (ngaphandle kwango 2013, lapho lesi sisi sehla khona ngo-2.1%), lesi sisi siya ngokwenyuka endaweni kaMasipala. Lezi zibalo ezikwi-GHG Inventory ka-2010 yizona okususelwa kuzona lezi zeminyaka elandelayo ngoba indlela yokuqoqa ulwazi kanjalo nokubikwa kwemiphumela yalokho okutholakele yachazwa kahle ngokwendlela yesimanje yokwenzenjalo kusukela kulowo nyaka. Kepha ukuqoqwa kweminingwane yalesi sisi endaweni kaMasipala yinto eyaqala ngonyaka ka-2002.

1.7 UCWANINGO NGEMISEBENZI EHLINZEKWA UMASIPALA NESIMO SENHLALO

Ukuze kutholakale izimvo nemibono eyiyonayona yezakhamuzi zaseThekweni ngemisebenzi eziyihlinzekwa uMasipala, umnyango wakwa-Research and Policy Advocacy kuMasipala weTheku (phambilini owawubizwa nge-Corporate Policy Unit) wenza ucwaningo lokuthola lezi zimvo minyaka yonke. Kubalulekile ukuthi abathatha izinqumo kuMasipala baziqonde kahle izimvo zezakhamuzi ngezimo eziphila ngaphansi kwazo nangendawo ezihlala kuyona, ukweneliseka kwazo ngomsebenzi owenziwa uMasipala kanye nokweneliseka kwazo ngamazinga empilo yazo.

1.8 UMNOTHO

Izinga lokungasebenzi eThekweni lenyuke lafika ku-27.1% ngekota yesibili (Q2) ka-2018 lisuka ku-26.7% ngekota yokuqala (Q1) ka-2018. Kubalulekile ukuqaphela ukuthi isilinganiso sabasebenzi abasesigabeni seminyaka yabantu okufanele ukube bayasebenza senyuke kancane ngokungatheni ngo-0.4% (kusuka ku-45.8% ukuya ku-43.1%) kwase kuthi isilinganiso sabantu abasebenzayo sona sehla (sisuka ku-59.31% saya ku-59.1%) ngesikhathi esifanayo, okukhombisa ukuthi baningi abantu abafuna umsebenzi futhi amathuba okuthola umsebenzi wona ehle. Umkhakha womnotho ohlinzeka abantu ngamasevisi athile njengawemisebenzi yomphakathi, awezezimali, uhwebo, njl. yiwona omkhulu kunayo yonke emnothweni bese ulandelwa owokukhiqiza. Ngokwezinga lamakhono, ingxenye enkulu kunazo zonke yabasebenzi iqashwe ezingeni elinolwazi oluthe xaxa olulandelwa ngabanamakhono aphantsi.

ITheku selihambe ibanga elilibeka phambili emkhakheni wezokuthutha nowezokuxhumana uma liqhathaniswa namanye amadolobha amakhulu. Ubufakazi obukhonjiswa nguRobbins (2017) buveza ukuthi ukukhula



Uhlelo Lwentuthuko Edidiyelwe (IDP) 2019/20

kweTheku emkhakheni wezokuthutha nowezokuxhumana kuyakwedlula okwamanye amadolobha. Lokhu kufakazelwa nawulwazi olutholakala kwi-LinkedIn olukhombisa ukuthi ngokwamakhono nemisebenzi ekhangisiwe, umkhakha wezokuthutha nowezokuxhumana weTheku mkhulu kakhulu kunowamanye amadolobha akuleli kanye nawakwamanye amazwe, kanti nomkhakha walo wokukhiqiza awumncane neze. Ibuye ikhombise nokuthi iKapa lihamba phambili emkhakheni wezezitolo, wezokuvakasha, wokuzijabulisa kanye nowezokwazisa kanti iGoli lona lihamba phambili kowezezimali, owobuchwepheshe bezokuxhumana kanye nowokuzijabulisa. Lokhu kuphinde kubonakale uma kuqhathaniswa isakhiwo nokwakheka komnotho weTheku kanye nowamanye amadolobha. Uma iTheku liqhathaniswa neGoli kuyabonakala ukuthi iTheku lingcono kuphela kwezokuthutha (ezokuthutha, ezokugcinwa kwempahla nokuxhumana) kanye nokukhiqiza njengoba le mikhakha imikhulu eThekwini (uma kuqhathaniswa nobukhulu bomnotho walo) kunaseGoli.

1.9 USHAKA MARINE WORLD

"Izinhloso ezimbili ezisemqoka zeShaka Marine World, ezishicilelwe kusomqulu kaMasipala wokusungula le ndawo, ukuthi uShaka Marine asebenze:

- njengesakhiwo sokukhuthaza ukuvuselelwa kwePhoyinti nendawo eseduzane nayo; kanye
- nokuba yindawo yezokuvakasha esezingeni eliphezulu edolobheni laseThekwini nasesifundazweni sonke.

Umbono wethu umi kanje: **"Ukufundisa ngokulondoloza ngendlela emnandi, enikeza ulwazi futhi evula amehlo!"**

Lezi zinhloso eziyisishiyagalombili ezilandelayo yizona eziwumgogodla wokufezekisa leli phupho lethu:

- Ukuba yipaki yalolu hlobo esebenzayo, egcinwe kahle futhi ephephile ehlangabezana nazo zonke izimiso ezibekiwe;
- Ukuphathwa kwazo zonke izivakashi ezifika kule paki ngendlela esezingeni eliphezulu;
- Ukuqikelela ukuthi bonke abeza kule ndawo bayayithakasela futhi nendlela abaphathwa ngayo isezingeni eliphezulu ukuze bande abantu abayivakashelayo;
- Ukwakha ibhizinisi eliphendulayo ngokuphathwa nokusetshenziswa kwezimali futhi eliyoba khona nangomuso;
- Ukwandisa izindlela ezingenisa imali ukuze le ndawo isimame ngakwezezimali;
- Ukuqinisekisa ukuthotshelwa kwemithetho nokuphatha ngendlela efanele;
- Ukwakhiwa kwesisekelo sokukhula, ukunikwa amathuba nokuthuthukiswa kwamakhono; kanye
- Ukuhlinzeka izivakashi ngezinto ezehlukahlukene, ezijabulisayo futhi ezihambisana nezimiso zokongiwa kwemvelo.

1.10 ICC DURBAN


Yavulwa ngowayenguMengameli wezwe uDkt. Nelson Mandela ngo-1997, Inkosi Albert Luthuli International Convention Centre yisakhiwo sokuqala salolu hlobo eNingizimu Afrika futhi sivule indlela yezakhiwo zokusingatha imicimbi esezingeni lamazwe omhlaba kusukela ekuvulweni kwayo. I-Durban ICC iyisakhiwo sikaMasipala weTheku futhi yakhiwe eThekwini, eNingizimu Afrika.

Le ndawo ihlanganisa iDurban International Convention Centre, i-Durban ICC Arena kanye ne-Durban Exhibition Centre, okwenza ibe yindawo enkulu kunazo zonke zokwenza imicimbi e-Afrika.

Le nkampani yabunjelwa ukufeza imigomo emibili okuwukuba nomthelela ekufukuleni impilo yabantu baseThekwini kuthi ngaleso sikhathi ibe isebenza ngendlela enobuqotho futhi eyenza inzuzo. Kusukela ekuvulweni kwaso ngo-1997, lesi sikhungo esiyinqayizivele sesiqede iminyaka engu-21 yokusebenza

ngempumelelo futhi savulela indlela nezinye izikhungo zalolu hlobo eNingizimu Afrika futhi saba ngesokuqala ezweni ukuletha imicimbi yamazwe ngazwe kuleli.


Ingu-456 (njengoba kuboniswe kuMdwebo 5 ngezansi) imicimbi ebanjelwe eDurban ICC ngonyaka ka-2017/18. Imicimbi yezinkampani ilinganiselwa ku-39% yemicimbi ebanjelwe eDurban ICC, ilandelwe ngekahulumeni ngo-25%, izinhlango ng-20% kanye nezangasese ku-16%.



Umdwebo 5: Isibalo semicimbi ngokwemikhakha
Umthombo: Durban ICC Annual Report, 2018

1.11 EZEMPILO

Imininingwane yokugula nokufa kwabantu abasendaweni kaMasipala waseThekwini (EMA) ikhombisa inselelo enkulu yokufa kwabantu abakhulelwe/ababelethayo kanye nabantwana, izifo ezidalwa yindlela abantu abaphila ngayo (ezingathathelani) ukwenyuka okwethusayo kwesibalo sezingozi nokulimala kanye nokuqhubeka nokubhebhethaka kwezifo ezithathelanayo (ikakhulukazi i-TB ne-HIV/AIDS) kanye nomthelela lezi zinto ezibe nawo ekunciphiseni isikhathi esiphilwa abantu abasendaweni engaphansi kukalo Masipala.



Umdwebo 6: Izimbangela eziyishumi eziholela ekunciphiseni kweminyaka yokuphila
Umthombo: Health Systems Trust, 2016/17

1.12 UKWAKHIWA KWENGQALASIZINDA

UMasipala weTheku uyaqhubeka nemizamo yokwenza okusemandleni akhe ukwakha ingqalasizinda nokuqeda ukusilela emuva okukhona. Izibalo zakamuva ezikhonjiswe kuThebula 4 lapha ngenzansi ziyakhombisa ukuthi kungakanani ukusilela emuva ekuhlinzekweni kwabantu ngengqalasizinda:

Isidingongqangi	Ukusilela emuva kwamanje (izibalo mhla zingama-31 March 2019)	Izibalo zokwenziwa uMasipala ngonyaka	Isikhathi esibekelwe ukuqeda ukusilela emuva kuye ngobukhona bezimali ezabelwa lokhu njengamanje*
Izindlu zangasese/ukuthuthwa kwendle	123394	8000-10000	12-15 weminyaka
Ugesi	220432	8000-14000	16-28 weminyaka
Ukuqoqwa kukadoti	0	1500-2000	0 weminyaka
Amanzi	20345	2000-4000	5- 10 weminyaka
Imigwaqo	1046.21 Km	10-15 KM	70-105 weminyaka

Ithebula 4: Ukusilela emuva njengamanje

* - Izikhathi ezibekiwe ezikhonjisiwe zincike ekuqalweni kokufakwa kwezimali/koxhaso

- Kuhambisana nohlelo lokwakhiwa kwezindlu

Umthombo: Umnyango Wezokuhlaliswa Kwabantu, Engineering & Transport, Trading Services, kuMasipala weTheku, 2017

1.13 UKWAKHIWA KWEZINDLU

UMasipala uyaqhubeka nokukubeka eqhulwini ukwakhelwa kwabantu izindlu.

Izibalo zamanje zikhomba ukuthi uMasipala usilele emuva ngezindlu ezingu-385 000 njengoba kukhonjisiwe kuleli thebula:

Isidingongqangi	Ukusilela emuva kwamanje (izindlu zokuhlala) mhla ka-30 Juni 2018	Izibalo zezindlu ezakhiwa uMasipala ngonyaka	Isikhathi esibekelwe ukuqeda ukusilela emuva kuye ngobukhona bezimali ezabelwa lokhu njengamanje*
Ukwakhiwa kwezindlu	385 571	4000-6000	45 - 80 yeminyaka

Ithebula 5: Ukusilela emuva ekwakhiweni kwezindlu

* - Izikhathi ezibekiwe ezikhonjisiwe zincike ekuqalweni kokufakwa kwezimali/koxhaso kanye nokukhula kwesibalo sabantu

Umthombo: Umnyango Wezokuhlaliswa Kwabantu, Engineering & Transport, kuMasipala weTheku

1.14 IZITHUTHI ZOMPHAKATHI

I-Integrated Public Transport Network (i-IPTN) ifaka umzila wesitimela ohamba phakathi kweNyakatho neNingizimu, kusuka eBridge City kuya eSiphingo kanye nemigwaqo eminingi yokuthutha ngamabhasi. UMnyango Wezokuthutha kaZwelonke ubeke imigomo okufanele ilandelwe ekufezekiseni iphupho lohlelo olusha lwezithuthi zomphakathi oluchazwe kusomqulu kahulumeni obizwa nge-National Public Transport Strategy (2007). Lelisu lohlelo olusha lwezithuthi zomphakathi lihlose ukusebenzisa imizila ekhona exhumanisa izithuthi zomphakathi ligxile kakhulu ezindaweni okuxhumana kuzona lezi zithuthi ukuze ande amathuba ezinto nezindlela zokuhamba. I-eThekweni Transport Authority iyona ehlela kabusha ezokuthuthwa komphakathi kuMasipala weTheku ngendlela ehambisana nombono woMnyango kaZwelonke Wezokuthutha.

1.15 UKUPHEPHA (UKULAWULA IZINHLEKELELE NEMILILO NEZIMO EZIPHUTHUMAYO)

ITheku njengoMasipala osogwini onenqwaba yezimboni, usengcupheni yezinhlekelele eziningi zobuchwepheshe, zemvelo, ezidalwa ngabantu nezendawo. Ngakho-ke uMasipala ube esethatha izinyathelo zokunciphisa ingcuphe yalezi zingozi kanjalo nemithelela yazo uma zenzeka. Kulokhu-ke kufundiswa futhi kuqeqeshwe imiphakathi ngalezi zingozi nangokungenziwa ukunciphisa amathuba okuba zehlakale futhi imiphakathi iyalunikezwa usizo uma kunezehlakalo ezinjalo.

1.16 IZINGCUPHE

Okungenani kanye ngonyaka, uMasipala wenza ucwaningo lwezinto eziyingcuphe abhekene nazo ngaphakathi kuMasipala kanye nengaphandle okungenzeka zimphazamise ekufezeni izinhloso zakhe esebenzisa i-Enterprise Risk Management (ERM). Le ndlela ifaka ukuhlonza, ukuhlaziya nokuhlawumbisela ubungako bengcuphe. Umnyango wakwa-Enterprise Risk and Advisory Services yiwona ohamba phambili ekwaxhiweni kwenqubomgomo kanye nezinyathelo zokudambisa, ukwehlisa umthelela kanye/noma amathuba engcuphe futhi uphinde weluleke, unike nemihlanhlandlela ngalesi sihloko kuwo wonke uMasipala.



Umdwebo 7: Risk Culture vs Risk Maturity
Umthombo: Internal Audit, kuMasipala weTheku

1.17 UBELELESI

Umqulu wamalungelo abantu yiwona mgogodla wentando yabantu eNingizimu Afrika. Ngakho-ke uhulumeni kufanele ahloniphe, avikele, aqhakambise futhi afezekise amalungelo abantu. Lo mqulu uthi, “wonke umuntu unelungelo lokuba kungabi khona ludlame olubhekiswa kuyena noma ngabe olwaluphi uhlobo futhi noma ngabe luvela komunye umuntu noma kuhulumeni”. Umbiko wombutho wamaphoyisa ezwe (SAPS) ophuma njalo ngonyaka uhlaziya izinhlobo zobugebengu ezinodlame (ubugebengu obubhekiswe kumuntu), obuhlobene nalobu, obuthinta impahla, ubugebengu obutholakele ngenxa yomsebenzi wamaphoyisa, obunye ubugebengu obunzima okubandakanya nezinhlalo zokuqola. Lo mbiko unikeza izibalo zesikhathi seminyaka eyishumi uphinde ubheke ubugebengu obuthathu obubekwe eqhulwini, okungukugqokezwa kwemizi, ukubanjwa inkunzi kwamabhezini nokudunwa kwezimoto. Embikweni ka-2017 lo bugebengu babikwa eziteshini zamaphoyisa ezingu-44 endaweni kaMasipala weTheku. Lo mbiko uphinde ukhulume ngezinhlalo ezintathu zobugebengu obunodlame olubhekiswe kubantu: Ukushaya, ukuhlukumeza ngokocansi nokubulala.

1.18 UKUDLA OKWANELE

UMasipala uqale izinhlelo ezimbalwa ukwelekelela ukulwa nokungabi bikho kokudla okwanele. Lezi zinhlelo zifaka ukubunjwa kwezakhiwo ezizokhuthaza ulimo, ukufuywa kwezinkukhu nezinhlazi, iphrojekthi yokutshalwa kukabhontshisi wesoya, amapulazi eseka umphakathi, izingadi zomphakathi, iphrojekthi yamakhwe lapho eqhathaniswa nokutshala emanzini hhayi emhlabathini, njll. Imiphakathi yesekwa ngomquba, umanyolo, ngezindawo zokugcina imbewu noma isivuno, ukubiyela, izindlu zangasese, amanzi kanye nangamathuluzi okusebenza.

1.19 UKUPHATHWA KWEZIMALI

Isimo sezimali kuMasipala sihle kakhulu. Emkhakheni kamasipala, izinkomba ezibalulekile zalokhu kuba umbono woMcwaningimabhuku-Jikelele kanye nezinga lowo masipala obekwa kulona lokufanela ukwebolekwa imali. Mayelana nalokhu, uMasipala waseThekwini wathola umbiko ongenasici woMcwaningimabhuku maqondana nonyaka ka-2015/2016 kanye nongenacashaza ngo-2016/2017 no-2017/2018.

UMasipala uphinde wakwazi ukusebenzisa imali engama-R5.3 billion (kubandakanya nokwakhiwa kwezindlu). Kodwa-ke nangaphezu kokusebenza kanzima ehlinzeka abantu ngezidingo kule minyaka engamashumi amabili edlule, kusekhona ukusilela emuva. Ngakho-ke uMkhandlu uzoqhubeka nokudinga imali eningi yemisebenzi emikhulu nokuzokwenza ukuba aqhubeka nokuboleka imali ngendlela eyephusile.

1.20 UKUPHATHA NGENDLELA EFANELE

Kule minyaka emihlanu eyedlule uMasipala usehambe ibanga elide ukuqinisekisa ukuphatha ngendlela efanele. Kube khona ukwamukela ukuthi ukulalela nokusukumela lokho okushiwo abantu iyona ndlela yokuqinisekisa ukuthi uMkhandlu uba nguhulumeni wabantu ngempela futhi okwazi ukuguqula izimo abaphila ngaphansi kwazo zibe ngcono. Mayelana nalokhu uMasipala uqale izinhlelo eziningi ezizomsiza ukuba ezwe ukuthi bathini abantu ukuze akwazi ukusukumela lokho abakudingayo futhi aqinisekise ukuthi izinqubomgomo azakhayo ziyahlangabezana nezidingo zezakhamuzi zaseThekwini.

IZINHLELO ZOKUQIKELELA UKUBAMBA IQHAZA KOMPHAKATHI

Lezi zinhlelo zifaka uhlelo lukaMasakhane, ukwakhiwa kwezinhlelo nezithangami zokubonisana nokubanjiswene nabo, ukuhlela okugxile emawadini, amakomidi amawadi, abaholi bomdabu, Operation



Uhlelo Lwentuthuko Edidiyelwe (IDP) 2019/20

Sukuma Sakhe (OSS), uhlelo lokweseka abangavikelekile ukubakhuza ukuba babambe iqhaza emiphakathini yabo.

1.21 UBUCHWEPHESHE BOKUXHUMANA

Imiphumela yokubalwa kwabantu kuka-2011 ikhombisa ukuthi u-58.8% wabantu awukwazi ukuthola i-internet, u-11.7% uyithola ekhaya bese kuthi u-19.1% uyithole kumaselula. Ucwango lomphakathi luka-2016 lukhomba ukuthi u-0.3% wezakhamuzi kuMasipala weTheku zisebenzisa izingcingo zasendlini kuphela, u-83% usebenzisa amaselula bese kuthi u-14.6% ukwazi ukukusebenzisa kokubili, ucingo lwasendlini kanye neselula.

Lezi zibalo zingacozululwa kanje:

- U-9% une-internet ekhaya
- U-21.4% une-internet ehovisi
- U-52% usebenzisa iselula noma obunye ubuchwepheshe obuphathekayo ukungena kwi-internet
- U-15% usebenzisa izikhungo zemfundo noma ama-internet cafe ukungena kwi-internet

1.22 IZINSELELO EZIHLANGANISIWE NGOKWEMIKHAKHA

Lolu hlaziyo-simo olungenhla olusezingeni eliphezulu oludidiyelwe luveza ukuthi lezi ngezinye zezingqinamba ezihlonziwe ezisaqhubeka nokuba inselelo enkulu ebhekene noMasipala.

Ukungeneli kwezimali ezitholakalayo ukubhekana nokusalela emuva okukhulu ekuletheni izidingongqangi – Ukungakhoni kwemindeni entulayo ukukhokhela izidingongqangi ngenxa yokungasebenzi kanye nangenxa yobuphofu – Ukushoda komhlaba osendaweni ekahle ozosetshenziselwa ukuhlalisa abantu – Uhlelo lwezithuthi zomphakathi luyabiza kanti futhi ludala ukuncintisana okungenasidingo phakathi kwezitimela namabhasi okudala ukuba zombili lezi zithuthi zingayenzi inzuzo.

Iningi lezakhamuzi kuMasipala weTheku lanelisekile ngezidingongqangi elizithola kuMasipala, kepha ukweswelakala kwemisebenzi, ububha kanye nokungabi nayo imali kuyinselelo enkulu – Isibalo esikhulu sezinkinga zenhlalo njengokukhululelwa kwezingane ezincane, ukugxila ezidakamizweni nasotshwaleni.

1.23 UCWANINGO OLUDIDIYELWE LOKUTHOLA LAPHO UMASIPALA EMANDLA KHONA, LAPHO KUXEGA KHONA, AMATHUBA AKHONA KANYE NENGCUPHE ABHEKENE NAYO

Intuthuko nezinguquko kuMasipala

Lapho uMasipala emandla khona

- Ubuholi bukaMasipala obuqinile
- Izinhlaka zikaMasipala ezisebenzayo
- Isakhiwo esibhekela izidingo zemiphakathi
- Ochwepheshe bezokuhlela ezingeni lewadi abanekhono
- I-IGR iyasebenza
- Lakhona uhlelo lokuthuthukiswa kwamakhono olwenzelwa abasebenzi

Lapho exega khona

- Izinhlelo zokuthuthukiswa kwamakhono eziqondaniswe nabahlali nomphakathi
- Izikhala zomsebenzi ezingagcwalisiwe
- Ukungeneli kwezindlela zokuphatha ezibhekelela yonke iminyango kuMasipala
- Ukusetshenziswa kwezinhlelo ezimbili zokuphatha emkhakheni we-ITB



Uhlelo Lwentuthuko Edidiyelwe (IDP) 2019/20

<p>Amathuba</p> <ul style="list-style-type: none"> • UMasipala unawo amakhono futhi uyakwazi nokwakha izinhlelo zabahlali nezakhamuzi • Abasebenzi abathe xaxa ngobuningi • Unalo isu lokuqikelela ukulingana ekuqashweni ukuqinisekisa uguquko emsebenzini • Ithuba lokwenza ngcono nokuqinisa ubuholi ngokugcwalisa izikhala zomsebenzi ezingagcwalisiwe • Ukuthuthukisa amakhono abafundi bezikhungo zemfundo ephakeme abaqeda ukuphuthula izifundo zabo ngokwandisa amathuba okubathatha bacijwe amakhono ngaphakathi kuMasipala 	<p>Izingcuphe</p> <ul style="list-style-type: none"> • Inkohlakalo nokukhwanisa kungakukhubaza ukufezwa kwezidingo • Ukwehla kwesibalo sabasebenzi • Ukudikibala nokulahla ithemba ohlelweni lokuphatha • Ukungabibikho kwezimali ezenele zokuqhuba izinhlelo zomphakathi • Izinhlelo zokubamba iqhaza komphakathi ezenzelwe ukuthobela umthetho nje kuphela • Izinhlelo zokubamba iqhaza komphakathi ezilawulwa abasemandleni
<p>Ukuhlinzekwa kwabantu ngezidingongqangi nengqalasizinda</p>	
<p>Lapho uMasipala emandla khona</p> <ul style="list-style-type: none"> • Ingqalasizinda eqinisekisa ukufezwa kwezidingo ngokuyikho ezindaweni ezakhele idolobha • Izidingongqangi ezenele ezindaweni ezakhele idolobha • Ubulula bokuhamba nokutholakala kwezidingongqangi • Ukwakhelwa kwabantu izindlu okushaya emhloneni • Isizinda semvelo esenele 	<p>Lapho exega khona</p> <ul style="list-style-type: none"> • Ukungeneli kwezimali • Ukuthutheleka kwabantu edolobheni okungamiyo • Izinga eliphezulu lokwesweleka kwemisebenzi • Ukuxhuma ngokungekho emthethweni nokungazikhokheli izidingo ezitholakala kuMasipala • Izinhlelo ezilawula ezokuthenga kuMasipala ezithatha isikhathi eside • Ubunzima ekuhambiseni izidingo emakhaya ngenxa yobukhulu bendawo nokugqagqana kwemizi
<p>Amathuba</p> <ul style="list-style-type: none"> • Ukutholakala okungconywa kwamathuba omnotho • Amathuba amasha otshalomali ahlonzwayo • Abasebenzi abanamakhono nolwazi ukuqinisekisa ukuhlinzekwa kwabantu ngezidingo • Ukukwazi ukuthola ezinye izimali zoxhaso • Likhona uhlelo lokuphathwa kwempahla • Ukuqalwa kwe-IDMS • Uhlelo lokuphatha olugxile ezindaweni ezithile ezihlonziwe olubizwa nge-ABM olukulungele kakhulu ukuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya 	<p>Izingcuphe</p> <ul style="list-style-type: none"> • Ububanzi bendawo nokugqagqana kwezakhiwo kuyakuvimba ukulethwa kwezidingo ngokuyikho • Izimfanelo ezingenele zokubhekana nesibalo sabantu esikhuphuka ngesivinini • Ukuxhuma ngokungemthetho • Ukungefani kokuma kwendawo edolobheni kukhubaza ukulethwa kwezidingo kubantu • Ukwandiswa kwezakhiwo endaweni encane ikakhulu emhlabeni wamakhosi • Ukwanda kwemijondolo
<p>Ukusimama ngakwezezimali nokuphathwa kwezimali</p>	
<p>Lapho uMasipala emandla khona</p> <ul style="list-style-type: none"> • Ubuholi bukaMasipala obuqinile • Izinhlelo zikaMasipala ezisebenzayo kanjalo nezinyathelo zokulawula • Isakhiwo esibhekela ukubamba iqhaza komphakathi kwezezimali • Abasebenzi abanamakhono nolwazi emnyangweni wezezimali 	<p>Lapho exega khona</p> <ul style="list-style-type: none"> • Izimali ezingenele ukuqinisekisa ukuthi wonke umuntu uyawathola amasevisi • Iminyaka yezimali engefani kuhulumeni wezwe, owesifundazwe nowendawo • Ukulahleka kwamanzi • Uhlelo lokusingathwa kwama-akhawunti oselubheke emaphethelweni okusebenza kwalo



Uhlelo Lwentuthuko Edidiyelwe (IDP) 2019/20

<ul style="list-style-type: none"> • Ukukwazi kweminyango yezezimali ukusabalalisa ukusebenza kwayo lapho iminyango eyisizayo idinga usizo olwengeziwe • Ukuba negama elihle futhi eliya ngokuya liba lihle kakhulu kubablekisi ngezimali • Zikhona izinyathelo zokunciphisa ukusaphazwa kwemali futhi ziyalandelwa • Ikhona imigomo eqinisekisa ukusimama ngakwezezimali 	<ul style="list-style-type: none"> • Amathuba angenele okungenisa imali ngenxa yesimo esixegayo somnotho
<p>Amathuba</p> <ul style="list-style-type: none"> • Ukukhula nokwanda kwezimboni kwenza ngcono imali engena ngamarates • Uhlelo olusha nolungcono lokusingathwa kwama-akhawunti abantu abanawo noMasipala • Ukubekwa eqophelweni elingcono lokweboleka imali • Ukwaziswa kwabantu okungamiyo ngemizamo yokuqikelela ukuthi imiphumela yokuhlolwa kwamabhuku kuba engenacashaza • Ukusebenza ngendlela okuyiyo engcono eqhathaniswa nabanye oMasipala abangama-Metro • Amaphrojekthi amakhulu okukhuthaza ukukhula komnotho akha amathuba okwandisa imali engena ngama-rate 	<p>Izingcuphe</p> <ul style="list-style-type: none"> • Izinga elenyukile lokweboleka kuMasipala • Izimali ezingenele zokuqhubeka nengqalasisinda yokuhlinzekwa kwabantu ngezidingongqangi zamahhala • Ukungakhokhelwa kwamasevisi • Imali engenayo evela ezigabeni ezehlukene kakhulu kusuka kwabahola ubala kuya kwabahola kakhulu • Izinselelo ezingeni lomnotho wezwe ezinomthelela ekukwazini kwabantu ukukhokhela ama-rate nezinye izintela, isib. Ukwenyuka kwentengo kaphethiloli
<p>Intuthuko yomnotho endaweni</p>	
<p>Lapho uMasipala emandla khona</p> <ul style="list-style-type: none"> • Ukutshalwa kwezimali okwenyukile ekuthuthukisweni komnotho wendawo • Ingqalasisinda eyenziwe ngcono ukweseka intuthuko yomnotho endaweni • Izinhlaka zikaMasipala eyenyukayo imali eziyingenisayo • Kuhlonzwe kwathuthukiswa izindawo ezikhuthaza ukukhula komnotho 	<p>Lapho exega khona</p> <ul style="list-style-type: none"> • Ukulandelwa kwezinhlelo zokuthuthukiswa komnotho endaweni ngayinye kuthatha isikhathi • Ukungeneli kwamakhono nezibonelo zokuqhuba ibhizinisi • Ukwethembela kakhulu kuMasipala ukunikeza amathuba entuthuko yomnotho endaweni • Amathuba entuthuko yomnotho endaweni agxile ezindaweni ezingamadolobha • Amathuba entuthuko yomnotho endaweni acikizelayo ezindaweni zasemakhaya
<p>Amathuba</p> <ul style="list-style-type: none"> • Izindlela zokufaka imali kumaphrojekthi okuthuthukisa umnotho ezishaya emhloeni • Izinhlelo zokuthuthukiswa kwamakhono ukwakhela emathubeni entuthuko yomnotho endaweni • Ukudala amathuba omsebenzi nawomnotho • Ukulandelelwa kwesu lokuthuthukisa umnotho nezokuvakasha endaweni ngayinye • Ithuba lokuhlela kabusha amathuba entuthuko yomnotho endaweni ngayinye • Ukwakha ubambiswano nezinkampani ezizimele ukwenza ngcono amathuba okuthuthuka komnotho 	<p>Izingcuphe</p> <ul style="list-style-type: none"> • Anyukile amazinga okwesweleka kwemisebenzi • Ukungabi bikho kokudla okunomsoco okwanele • Ukwenyuka kobelesi, ukungcola nobubha • Ungabazane kubatshalizimali • Ukungaxhumani kwezinhlelo zokuthuthukiswa komnotho kuhulumeni kazwelonke, abezifundazwe kanye nomasipala



Uhlelo Lwentuthuko Edidiyelwe (IDP) 2019/20

endaweni ngayinye	
Ukuqinisekisa ukuphatha ngendlela efanele nokubamb'iqhaza komphakathi	
<p>Lapho uMasipala emandla khona</p> <ul style="list-style-type: none"> • Izikhungo zikaSizakala ezinezimfanelo ezanele • Umnyango osungulelwe ukuqikelela ukubamba iqhaza komphakathi • Uhlelo lokuphatha olusebenzayo • UMasipala onezimfanelo ezanele • Ukuphathwa kwamakhasimende okuseqophelweni eliphezulu 	<p>Lapho exega khona</p> <ul style="list-style-type: none"> • Ukwakheka kwesithombe sokuthi izinto zenziwa ngokufihla futhi akuphendulwa ngokwenziwe • Izikhala ezisemqoka zomsebenzi ezingagcwalisiwe • Ukubamba iqhaza komphakathi kubukeka njengendlela yokugcina umthetho nje • Ukungabi bikho kwezindlela ezanele zokuphendula umphakathi uma kukhona okubuzile
<p>Amathuba</p> <ul style="list-style-type: none"> • Imiphakathi izithola kalula izidingo • Izinhlelo zokuqikelela ukubamba iqhaza komphakathi • Izinhlelo eziqhubekayo zokuqikelela ukuthi umphakathi ubamba iqhaza • I-IGR yakhe ubuhlobo obuhle bokusebenzisana nezinye izinhlelo zikahulumeni • Kunethuba elihle lokusebenzisa izinhlelo ezikhona zabemithombo yezindaba ukunikeza abantu ulwazi • Ukubuyekeza nokubukisisa izinhlelo zokuxhumana ngenhloso yokwenza ngcono izindlela zokwabelana ngolwazi phakathi kukaMasipala nabahlali 	<p>Izingcuphe</p> <ul style="list-style-type: none"> • Ukungathenjwa kwezinhlelo zokuphatha • Ukukhwabanisa nenkohlakalo • Imibhikisho yomphakathi ngokungahlinzekwa ngezidingo • Ukwanda kwesibalo sabantu abadinga izidingongqangi kuMasipala
Ukulelwa kwezindawo nemvelo (okubandakanya nezinhlelo zokubhekelela izibhicongo)	
<p>Lapho uMasipala emandla khona</p> <ul style="list-style-type: none"> • Izinhlelo ezinhle zokubhekana nokuguquka kwesimo sezulu nokunciphisa imithelela yako • Iminyango yezemvelo enezidingo ezanele • AmaSDF, SDPs namaLAP akhiwe kahle • Ukulelela isikhathi eside okwephusile • Imvelo nendawo ebukeyayo • Uhlelo lokusingatha izibhicongo • Amasu okubhekana nezimo eziguqakayo azoba yisisekelo okuzokwakhelwa kusona amasu okuthuthukisa iTheku 	<p>Lapho exega khona</p> <ul style="list-style-type: none"> • Ukusukumela ukuguquka kwesimo sezulu nokuphakama kolwandle • Ezinye izindawo ezihlala imiphakathi ezakhele iTheku zinabantu abambalwa kakhulu • Izindawo zomphakathi kazisetshenziswa ngokuyikho • Ukungabi bikho kokuqinisekiswa kokugcinwa kwemithetho yokuvikelwa kwemvelo kwezinye izindawo zikaMasipala • Ukungabi bikho kwezibalo ezanele zemikhakha yomphakathi ngokwahlukana kwayo maqondana namaprojekthi eminyango • Ukungabi khona kokubumbana ngenxa yemithetho yobandlululo yokuhlaliswa kwemiphakathi ngokuhlukana
<p>Amathuba</p> <ul style="list-style-type: none"> • Izinhlelo zokulelela okuyizonazona ezinabasebenzi abanamakhono • Amaqhinga okudambisa imithelela yokuguquka kwesimo sezulu. • ITheku lifakwe ohlelweni olubekwe ngasekuqaleni ekuhlelelweni kwendawo ezweni nasesifundazweni 	<p>Izingcuphe</p> <ul style="list-style-type: none"> • Izinselelo mayelana nomkhinqizo wolimo • Imithetho ethuntubeza ukuthuthukiswa kwendawo • Ukuthuthukiswa kwendawo okungefani • Amathuba entuthuko amancane kakhulu ezindaweni zasemakhaya



Uhlelo Lwentuthuko Edidiyelwe (IDP) 2019/20

<ul style="list-style-type: none"> • Ukufakwa kokuhlelela izindaba zenhlalomnotho ekuhleleleni ukusetshenziswa komhlaba • Ukubandakanywa okungamiyo yisifundazwe ekuhleleleni nasekubhekaneni nezinhlekelele • Ukubuyekeza lapho iTheku libheke khona ngezokuhlela ngokusebenzisa iKhomishana Yokuhlela kaMasipala • Uhlelo olusha lwezokuthutha luyithuba lokuba kuguqulwe indlela iTheku elihlelwe ngayo 	<ul style="list-style-type: none"> • Ukuguquka kwesimo sezulu nomthelela emvelweni • Izinhlekelele zemvelo • Ukwanda kwezakhiwo nabantu emhlabeni osezindaweni zasemakhaya ongenawo amasevisi • Izindleko eziphezulu zokufuna umsebenzi kanye nemisebenzi ngenxa yokuhleleka kwezindawo
Ukuthuthukiswa komphakathi	
<p>Lapho uMasipala emandla khona</p> <ul style="list-style-type: none"> • Kunezinhlelo ezibhekene nabantu abangavikelekile kanye nokuthuthukisa umphakathi • KunoMnyango obhekene ngqo nentuthuko nenhlalakahle yomphakathi • Kunesu lezokuphepha likaMasipala • UMasipala unezimfanelo ezenele • UMasipala uwahlinzeka ngosizo oluseqophelweni eliphezulu amakhasimende 	<p>Lapho exega khona</p> <ul style="list-style-type: none"> • Alikho isu eliphasisiwe lezenhlalakahle yomphakathi • Ukubanjiswa komphakathi iqhaza ekuthathweni kwezinqumo kuMasipala kubukwa njengento eyenzelwa ukuthobela umthetho nje kuphela • Ukungabi bikho kwezindlela ezenele zokuphendula umphakathi uma kukhona okubuzile • Ukungabi bikho kwezinhlelo ezenele zokulandelela eziqondene nalabo abalashwayo, isib. abalashelwa isifo sofuba • Ukufuduka kwezisebenzi ezinamakhono zisuka kuMasipala ziya kwezinye izindawo
<p>Amathuba</p> <ul style="list-style-type: none"> • Kulula emiphakathi ukuthola izidingongqangi • Izinhlelo ezibhekene ngqo nentuthuko nenhlalakahle yomphakathi kanye nokulwa nobubha • Ukusekela okwanelisayo okuvela emnyangweni wesifundazwe wezenhlalakahle nokuthuthukiswa komphakathi • Izinhlelo eziqhubekayo zokuqikelela ukubamba iqhaza komphakathi • Ukuxhumana nama-NGO ukusiza abangenamakhaya 	<p>Izingcuphe</p> <ul style="list-style-type: none"> • Ukukhwabanisa nenkohlakalo • Izibhelu zabakhalela ukungahlinzeka ngezidingongqangi • Isibalo esikhulu sabafudukela eThekwini abangenawo amakhono adingekayo • Ukwanda kwabahlala emigwaqweni nasezikhungweni zokubakhoselisa • Ukwanda kwabacwila otshwaleni nasezidakamizweni • Ukwanda kwezifo ezingasazweli emithini esetshenziswayo • Ukuthembela kakhulu kwizibonelelo zikahulumeni kazwelonke kanye nezinsizakalo zomphakathi ezinikezwa ngezinhlelo zikamasipala

1.24 IZINSELELO EZISEMQOKA ZE ZENTUTHUKO

Uma sibheka isimo somnotho samanje kanye nenzikamnotho emhlabeni wonke, sekuthathwe izinyathelo ezibalulekile zokubhekana nalezi zinsalelo ezibalulekile zezentuthuko ezilandelayo kuMasipala:

- Isibalo esikhulu kakhulu sabaswele imisebenzi nokudonda kokukhula komnotho
- Amazinga aphezulu obubha
- Izinga eliphansi lokuthuthukiswa kwamakhono nelokufunda nokubhala
- Amazinga aphantsi okuthola izidingongqangi eziyisisekelo emakhaya nasemphakathini
- Ukwanda kwezibalo zabatheleleka nge-HIV /AIDS nezinye izifo ezithathelanayo
- Ukulahlekelwa yimvelo
- Izindlela zokuthuthukisa indawo ezingalibhekeleli ikusasa




Uhlelo Lwentuthuko Edidiyelwe (IDP) 2019/20

- Izinga eliphezulu lobelelesi kanye nobungozi
- Ukuqinisekisa imithombo eyenele yamandla kanye nokutholakala kwamanzi
- Ukuqinisekisa ubukhona kokudla okwenele
- Ukulimala nokuguga kwengqalasizinda
- Ukuguquka kwesimo sezulu
- Ukuqinisekisa ukusimama kwezezimali

ISAHLUKO 2: IMIGOMO EYISISEKELO YOKUHLELA NEYENTUTHUKO

Ukuhlela okusezingeni eliphezulu kuMasipala kulandela indlela eqala phezulu yehlele phansi efaka imiyalelo yenqubomgomo esezingeni lomhlaba wonke jikelele kwehle njalo kuze kuyofinyelele esigabeni sikamasipala njengoba kukhonjisiwe kuMdwebo 8. Ukuqinisekisa ukuthi abantu banawo amathuba abawadingayo ukuze kube khona uguquko oluphelele kwezomnotho, kunciphe ukungalingani ngokwamazinga empilo nangokomnotho, kuvikeleke imvelo futhi kunciphe nokungalingani ngokwezindawo okuhlalwa kuzona konke lokhu kuyingxenye ngaso sonke isikhathi yomshikashika wokuguqula nokuthuthukisa uMasipala. Kusukela ngesikhathi okwaqala ngaso umbuso wentando yabantu, ngoDisemba 2000, uMasipala waseThekwini usuhambe ibanga elide ekuhlinzekeni abantu ngezinsizakalo eziyisisekelo futhi lokhu sekuholele kwenkulu inqubekela phambili ekufezekeni kwephupho lalo Masipala lokuba iTheku kube yilona dolobha okuphileka kulona kalula ukuwedlula wonke amanye e-Afrika. Yize noma uMasipala unerekhodi elihle ekuhambiseni ngempumelelo izinsiza kubantu, umuntu kufanele aqaphele ukuthi zisekhona izinselelo esibhekene nazo futhi lezi zinselelo kumele zisukunyelwe ngendlela enobuchule. UMasipala wenza kahle kakhulu ekuqinisekiseni ukuthi umi kahle ngakwezizimali manje nangomuso futhi ukhuthaza amathuba okukhula komnotho ngendlela engashiyi mkhakha ngaphandle, esabelayo kulokho okushiwo umphakathi, esebenzayo futhi eshaya emhloneni. Ngakho-ke iSahluko 2 kule-IDP yesizukulwane sesine uchaza imigomo esemqoka yenqubomgomo eyisisekelo salokho uMasipala ahlelela phezu kwako.



Umdwebo 8: Strategic Approach to Development
Umthombo: Office of Strategic Management, kuMasipala weTheku

Yize sesikwazile ukuthola nokuhlonza izinqubomgomo ezibalulekile, izinqubomgomo ezintsha kakhulu zezentuthuko (kanjengoba kukhonjiswe kuMdwebo 9 lapha ngenzansi), le mibhalo: Izivumelwano zamazwe ngamazwe, Uhlelo Lwentuthuko Lukazwelonke (NDP), Service Delivery Agreement Outcome 9, Medium Term Strategic Framework 2015–2019, umthetho iSpatial Planning and Land Use Management Act, Isu Lokuthuthukiswa Nokudlondlobala KweSifundazwe kanye nalokho okubekwe eqhulwini eSifundazweni – kuyenatshwa ngakho lapha ngenzansi.



Uhlelo Lwentuthuko Edidiyelwe (IDP) 2019/20



Umdwebo 9: Policy Framework
Umthombo: Office of Strategic Management, kuMasipala weTheku

2.1 IZIVUMELWANO ZAMAZWE NGAMAZWE

2.1.1 IMIGOMO YENTUTHUKO YESIKHATHI ESIDE (SDGs)


Enye yezinto ezibaluleke kakhulu ezaziqikelelwe okwakhelwa phezu kwaso le migomo kwakuwukuthi amazwe kuzodingeka ukuba aqikelele ukuthi kunokubambisana nokubhekelelana phakathi kokwenziwa emkhakheni wezomnotho, wezopolitiki, wezokuthuthukiswa komphakathi kanye nowezemvelo ukuqinisekisa ukuthi le migomo iyafezeka. Yakhelwe phezu kwesisekelo somgomo othi akekho okufanele ashiywe ngaphandle futhi izwe ngalinye linesibopho esifanayo sokuqikelela ukuthi le migomo yamazwe omhlaba ayigcini ngokuba yiphupho nje, kepha iyafezeka. Inhloso yale migomo ukuba kube nombono wentuthuko wesikhathi eside womhlaba wonke futhi owamukelwa emhlabeni wonke ozoholela emhlabeni onobulungiswa, ophephile futhi onentuthuko ebhekelela izidingo zamanje nezangomuso zawo wonke umuntu ophila emhlabeni.



Umdwebo 10: Sustainable Development Goals
Umthombo: UN Habitat

Umsebenzi kuMasipala kule migomo yentuthuko ukuwahumusha nokuwalandela ezingeni lakhe. Umgomo okuyiwona oqondene ngqo nomsebenzi olindeleke komasipala yilowo ongunombolo 11 okhuluma ngokwakha **"amadolobha nezindawo okuhlaliswa kuzona abantu kungakhethi, kuphephe, kumelane nezimo futhi kubhekelele izidingo zamanje nezesikhathi eside"**. kanjengoba kukhonjisiwe lapha ngenzansi.

Umdwebo 11. Imigomo okufanele ibe yisisekelo sezinhlelo namaprojekthi amadolobha awakhayo ayingxenye yama-IDP awo.



Umdwebo 11: SDG 11 Targets
Umthombo: United Nations

2.1.2. I-NEW URBAN AGENDA

I-New Urban Agenda ihambisana kakhulu nomgomo ongunombolo 11 kumdwabo ongunombolo 10 ngaphezulu, ohlose "ukwenza amadolobha nezindawo okuhlaliswa kuzona abantu kungakhethi, kuphephe, kumelane nezimo futhi kubhekelele izidingo zamanje nezesikhathi eside". Okuningi kwi-New Urban Agenda kugxile ekusetshenzisweni kobuchwepheshe obusha nokuqoqwa kwedatha eningi ngangokungenzeka ikakhulu emadolobheni. Ihlinzeka ngomhlahlandlela weminyaka engamashumi amabili wokuhlala indlela yentuthuko yesikhathi eside emadolobheni emhlabeni jikelele. Ngaphansi kohlelo olubizwa nge-Smart Cities, kukhuthazwa ukusetshenziswa kwama-data networks avulelekile ukuze kuhlelwe kangcono futhi kusetshenziswe nobuchwepheshe obusha ukwakha ikusasa lamadolobha. Ngaphezu kwalokhu, kuphinde kwenziwe nemizamo emisha ukusiza amazwe asathuthuka ukuba athuthukise amadolobha awo.

Bonke abaholi kanye namazwe angamalungu eNhlangothi Yezizwe bavumelene ngokuzibophezela okuqinile ukuze kufezuke izinhloso ze-NUA njengoba kukhonjisiwe lapha ngenzansi kuMdwabo 12.



Umdwebo 12: New Urban Agenda Commitments
Umthombo: United Nations

Umdwebo 13 unikeza isithombe esifushane kepha esicacile ngalolu hlelo.



Umdwebo 13: New Urban Agenda – 9 Levers of Change
Umthombo: UN Habitat

2.1.3 ISIVUMELWANO SASE-PARIS NGOKUGUQUKA KWESIMO SEZULU

Isivumelwano saseParis siyithuluzi elibalulekile lokucela izimali, ukwesekwa kwezobuchwepheshe nokuthuthukiswa kwamakhono emazweni asathuthuka, futhi sizosiza ukwandisa imizamo yomhlaba jikelele yokunciphisa umonakalo odalwa wukuguquka kwesimo sezulu kanjalo nokusiza amazwe omhlaba akwazi ukumelana nalolu guquko. Lesi sivumelwano sithathwa njengegxathu elibalulekile emhlabeni jikelele ekwakhaweni kwemigomo nezinhlaka zokubhekana nokuguquka kwesimo sezulu ngaphansi kwe-United Nations Framework Convention on Climate Change (UNFCCC).

Isivumelwano sase-Paris siwuhlaka olubanzi oluzohlala indlela yezinyathelo ezizothathwa umhlaba wonke ukunciphisa isisi sekhabhoni engcolisa umoya kanye nokubhekana nazo zonke izinselelo ezihambisana futhi nezibangelwa ukuguquka kwesimo sezulu. I-C40 Cities Climate Leadership Group yabeka umgomo obizwa nge-Deadline 2020 okuyiwo ozocacisa kangcono futhi uhlahle indlela yokuthi izinjongo eziphokophelelwe zokuncishiswa kwesisi sekhabhoni zizofezeka kanjani, nini, kuye ngomkhakha wedolobha ngalinye, ngaphezu futhi nanjengesinyathelo esilandela iDurban Climate Change Strategy (DCSS).



Uhlelo Lwentuthuko Edidiyelwe (IDP) 2019/20

	Ukwakha izindawo ezihlala abantu ezinentuthuko yesikhathi eside	Idolobha elinomphakathi obumbene	Idolobha elisimeme ngakwezezimali	Ukwakha idolobha eliphephile	Ukwakha idolobha okulula ukufinyelela kulona	Idolobha elivikela imvelo
Isivumelwano sase-Paris						
I-Sendai Framework						
I-Addis Ababa Action Agenda						
Sustainable Development Goals						

Ithebula 6: Development Matrix, Global Sustainability Frameworks
Umthombo: Office of Strategic Management; eThekweni Municipality

2.1.4 I-AFRICAN UNION 2063 AGENDA

Umbono wesikhathi eside we-African Union (iNhlango Yamazwe Ase-Afrika) wokuba “yi-Afrika ehlangene, enokunethezeka futhi enokuthula, indlela yayo ehlahlwa izakhamuzi zayo futhi enamagalelo azwakalayo emhlabeni” udinga bonke abasayinda i-Agenda 2063 basebenze ngokubambisana futhi babe munye. Okungumgogodla wayo ukuze ibe yimpumelelo ukubaluleka kobunye bamazwe ase-Afrika, ukungathembeli kwabanye, kanye nokubambisana.

I-AU Agenda 2063 yakhelwe phezu kwesisekelo sezinjongo eziyisikhombisa, ezimi kanje:

IZINJONGO ZETHU NGE-AFRIKA ESIYIFUNAYO

1. I-Afrika eqhakazileyo eyakhelwe phezu kokukhula okufaka uwonkewonke nentuthuko ehlinzekela izidingo zamanje nezangomuso
2. Izwekazi elihlangene, eliyimbumba kwezombusazwe futhi elibeke phambili ubunye be-Afrika nombono wokuzalwa kabusha kwe-Afrika
3. I-Afrika enokuphatha ngendlela efanele, intando yabantu, ukuhlonishwa kwamalungelo abantu, ubulungiswa kanye nokuhlonishwa komthetho
4. I-Afrika enokuthula nephephile
5. I-Afrika eziqhenyayo ngamasiko ayo futhi enamagugu awodwa ayihlanganisayo njengomndeni owodwa onemigomo ethile oyazisayo
6. I-Afrika lapho intuthuko ihlahlwa khona ngabantu futhi enika amathuba abesifazane kanye nentsha
7. I-Afrika enamandla, ebumbene futhi enezwi elizwakalayo nelihlonishwayo emhlabeni jikelele

2.1.5 ISIVUMELWANO SASE-ADDIS ABABA

I-Addis Ababa Action Agenda iyisisekelo okuzosetshenzelwa phezu kwaso ekulandeleni i-New Urban Agenda. Iyisivumelwano esenziwa amazwe angamalungu eNhlango Yezizwe (UN) angu-193 ayehlanganyele kwinqungquthela yesithathu yeNhlango Yezizwe eyayimayelana nokuxhasa ngezimali intuthuko. Ukuze kufezuke imigomo ye-SDG kanye neye-New Urban Agenda amazwe lawa avumelana ngezinhlelo ezintsha ezibandakanya lezi ezilandelayo ezikhonjiswe kuMdwebho 14 lapha ngenzansi:

The Addis Ababa Action Agenda Agreements

<u>Technology</u>	<u>Infrastructure</u>	<u>Social protection</u>	<u>Health</u>	<u>Climate Change</u>	<u>Foreign aid</u>	<u>Micro, small and medium-sized enterprises</u>
Countries agreed to establish a Technology Facilitation Mechanism at the Sustainable Development Summit in September to boost collaboration among governments, civil society, private sector, the scientific community, United Nations entities and other stakeholders to support the sustainable development goals.	Countries agreed to establish a Global Infrastructure Forum to identify and address infrastructure gaps, highlight opportunities for investment and cooperation, and work to ensure that projects are environmentally, socially and economically sustainable.	Countries adopted a new social compact in favour of the poor and vulnerable groups, through the provision of social protection systems and measures for all, including social protection floors	Countries agreed to consider taxing harmful substances to deter consumption and to increase domestic resources. They agreed that taxes on tobacco reduce consumption and could represent an untapped revenue stream for many countries.	Countries committed to phase out inefficient fossil fuel subsidies that lead to wasteful consumption.	Countries recommitted to achieve the target of 0.7 per cent of gross national income for official development assistance, and 0.15 to 0.20 per cent for least developed countries	Countries committed to promote affordable and stable access to credit for smaller enterprises and pledging for a global youth employment strategy

Umdwebo 14: Agreements of the Addis Ababa Action Agenda
Umthombo: EThekweni Municipality Office of Strategic Management

2.1.6 UMHLAHLANDLELA WASE-SENDAI WOKUNCISHISWA KOBUNGOZI BEZINHLEKELELE KA 2015-2030


Lo mhlahlandlela uyisivumelwano seminyaka eyishumi nanhlanu, okungenwa kusona ngokuzithandela, esingabophi muntu, esithi uMbuso unejoka elikhulu lokunciphisa izinhlekelele, kodwa lomthwalo kufanele kwabelwane ngawo nabanye ababambe iqhaza okubalwa kubona ohulumeni basekhaya, izinkampani ezizimele, nezinye izinhlekelele. Inhloso yawo yile miphumela elandelayo:

Ukwehla kakhulu kwengcuphe yezinhlekelele nokulahlekelwa kwabantu yimpilo yabo, izindlela zokuphila kanye nokulahlekelwa kwabo kwezomnotho, kwinhlalakahle yomphakathi, ngokomzimba, ngokosikompilo kanjalo nemvelo yabo abantu amabhizinisi, imiphakathi kanye namazwe.

2.2 IMIGOMO KAZWELONKE

2.2.1 UHLELO LWENTUTHUKO LUKAZWELONKE (NDP 2030 VISION)

I-National Development Plan (NDP) iwumhlahlandlela wokuthuthukiswa kwesizwe kwesikhathi eside esinganiselwa kwengama-30 ekhombisa indlela okufanele ilandelwe iNingizimu Afrika ukuze ibe yizwe elilandela imigomo yentuthuko. Lolu hlelo luhlose ukuqinisekisa ukuthi bonke abantu baseNingizimu Afrika baphila impilo esezingeni ngokuqeda ububha nokunciphisa izinga lokungalingani okubangelwa izinselelo zomphakathi nezomnotho futhi lugxila ezintweni ezibaluleke kakhulu ezihlonziwe ezikhonjiswe kuMdwebo 15 lapha ngenzansi.



Umdwebo 15: National Development Plan Priority Areas
Umthombo: National Planning Commission

2.2.2 UHLAKA LWENTUTHUKO YEDOLOBHA EDIDIYELWE (IUDF)


I-IUDF iyindlela izwe elisukumela ngayo izinselelo eziphuthumayo zokwanda ngokushesha kwezindawo ezingamadolobha ngokuqinisekisa ukuhlela ngendlela efanele kanti futhi kufanele ibukwe iwukuqhubela phambili iSahluko 8 se-NDP esiphathelene nokuguqula izindawo okuhlala kuzona abantu kanye nomnotho wezwe, kanti futhi iphinde ibe nayindlela yokusukumela izinselelo ezibhekene neNingizimu Afrika iphinde ixhumane nohlelo lwe-NUA kanye nomgomo 11 we-SGG. I-IUDF inemigomo emine kanye nemixhantela yayo eyisishiyagalolunye okuyifeza njengoba kukhonjiswe kuMdwebo 16 lapha ngezansi:



Umdwebo 16: IUDF Goals and Levers
Umthombo: South African Cities Network

2.2.3 UHLAKA LWAMASU LWESIKHATHI ESIPHAKATHI KUKA-2014 NO-2019

Lolu hlaka lwamasu luyicebo likahulumeni elimaqondana nesikhathi esiphakathi kuka-2014 no-2019. Lukhombisa okuzokwenziwa nguhulumeni nokuhloswe ukuba kuzuzwe nokuyizinto ezathenjiswa yiqembu eliwuhulumeni kusomqulu wokukhankasela ukukhethwa, okubandakanya nokuzibophezela ekulandeleni i-NDP. Lunikeza nohlaka lwezinye izinhlelo zikahulumeni wezwe, owesifundazwe nowasekhaya.



Umdwebo 17: 2014-2019 Electoral Mandate Priorities
Umthombo: Office of Strategic Management, eThekweni Municipality

2.2.4 IZIMISO ZOKUHLELWA KWENTUTHUKO

Imithetho, imigomo nemithethonqubo elawula ezokuhlela, phakathi kokunye, ifaka lokhu okulandelayo:

- i. Spatial Planning and Land Use Management Act No. 16 of 2013 (SPLUMA)
- ii. Municipal Systems Act No 32 of 2000 – Chapter 5 relating to :-
 - a. Integrated Development Plan (IDP)
 - b. Spatial Development Framework (SDF)
- iii. KwaZulu Natal Planning and Development Act No. 6 of 2008 (PDA)
- iv. Town Planning Ordinance No 27 of 1949 (Section 67 in particular)
- v. Subdivision of Agricultural Land Act, 70 of 1970
- vi. Land Use Schemes
- vii. National Building Regulations

Ukuhlela kuMasipala

Ukuhlela kuMasipala, ngokomthetho i-SPLUMA, kufaka lokhu okulandelayo:

Ukuhlanganisa, ukugunyaza nokubuyekeza ama-IDP; ukuhlanganisa, ukugunyaza nokubuyekeza izingxenye ze-IDP ezibekwe ngokomthetho futhi ezingena ngaphansi kwemisebenzi kamasipala, okubandakanya uhlelo lwentuthuko ngokwezindawo kanye nohlelo lokusetshenziswa komhlaba; kanye nokulawula ukusetshenziswa komhlaba ongaphansi kukamasipala lapho uhlobo, ubukhulu kanye nesimo sendawo singawathinti amandla kahulumeni wesifundazwe noma kazwelonke.

Ukuhlela esifundazweni

Ukuhlela esifundazweni, ngokwe-SPLUMA, kufaka lokhu okulandelayo:

Ukuhlanganisa, ukugunyaza nokubuyekeza uhlelo lwesifundazwe lokuthuthukiswa komhlaba; ukugunyaza, ukubuyekeza kanye nokuqalisa izinhlelo zokusingatha ukusetshenziswa komhlaba; ukuhlela kwesifundazwe kanye nokwenza kahle imisebenzi namandla abawanikwe ngokomthetho mayelana nokuthuthukiswa komhlaba



Uhlelo Lwentuthuko Edidiyelwe (IDP) 2019/20

kanye nezinguquko ekusetshenzisweni kwawo; kanye nokwenza kanye nokubuyekeza izinqubomgomo nemithetho efanele ukuze kwenziwe imisebenzi yesifundazwe yezokuhlela.


Ukuhlela kuzwelonke

Ukuhlela kuzwelonke, ngokwe-SPLUMA, kufaka lokhu okulandelayo:

Ukuhlanganisa, ukugunyaza kanye nokubuyekeza amapulani okuthuthukisa umhlaba kanye nezinqubomgomo noma lokho okufana nakho, okubala uhlaka lukazwelonke lokuthuthukiswa komhlaba; ukuhlela esigabeni sikazwelonke kanye nokwenza kahle imisebenzi kanye namandla abawanikwe ngokomthetho mayelana nokuthuthukiswa komhlaba kanye nokuguquka kokusetshenziswa kwawo; kanye nokwenza kanye nokubuyekeza izinqubomgomo nemithetho efanele ukuze kwenziwe imisebenzi yezokuhlela kuzwelonke, okubandakanya izindlela ezakhelwe ukwalusa kanye nokweseka amanye amazanga kahulumeni ekwenzeni imisebenzi yawo yokuhlela indawo, ukusingatha ukusetshenziswa kwendawo kanye nokuthuthukiswa komhlaba.

2.2.5 IZIVUMELWANO EZINGU-14 ZOKUHLINZEKA IZIDINGO

I-MTSF iqukethe imiphumela eyi-14 ebekwe eqhulwini eyakhelwe phezu kwesisekelo sezinto ezihlonzwe kwi-NDP kanye nakulokho iqembu elikuhulumeni elakuthembisa ngesikhathi sokhetho. Lapha ngenzansi le miphumela eyi-14 ibekwe ngendlela efinyeziwe kuMdwebo 18.



Umdwebo 18: 14 National Delivery Outcomes

Umthombo: Office of Strategic Management; eThekweni Municipality

2.2.6 AMAPHROJEKTHI ABALULEKILE ENGQALASIZINDA (SIPS)


Ama-SIP amaphrojekthi engqalasisinda yenhlalakahle nentuthuko yezomnotho kulo lonke izwe kanti afaka namaphrojekthi amakhulu akhuthaza futhi asheshisa ukuthuthuka nokudlondlobala, asize ekwakhiweni kwamathuba omsebenzi, ekulweni nobubha kanye nasekuqedeni ukungalingani. Ngenxa yokuthi ayizinhlobonhlobo eziningi ezingafani futhi asezindaweni eziningi ezehlukahlukene, uMasipala weTheku ubambe iqhaza kwambalwa.

Yilawa alandelayo uMasipala ayingxenywe yawo:

- SIP 2: Durban-Free State-Gauteng Logistics and Industrial Corridor
- Strengthen The Logistics and Transport Corridor Between SA's Main Industrial Hubs
- Improve Access to Durban's Export and Import Facilities
- Integrate Free State Industrial Strategy activities into the corridor
- New Port in Durban
- Aerotropolis around OR Tambo International Airport.

2.2.7 UHLELO LUKA-BACK TO BASICS

Ukusiza omasipala ukuba bafinyelele ezingeni elamukelekile lokulethwa kwezinsizakalo, uMnyango Wezokubusa Ngokubambisana Nezindaba Zomdabu (i-COGTA) uqalise uhlelo lokubuyela emuva ohlelweni oluyisisekelo okumele bonke omasipala balulandele. Uhlelo luka-Back to Basics luyisisekelo somsebenzi owenziwa uhulumeni esewonke kanti futhi lolu hlelo luhlose ukusiza omasipala ukuba bahlangabezane nemigomo abamiselwe yona yokuletha izidingongqangi kubantu futhi lumi ngezinsika ezinhlanu njengoba kukhonjiswe lapha ngenzansi kuMdwebo 19:



Umdwebo 19: Back to Basics Pillars

Umthombo: Department of Cooperative Governance

Lolu hlelo luka-Back to Basics lunezinto ezine ezibekwe eqhulwini ezigqunguzela izinguquko emkhakheni kahulumeni wendawo futhi ezenza ukuba bonke omasipala babe yizikhungo ezisebenzayo zokuphatha kahle njengoba kukhonjiswe kuMdwebo 20 lapha ngenzansi.



Uhlelo Lwentuthuko Edidiyelwe (IDP) 2019/20

Priority 1	Priority 2	Priority 3	Priority 4
<ul style="list-style-type: none">• Get all municipalities out of a dysfunctional state and at the very least, enable municipalities to perform the basic functions of local government.	<ul style="list-style-type: none">• Support municipalities that are performing at a minimum level and assist them to progress to a higher path.	<ul style="list-style-type: none">• Supporting and incentivize municipalities that are performing well to remain there.	<ul style="list-style-type: none">• Targeted and vigorous response to corruption and fraud, and a zero tolerance approach to ensure that these practices are rooted out.

Umdwebo 20: 4 Priority Areas for Back to Basics Program
Umthombo: Department of Cooperative Governance

2.2.8 ISEKHULA 88 YOMNYANGO WEZEZIMALI ENGEZINKOMBA ZE-IDP

Umthetho iMunicipal Systems Act (MSA) kanye neMunicipal Finance Management Act idinga ukuba kube khona ukuhambisana phakathi kokuhlela nezindlela zokubika ezinjenge-IDP, iSDBIP kanye nombiko wonyaka. Inhloso yale sekhula ukweseka ukuhambisana kwalezi zinto maqondana nezinkomba ezibekiwe zokusebenza komasipala. Lokhu kumayelana nemigomo nezinjongo ezibekwe kwi-IDP nokuthi zikalwa kanjani. Umnyango wezezimali kuzwelonke ubambisene nomasipala kulo lonke izwe usuqale uhlelo lokuguqula izindlela zokubika. Inhloso yalolu guquko ukuhlela kabusha izindlela zokubika komasipala ukuze izinkomba zokusebenza zibheke noguquko olwenzekayo komasipala kanye namandla nemisebenzi omasipala abakunikwe uMthethosisekelo wezwe.

2.2.9 INKULUMO YESIMO SESIZWE YANGO-2019

UMongameli uCyril Ramaphosa unikeze inkulumo yesimo sesizwe (SONA) mhlaka-7 Febhuwari 2019 nokuyilapho eqhakambise khona okufeziwe ngo-2018 kanye nokuzibophezela kwango-2019. Abophezele uhulumeni kukhona kugxile ezintweni eziyisihlanu ezibalulekile.

OKUHLANU OKUSEQHULWINI UHULUMENI AZIBOPHEZELE KUKONA NGO-2019

- Ukuthuthukiswa komnotho kanye nokudalwa kwemisebenzi
- Imfundo nokuqeqesha
- Inhlalakahle yomphakathi
- Ubunhloli bezwe
- Ukuphathwa koMbuso



Uhlelo Lwentuthuko Edidiyelwe (IDP) 2019/20

Inkulumo yesimo sesizwe ibeka lezi ezinye izinto ezihambisana nalezi ezingenhla uhulumeni azibophezela kuzona kulo nyaka:

UKUZIBOPHEZELA OKUQONDENE NENKULUMO NGOBUNJALO BESIZWE 2019	
1. Umhlaba nolimo	<p>-Iziqeshana zomhlaba ongokahulumeni zizokwabiwa kabusha njengengxenye yokusheshisa izinguquko ebunikazini nasekusetshenzisweni komhlaba.</p> <p>-Imihlaba esezindaweni ezithile ezihlonziwe izodedelwa ngenhloso yokubhekana nenselelo yokusilela emuva ekwakhiweni kwezindlu nokunikeza izindawo zokuhlala ezifanelekile ezindaweni ezingaphandle kwedolobha nasemakhaya.</p> <p>-Kuzobekwa phambili ukuthuthukiswa kwamakhono okufaka nawabalimi abamnyama.</p>
2. Ukukhula komnotho nokwakhiwa kwamathuba omsebenzi	<p>-Ukwakha izizinda eziyisipesheli zomnotho ezihlukaniswe ngokwemikhakha ethile.</p> <p>-Ukweseka abathengisa impahla emazweni angaphandle ukuze bakwazi ukuncintisana nabakwamanye amazwe.</p> <p>-Ukwandisa izinhlelo zokucathulisa amabhizinisi asaphenjwa namancane.</p> <p>-Ngohlelo olusheshayo lwezinguquko kwezomhlaba, kuzokwanda umkhiqizo wezolimo kugququzeleke nokubandakanywa kukawonkewonke emnothweni.</p> <p>-Kuzophela ukuthi kudingeke umuntu abe nesipiliyoni seminyaka ukuze aqashwe emsebenzini osesigabeni sokuqala kuhulumeni.</p>
3. Ukuthuthukiswa kwengqalasizinda	<p>- Kuzokwakhiwa isikhwama esisha sengqalasizinda futhi uhulumeni uzofaka R100 Billion kulesi sikhwama ukuze athole izimali emkhakheni wamabhizinisi.</p> <p>- Kuzokwakhiwa uhlelo oludidiyele olufaka okuningi lokubhekana nokungeneli kwamanzi, ubudala nokuguga kwengqalasizinda nokungalandelwa kwamaprojekthi ngokuyikho.</p>
4. Imfundo yabantwana abancane nokuphepha kwezingane zesikole	<p>- Izinkulisa zizosuka eMnyangweni Wezenhlalakahle Yomphakathi zibe ngaphansi koMnyango Wemfundo Eyisisekelo bese kuyaqhutshekwa nohlelo lokuba kube neminyaka emibili yemfundo eyimpoqo kubantwana bonke ngaphambi kokuqala uGrade 1.</p> <p>-Uhulumeni uzimisele ukuxazulula nokuqeda izakhiwo ezingaphephile ezingenazo izidingo zokuhambisa indle nomchamo ngendlela eyamukelekile ezikoleni eminyakeni emithathu ezayo.</p>



Uhlelo Lwentuthuko Edidiyelwe (IDP) 2019/20

5. Ezempilo kanye nomshuwalense wezempilo wezwe (NHI)	-UMthethosivivinywa iNHI Bill uzolungela ukwethulwa ephalamende khona maduze nje kanti uhlose ukunciphisa ukungalingani ekutholeni izidingo zokwelashwa.
6. Ukuphathwa kombuso	<p>-Kuzothi kuqhutshekwa nokuhlangabezana nezinselelo zika-Eskom kube kuboniswana nabo bonke abathintekayo.</p> <p>- Uhulumeni uzibophezele ukweseka isu lika-Eskom elinamaphuzu ayisishiyagalolunye lokuguqula isimo nokulungisa isimo sezimali.</p> <p>- Uhulumeni uzibophezele ukwelekelela ekwahlukanisweni kuka-Eskom izigaba ezintathu ezahlukene okuzoba esokuphehla ugesi, esokuwuthumela kanye nesokuwusabalalisa – ngaphansi kwezinkampani ezenganyelwe u-Eskom.</p>
7. Ukuphepha komphakathi	<p>-Uhulumeni wethule isu lokulwa nobelelesi elibizwa ngeCommunity Policing Strategy ukwakha izwe eliphephile futhi elivikelekile egxile ekwakheni amaxhama okubambisana phakathi kwamaphoyisa nemiphakathi nokwakha isimo esinokuphepha emphakathini.</p> <p>- Uhulumeni uzibophezele ukulandela izinqumo zeNational Summit on Gender-Based Violence and Femicide ebambisene nezinhlaka zomphakathi.</p>
8. Inkohlakalo nokuqhawagwa kwamandla ombuso	-Kuzokwakhiwa igatsha eliyisipesheli ngaphansi komnyango kaMqondisi Wezokushushisa kazwelonke elizopenya ngamacala anzima enkohlakalo esizogxila ebufakazini obethulwa ngesikhathi sekhomishani kaZondo ephenya ngokuqhawagwa kwamandla ombuso namanye amakhomishani

2.3 IMIGOMO YESIFUNDAZWE

2.3.1 ISU LOKUKHULISWA NOKUTHUTHUKISWA KWESIFUNDAZWE

Isu Lokukhuliswa Nokuthuthukiswa KweSifundazwe (PGDS) liyithuluzi lokulungisa umonakalo owenziwa wubandlululo emnothweni, ukukhuthaza intuthuko yesikhathi eside nokuqinisekisa ukuqedwa kobubha nokudala amathuba omsebenzi.

Libuye libalule nemigomo eyisisekelo eyisikhombisa eyesekwa yizinjongo eziwu-31 okuhloswe ngako ukuba kududulwe isifundazwe saKwaZulu-Natali size siyofika lapho kuzofezeka khona imigomo nezinhlalo zombono walesi sifundazwe wonyaka ka-2035. Ukubuyekwezwa kwe-PGDS kwenziwa ngo-2016 kanti lokhu kubuyekwezwa yikona okuyisisekelo okwakhelwe phezu kwaso lo mbono wamanje ka-2035. UMasipala uqondanise izinhlelo zakhe nemigomo nezinjongo zalo mbhalo we-PGDS nokubonakala ngalezi zihloko eziyisithupha ezingumgogodla wohlelo lwakhe lentuthuko yesikhathi eside ezikhonjiswe kwiThebula 7 lapha ngenzansi.

	Ukwakha idolobha elinezindawo okuhlala kuzona abantu ezibhekelela izidingo zamanje nezangomuso	Ukwakha idolobha elinomphakathi obumbene	Ukwakha idolobha elisimeme ngakwezezi mali	Ukwakha idolobha eliphephile	Ukwakha idolobha okulula kulona ukuthola izidingongqangi zomphakathi	Idolobha elinakekela imvelo yalo
Umnotho okhulayo futhi ofaka yonke imikhakha yomphakathi						
Ukuthuthukiswa kwamakhono						
Ukuthuthukiswa kwabantu nomphakathi						
Ingqalasisinda ebalulekile						
Ukunakekela imvelo						
Ukuphatha ngendlela efanele nezinqubomngomo						
Amathuba alinganayo okuthola nokusebenzisa umhlaba						

Ithebula 7: Development Matrix, KZN PGDS Goals

Umthombo: Office of Strategic Management, eThekweni Municipality

2.3.2 IPULANI YOKUKHULISWA NOKUTHUTHUKISWA KWESIFUNDAZWE (PGDP)

I-PGDP isebenza njengohlelo lokuqaliswa kwePGDS futhi icaba indlela ecacile yokufezwa kombono ka-2035 wesifundazwe. Ngaphezu kwalokhu, iyisisekelo esiqinile sokuhlela nokwakha izinkomba zokusebenza uma sekuphele unyaka ezingeni leminyango, lemikhakha kanye nelalabo okubanjiswene nabo futhi iphinde isize ekwabiweni kwezinsiza ezidingekayo. Kulolu guquko olusuka ekwaxhiweni kwesu manje osekulandele ukwakhiwa kwepulani yokulandela isu, kugxilwa ekwenziweni komsebenzi ngendlela ehlelekile nedidiyela yonke imikhakha, lapho inqubekela phambili ingakalwa khona ngemigomo ebekwe ekuqaleni futhi nalapho



Uhlelo Lwentuthuko Edidiyelwe (IDP) 2019/20

imisebenzi nezibopho kuqinisekiswa khona futhi nalapho kubekwe khona ngokucacile ukuthi ubani ozophendula ngokwenziwe noma okungenziwanga. I-PGDP ibeka ngokucacile:

- Imiphumela ehlosiwe ngo-2035 kwimigomo eyi-7 kanye nezinhlalo ezingu-31, kube kugxilwe ku-2020;
- Iqoqo lezinkomba ezizosetshenziselwa ukukala inqubekela phambili eyenziwayo ukuthola imiphumela ehlosiwe;
- Imigomo engamagxathu ebekelwe ukukhula kwe-KZN ngo-2020, 2025, 2030 kanye no-2035 maqondana nenkomba ngayinye;
- Ukungenelela okudingeka kwenziwe ukuze kufinyelelwe emigomeni ebekiwe;
- Amaphrojekthi amakhulu eseka ukufezeka kwemigomo ye-PGDP;
- Indlela izakhiwo okumele zihleleke ngayo ukweseka umsebenzi we-PGDP; kanye
- Nokwaluswa, ukuhlaziywa, ukubika nokubuyezwa kwepulani
- Ukuchazwa kwezinkomba zenqubekela phambili

2.3.2 INKULUMO YESIMO SESIFUNDAZWE YANGO-2019

UNdunankulu waKwaZulu-Natali, uMhlonishwa uWillies Mchunu, unikeze inkulumo yeSifundazwe eRoyal Agricultural Show, eMgungundlovu, ngoLwesithathu, mhla ka 27 Febhuwari 2019 ngaphansi kwendikimba ethi: "Sikulungele ukudlulisela izintambo kwabanye, sisemshikashikeni wokwenyusa isivini sokukhula nokuthuthuka kwesifundazwe sethu nabantu bakithi."

Kule nkulumo uNdunankulu wakhuluma ngezinto ezehlukahlukene isifundazwe esizenze ngempumelelo kusukela kwakhethwa ubuholi obukhona njengamanje abuye futhi wabalula nezinselelo isifundazwe esisabhekene nazo. Waqhubeka wachaza ukuthi inkulumo yalo nyaka izogxila ezintweni eziyisikhombisa ezibekwe phambili yisifundazwe ngonyaka ka-2014 kanye nokuzuziwe kusukela ngaleso sikhathi. Njengengxenywe yokufeza umbono wesifundazwe ka-2035, yilezi zinto eziphambili isifundazwe esizenze ngempumelelo:


1. Ukwakha umnotho ofaka wonke umuntu futhi odala imisebenzi yangempela
2. Ukuletha uguquko ezindaweni zasemakhaya
3. Ukuqinisekisa ukuthi abantu bahlala ezindaweni ezibanika isithunzi ngaphansi kwezimo ezibalungele
4. Ukwandisa amathuba emfundo nokuqeqeshwa
5. Ukuqinisekisa ukutholakala kosizo lwezempilo olusezingeni kuwonkewonke
6. Ukwandisa izinhlelo zokubhekelela abadinga ukusizwa ngezibonelelo nokunye
7. Ukulwa nenkohlakalo nobugebengu.
8. Ukwakha isizwe esibumbene nokukhuthaza ubunye bomphakathi

2.4 IMIGOMO NEZINHLELO ZIKAMASIPALA

Ukuze ifezeke injongo yokuhlinzeka abantu ngezidingongqangi ngendlela eshaya emhloneni, umbono wesikhathi eside kaMasipala uhunyushwe ngendlela edinga ukuba ufakwe kuzo zonke izinhlelo zokusebenza namapulani kaMasipala. Ezingeni lokusebenza, umasipala usebenza ngamapulani ahlukehukene okubalwa kuwona i-Long Term Development Plan, i-IDP yeminyaka emihlanu kanye ne-SDF, i-SDBIP njengoba kukhonjisiwe kuMdwebo 21 lapha ngenzansi.



Uhlelo Lwentuthuko Edidiyelwe (IDP) 2019/20



Umdwebo 21: Municipal Strategy
Umthombo: EThekweni Municipality, Office of Strategic Management

2.4.1 UMBONO KAMASIPALA

Umbono kaMasipala wahlanganiswa ngo-2010 ngokwakhiwa koHlelo Oluyisisekelo Lwentuthuko Yesikhathi Eside (LTDF). Lo mbono unikeza idolobha isitatimende esisodwa yonke iminyango kaMasipala ngokwahlukana kwayo esebenza ngaphansi kwaso. Lo mbono kaMasipala uyahambisana nemibhalo eyisisekelo njenge-National Planning Vision kanye ne-Provincial Growth and Development Strategy. Umdwebo 22 unikeza isifinyezo salo mbono wesikhathi eside kaMasipala.



Umdwebo 22: EThekweni Municipality Vision
Umthombo: EThekweni Municipality, Office of Strategic Management



2.4.2 UHLELO OLUYISEKELO LWENTUTHUKO YESIKHATHI ESIDE (LTDF)

Zonke izinhlangano nezinhlaka kuhulumeni, amabhizinisi, izikole, ezemfundo ephakeme kanye nezomphakathi kumele bakhe futhi bakhuthaze usikompilo lokubuka ngale kwezidingo zamanje kuphela, bacabange nangezidingo zezizukulwane ezizayo, bacabange ngoguquko okufanele lwenziwe manje endleleni okuphathwa ngayo imvelo ukuze lube nomphumela omuhle emnothweni nakwinhlalakahle yomphakathi manje nangomuso. Ukuze lo mqondo wokubhekelela izidingo zamanje nezangomuso ugxile kubalulekile ukuthi konke okuhlelwayo nokwenziwayo kwakhelwe phezu kwesisekelo esiqinile sokuba konke okwenziwayo kwenzelwe ukusiza umphakathi, kuvale amagebe okungalingani akhona phakathi kwabacebile nabampofu, ukuqinisekisa ukuthi sinomphakathi onakekela kangcono futhi ozibophezele kangcono ekulungiseni lezi zinkinga zokungathuthuki kwabantu, zokuba bangakwazi ukuthola izidingo eziyisisekelo zokuba abantu bakwazi ukuphila, konke lokhu okunika bonke abantu ithuba lokuba baphile impilo engcono.

2.4.3 IZINTO EZISEQHULWINI

Usomqulu owumhlahlandlela kahulumeni wasekhaya owakhishwa ngo-2016 uyacacisa ngalokho okubekwe eqhulwini yinhlangano ephethe izintambo zombuso esikhathini esiyiminyaka emihlanu ekhethelwe ukuba iphathe ngaso. Yize noma ngabe kungaba khona ukwehluka emagameni asetshenziwe embhalweni wesu lokuthuthukisa isifundazwe kanye nalowo wokuthuthukisa iTheku, kepha inhlosongqangi iyodwa. Lezi zinto eziphambili embhalweni walokho uhulumeni azibophezela ukuthi uzokwenza zihambisana nalokho okubhekwe eqhulwini ohlelweni lukaMasipala.

	Creating Sustainable Livelihoods	A Socially Cohesive City	A Financially Sustainable City	Creating a Safer City	Promoting an Accessible City	Environmentally Sustainable City
Basic Services						
Municipal Services and Outsourcing						
Public Participation and Accountability						
Municipal Capacity						
Local Economy and Job Creation						
Fraud and Corruption in Local Government						
Crime in Communities						
Education in Communities						
Community Health						
Climate Change						



Uhlelo Lwentuthuko Edidiyelwe (IDP) 2019/20

Integrated Communities					
Social Cohesion and Nation Building					

Ithebula 8: Development Matrix, Municipal Priorities for Newly Elected Councillors
Umthombo: Office of Strategic Management, eThekweni Municipality

2.4.4 UHLELO OLUYISEKELO LOKUTHUTHUKISWA KWEZINDAWO (SDF)

I-SDF iyona ndlela uMasipala weTheku aqala ngayo ukubhekana nezinselelo zentuthuko, izidingo zemiphakathi kanye nombono kaMasipala wesikhathi eside kanjengoba uchazwe kwi-IDP. Ngamapulani ahluahlukene uMasipala awakhile, inhlosongqangi ye-SDF ikwazile ukuba ihunyushwe ngendlela yokuba ibe yingxenyeye yezinhlelo ezisemazingeni ayisisekelo, okuqalwa kuwona, athinta imikhombandlela yokulawulwa kokusetshenziswa komhlaba okuyinto ekugcineni ezoba yisisekelo okuzokwakhelwa phezu kwaso izinhlelo zemigomo nemithethonqubo ezohlahla indlela yokuthuthukiswa kwendawo ngayinye.

2.4.5 IPULANI YEZINDAWO EZAKHIWE ((I-BEPP)

Inhloso yalolu hlelo lwezindawo ezakhiwe, olwaziwa nge-BEPP, ukuqikelela ukuthi uhulumeni kumasipala, esifundazweni nakuzwelonke kanye nakuzo zonke izinhlelo abambisene nazo uyaqinisekisa ukuthi uhulumeni uthatha izinqumo eziphusile maqondana nendawo eyakhiwe, amapulani ayo, isabelo sayo kwisabelomali sonyaka wezimali kanye nangotshalomali alunxenxayo maqondana nalezi zinto. Lolu hlelo olwesikhathi eside esize sifike onyakeni ka-2030, kodwa kukhona izinkomba zenqubekela phambili okufanele zibe sezibonakala onyakeni ka-2020 nango-2025.

2.4.6 AMAPHROJEKTHI AMAKHULU OKUKHUTHAZA INTUTHUKO

Amathebula alapha ngenzansi ayisifingqo samaphrojekthi ayekhona (ngokwesimo esasikhona ngoSeptemba 2018) okungenzeka ukuthi aqhubeka nokwakhiwa (PU) kanye namanye aphasiswa kodwa umsebenzi wokwakha kuwona ongakaqali okwamanje (PA), lokhu kukhonjiswe kuThebula 9 kanti kuThebula 10 kukhonjiswe ukuhambisana nokuqondana kwamaphrojekthi kaMasipala anenani elikhulu ngokwanele ukusiza ekufezeni izinjongo zikaMasipala zokukhuthaza intuthuko.

Project and Sub-Projects (where applicable)	Status
Avoca Nodal Development	
Brickworks	
Phase 1	PA
Northfields	PU
Clairwood Logistics Park	PU
Cornubia	
CIBE	PU
Cornubia Business Hub	PU
N2 Business Estate	PU



Uhlelo Lwentuthuko Edidiyelwe (IDP) 2019/20

Project and Sub-Projects (where applicable)	Status
Cornubia Town Centre	PU
Dube Trade Port	PU
Dube Trade Zone 1	PU
Dube Trade Zone 2	PU
Dube Agrizone 1	PU
Dube City	PU
Hoy Park Sport Academy	PU
IPTN Corridors	PU
C3 Corridor	PU
Calgro Housing @ Bridge City	PU
Pine Crest Centre	PU
Otto Volek Mixed Use Development	OH
4-10 School Rd Redevelopment	
Phase 2	PU
C9 Corridor	
Erf 2163 Redevelopment	PU
NCP Alcohols – Factory Upgrade	PU
Keystone Logistics Hub	
Phase 1	PU
Kings Estate	OH
Point Waterfront	PU
Sibiya - AdvTech Campus Node	PU
Rivertown Precinct Development	PU
uMhlanga Nodes	
uMhlanga Rocks Node	
Oceans uMhlanga	PU
uMhlanga Ridgeside	
uMhlanga Arch	PU
The Skye	PU
Westwood Node	
Mixed Use	PA
Project and Sub-Projects (where	



Uhlelo Lwentuthuko Edidiyelwe (IDP) 2019/20

Project and Sub-Projects (where applicable)	Status
applicable)	Status
Auto Supply Park	PP
Beachwood Coastal Estate	PP
Brickworks	
Phases 2&3	PP
Cato Ridge Multi Modal Development	PP
Centrum Site	PP
Coastlands Hotel	
Musgrave extensions	PP
Tongaat Beach	PP
Cornubia	
uMhlanga Hills	PP
Marshall Dam Residential	PP
Phase 2 Housing	PP
Dube Trade Port	
Dube Support Zone 2	PP
Dube Agrizone 2	PP
Ushukela Highway Development	PP
Durban Film City	OH
Durban Marina	PP
Finningley Eco Estate	OH
Iconic Tower	PP
Inyaninga/ oThongathi Aerodistrict	PP
IPTN Corridors	
King Edward Node	PP
C3 Corridor	
Instratin Bridge City Development	PP
St. John Checkers	OH
KwaDabeka Mall	PP
Midway Crossing Mall	PP
Keystone Logistics Hub	



Uhlelo Lwentuthuko Edidiyelwe (IDP) 2019/20

Project and Sub-Projects (where applicable)	Status
Phase 2	PP
Ntshongweni Development	PP
Pavilion Node Extension	OH
uMhlanga Nodes	
uMhlanga Rocks Node	
Beverly Hills Hotel Extension	PP
URTC (uMhlanga Ridge Town Centre)	
Council Owned Sites	PP
Virginia Airport Site Re-Development	PP
Warwick Precinct	PP
Whetstone Development	PP

Ithebula 9: Catalytic Projects: Project Planning underway but approvals not yet in place
Umthombo: Catalytic Project Office, eThekweni Municipality

Ithebula 10 ngezansi likhombisa ukuqondaniswa kwezinjongo zentuthuko eqhubekayo ne-PGDS kanye namaphrojekthi amakhulu kaMasipala enzelwe ukukhuthaza intuthuko.

SDG - PGDS	PDGS SFA1 (Incl. eco. growth)	PDGS SFA2 (HRD)	PDGS SFA3 (Hum & CommDev)	PDGS SFA4 (Stra Infra)	PDGS SFA5 (Enviro Sustai)	PDGS SFA6 (Govern & Policy)	PDGS SFA7 (Spatial Equity)
SDG 1	DTP, KLH		GC				
SDG 2	DTP, KLH, PNT						
SDG 3			GC				KEN
SDG 4			IRPTN, PWf				
SDG 5		DTP, KLH, GC, BP				GC	
SDG 6				CLP, KLH			
SDG 7				CLP, KLH			
SDG 8	DTP, CLP, KLH, WW	DTP, CLP, BP					
SDG 9	DTP, CLP, KLH			CLP, KLH			IRPTN,ND, INY, CRMD
SDG 10						GC	
SDG 11			KLH, PWf, BPVS, SN, KE, FEE				




Uhlelo Lwentuthuko Edidiyelwe (IDP) 2019/20

SDG - PGDS	PDGS SFA1 (Incl. eco. growth)	PDGS SFA2 (HRD)	PDGS SFA3 (Hum & CommDev)	PDGS SFA4 (Stra Infra)	PDGS SFA5 (Enviro Sustai)	PDGS SFA6 (Govern & Policy)	PDGS SFA7 (Spatial Equity)
SDG 12	OuM, BW, INY						
SDG 13					OuM, PWf, CRMD,		
SDG 14				CLP, KLH, TSBH	OuM, PWf		
SDG 15					OuM, PWf, DM		
SDG 16			KLH, DFC, ND			PWf, VASR,	
SDG 17						PWf, HPSA, WP, BPVS	

- | | | | |
|---|---|---|---|
| <p>CLP - Clairwood Logistics Park
 IRPTN – C2 & C3 Corridor
 PWf - Point Waterfront
 HPSA - Hoy Park Sports Academy
 CRMD- Cato ridge MultiModal Dev
 BPVS – Beach Precinct Vacant Sites
 TSBH- Tsogo Sun Beachfront Hotels
 VASR- Virginia Airport Site Re-dev</p> | <p>GC – Greater Cornubia
 KLH - Keystone Logistics Hub
 BP - Back of Port
 PNE – Pavilion Node Ext
 ND – Ntshongweni Dev
 ABI – ABI New Warehouse
 WP – Warwick Precinct
 C - Centrum</p> | <p>DTP - Dube Trade Port
 OM - Oceans uMhlanga
 KEN - King Edward Node
 DFC – Durban Film City
 RP – Rivertown Precinct Dev
 ASP - Auto Supply Park
 DM – Durban Marine</p> | <p>WWN - Westwood Node
 IT - Iconic Tower
 INY – Inyaninga
 KE - Kings Estate
 SN – Sibaya Node 5
 BW – Brickworks
 FEE- Finningley Eco</p> |
|---|---|---|---|

Ithebula 10: Amaphrojekthi amakhulu okukhuthaza intuthuko Kanye nokuqondana nemigomo yentuthuko yesikhathi eside (SDG)




Umdwebo 23: Catalytic Projects
 Umthombo: Catalytic Projects Office; eThekweni Municipality

2.4.7 UKUVUSELELWA KWENKABA YEDOLOBHA

Inkaba yedolobha ingenye yezindawo ezixube kakhulu kuMasipala, inamasiko amaningi kanjalo namathuba. Indawo ekuyona edolobheni nokuxhumana kwayo nechweba, imigwaqo emikhulu nemizila yezokuthutha, izinsiza eziningi nezitholakala kalula zasemadolobheni, izinkundla zemidlalo nezindawo zokungcebeleka, ukugcwala kwabantu namathuba kanjalo nokuqhutshwa kwezinhlelo nalo lonke uhlobo lwamabhizinisi ahlelekile nangahlelekile yizinto eziyingxenye yohlelo lwentuthuko edidiyele yale ndawo. Isidingo sokuvuselela le ndawo ngokwenzenjalo kwakhiwe amathuba amasha okutshalwa kwezimali kuhlonzwe njengenye yezinto ezibalukekile okufanele zenziwe ngaphansi kohlelo oluqhubekayo olwenzelwe le ndawo.

2.4.8 ISU LETHEKU LOKUMELANA NEZINGUQUKO ZANGOMUSO

Isu lokuqala lokumelana nezinguquko zangomuso kuMasipala waseThekwini laliwumbhalo owumphumela wokubonisana iminyaka emine nezinhlelo eziningi okubanjiswene nokusetshenziswa nazo kanti laqalwa ngokubamba iqhaza kweTheku ohlelweni olubizwa nge-International Resilient Cities Program. Lelisu laphasiswa ngokusemthethweni uMkhandlu kaMasipala weTheku ngo-Agasti 2017 kanjengoba kukhonjisiwe kuMdwebo 24 lapha ngenzansi.



Umdwebo 24: Durban Resilience Strategy 2017
Umthombo: Environmental Branch; eThekweni Municipality



2.4.9 IKHOMISHANA YOKUHLELA YETHEKU

UMasipala waseThekwini usanda kusungula iKhomishana Yokuhlelwa yeTheku, okuyisakhiwo sokuqala salolu hlobo ezweni, okuyisigungu sokweluleka esiqokwe uMkhandlu ukuba siwusize ekufezweni kwezinjongo zakhe zentuthuko yesikhathi eside. Ukwakhiwa kwale khomishana kuyingxenywe yezinguquko ezenziwa uMasipala endleleni akheke ngayo ngenhloso yokuqinisa imigomo yokuphatha ngendlela efanele.

Umsebenzi wale khomishana ugcina ube yingxenywe yesu lokusebenza likaMasipala kanye nohlelo lwentuthuko edidiyelwe (IDP). Umsebenzi wale khomishana uhlelwe ngaphansi kwale mikhakha nokubekwe eqhulwini okulandelayo:


Umkhakha wekhomishana	Okubekwe eqhulwini
Izindawo ezisezingeni nokubumbana komphakathi	Ukuqinisa amandla ezindawo ezakha umnotho
	Ukuqinisa izindawo lapho kuzoba khona utshalomali esikhathini esizayo
	Ukulungisela ukwakha ezindaweni ezilungele ukuhlala abantu
	Ukulungisela ukwakha ezindaweni ezime kahle ezakhiweni
	Ukunakekela nokuphatha kahle intuthuko yonke
Ukuphatha ngendlela efanele	Ukuhlanganyela nomphakathi
	Ukubambisana nabamabhizinisi, umphakathi kanye nezinye izinhlobo
	Ubuholi obuqinile nobunobuqotho
	Ukwazi umsebenzi nokuba namakhono okuthatha izinqumo ezifanele
	Ukwenza izinto obala nokunakekela abasebenzi
	Ukwakhiwa kwezindlela ezifanele kwezokuphatha
Ukuthuthukiswa komnotho	Ukwenza iTheku likulungele ukwenza ibhizinisi
	Ukuqinisa ezakhiweni ezithile ezibalulekile
	Ukuqinisa kwezobuchwepheshe
	Ukuqinisa emakhonweni

Ithebula 11: Ukuhleleka kwemisebenzi ngokwe CPC
Umthombo: City Planning Commission

Njengoba kukhonjisiwe kwiThebula 11 ngenhla lapho uhlelo lokusebenza seluphuthuliwe yiKhomishini Yokuhlela kaMasipala izinhlelo namaphrojekthi ezivezwe kwi-IDP zizogququlwa.

2.4.10 UKUHLELA OKWENZIWA EZINGENI LOMPHAKATHI (CBP)

Izinto ezibalulekile okufanele zenzeke ngohlelo lwe-CPB zifakiwe kuMdwebo 25 futhi zibalulekile ekulandelweni kwezinhlelo ezihlelekile zomphakathi ngaphakathi kuMasipala futhi kuthi ngokwenziwa kwalokho, kuhlangukshwane nezidingo zemiphakathi.



Umdwebo 25: Key Deliverables of the Community Based Plans
Umthombo: Community Participation Department, EThekweni Municipality

2.4.11 I-OPERATION SUKUMA SAKHE

Kafushane nje, i-Operation Sukuma Sakhe (OSS) iyikhwelo likaNgqongqoshe waKwaZulu-Natali lokuba abantu bakulesi sifundazwe banqobe izinselelo ezibabuyisela emuva njengobubha, ukwesweleka komsebenzi, ubelelesi, ukucwila ezidakamizweni nasotshwaleni, i-HIV/AIDS kanye nofuba.

Mihlanu imigomo ehloswe yilolu hlelo:

- * Ukusebenza ngokubambisana nezinhloko zomphakathi
- * Ukuguqulwa kwendlela yokuziphatha (kugxilwe ikakhulu ezintweni ezihlupha intsha)
- * Ukuhlela kabusha indlela iminyango kahulumeni esebenza ngayo
- * Ukuguqula umnotho
- * Ukunakekela imvelo

2.4.12 IZINHLAKA EZIBALULEKILE ITHEKU ELIBAMBISENE NAZO

AFRICA FORUM FOR URBAN SAFETY

I-Afrika Forum for Urban Safety (AFUS) iyisigungu se-Global Network on Safer Cities (GNSC) sengqungquthela yesithupha ye-UN-Habitat eyayiseNaples, Italy, ngo-September 2012.

Izinjongo zayo, phakathi kwezinye, yilezi:

Ukwakha amakhama okuxhumana nokusebenzisana nabanye omasipala; Ukuthuthukisa nokuqinisa amakhono okulwa nobugebengu komasipala; Ukwakha amasu okuba omasipala babe nezwi ezindabeni ezithinta isifunda, isifundazwe kanye nezwe eziqondene nokulwa nobelelesi, ukwakha ukuthula kanye nokuphatha ngendlela efanele; Ukucobelelana ngolwazi phakathi kwamadolobha ase-Afrika ngenjongo yokuba abe yizindawo eziphephile.



Uhlelo Lwentuthuko Edidiyelwe (IDP) 2019/20

UNITED CITIES AND LOCAL GOVERNMENT (UCLG)

Emhlabeni jikelele uMasipala weTheku waziwa njengesikhungo okusetshenzwa kahle kusona nokufakazelwa nayizimemo eziningi azitholayo zokuthumela abantu emihlanganweni nasezingqungqutheleni zamazwe ngamazwe abazoba yizikhulumeni eziqavile kuzona, bacobelelane nabanye ngolwazi, babe abadidiyeli, ochwepheshe emkhakheni wezenqubomgomo futhi babe abahleli bezincwadi neminye imibhalo esezingeni lamazwe omhlaba, ukubala okumbalwa nje. UMeya unguSihlalo weKomidi Lezokuhlelwa Kwamadolobha aphinde abe yingxenywe yoMkhandlu Wezinqubomgomo.

I-C40 NETWORK

ITheku lingelinye lamadolobhakazi omhlaba angu-96 angamalungu e-C40 Network. I-C40 Network igxile ekubhekaneni nezindaba ezihlobene nokuguquka kwesimo sezulu nokuhlala indlela yezinyathelo ezithathwa amadolobha ezibhekiswe ekunciphiseni imithelela emibi yokuguquka kwesimo sezulu kanye nokukhishwa kwezisi zekhabhoni eziyingozi emhlabeni kanye nokubhekana nezinkinga zenhlalo nezomnotho ezindaweni zasemadolobheni njengokubhekela izidingo zezempilo zezakhamuzi nokuzihlinzeka ngamathuba ezomnotho. I-C40 Network isebenza ngezinhlelo eziyi-17 ngaphansi kwemikhakha eyisithupha njengoba kukhonjisiwe kuMdwebo 26 lapha ngenzansi.

C40 Initiatives and Networks		
Adaptation & Water Initiative Climate Change Risk Assessment Connecting Delta Cities Cool Cities	Energy Initiative Private Building Efficiency Municipal Building Efficiency District Energy	Finance & Economic Development Initiative Sustainable Infrastructure Finance Green Growth
Solid Waste Initiative Sustainable Solid Waste Systems Waste to Resources	Transportation Initiative Mobility Management Bus Rapid Transit Low Emission Vehicles	Urban Planning & Development Initiative Land Use Planning Transit Oriented Development Low-Carbon Districts Food Systems

Umdwebo 26: C40 Initiatives and Networks
 Umthombo: C40 Network

UMasipala usuvele uzithathile izinyathelo eziningi inhloso yazo okungukunciphisa imithelela yokuguquka kwesimo sezulu nokunciphisa isisi esibizwa nge-GHG njengoba kukhonjisiwe kuMdwebo 27 lapha ngenzansi. Senza lokhu ukufeza isibopho esasenza ngesu leTheku lokubhekana nokuguquka kwesimo sezulu kanye nangenhloso yokukhombisa ukweseka kwethu isivumelwano saseParis esimayelana nokuguquka kwesimo sezulu.

<p>100 Resilient Cities Pilot Project-Take Back Our Rivers Pilot Project(Aller River)</p>	<ul style="list-style-type: none"> • Benefit-Environmental • Project Start Date-July 2017 • Project Details The Take Back Our Rivers project (TBOR) is an initiative of eThekweni Conservancies Forum (ECF) that seeks to restore the river health of selected rivers in the eThekweni Municipal Area through rehabilitation and restoration strategies. The project is run by the EThekweni Environmental Planning and Climate Protection section in collaboration with ECF and the project is located between New Germany and Clermont. The primary purpose of this pilot project is to look into community based interventions that will effectively improve the conditions of rivers.
<p>Durban Energy Office Solar Project</p>	<ul style="list-style-type: none"> • Benefit-Environmental • Project Conceptualisation/initiation: Early 2014. Commencement of Installation: June 2016. • Key Impact-Total energy savings (from fossil fuels) per annum: 426.74 MWh • Project Details The EOS project has its roots in the Durban Climate Change Strategy (DCCS). The project aims to achieve the objective of ensuring that 40% of the Durban electricity is supplied via renewable energy by 2030. This will be done through implementing small scale renewable energy generation which includes rooftop solar power within municipal buildings and assets. • Potential Emission Reduction-Estimated: 440 tCO₂e per annum
<p>C40 Good Practice Guides: Durban –Buffelsdraai Landfill closed loop system</p>	<ul style="list-style-type: none"> • Benefits-Environmental; Social; Economic; Health • Key Impact-By extracting the gas and reducing methane emissions the city is expected to reduce 10 million tons of CO₂ equivalent over the life span of the landfill, which is nearly 50 years • Project Start Date-2006 • Potential emissions reduction-Anticipated to save more than an additional 55,000 tons of CO₂ emissions per year • Project Details The Buffelsdraai landfill site is a large scale project focused on improving waste management processes in the municipality and is managed as a close loop system. The project has spin-off benefits and has contributed towards reducing greenhouse gas emissions, generating renewable energy, contributing towards poverty alleviation and towards the municipality becoming the most caring and livable city

Umdwebo 27: Climate Change Mitigation Projects
Umthombo: Office of Strategic Management, EThekweni Municipality

CITIES FIT FOR CLIMATE CHANGE (CFCC)

Ngokusebenzisa indlela yokuthuthukiswa kwamadolobha ekwazi ukumelana nokuguquka kwesimo sezulu, lokhu kusho ukuthi wonke amasu okuthuthukiswa kwamadolobha, ukuhlelwa kwadolobha, izinhlelo eziyisisekelo, izinhlelo zokusetshenziswa komhlaba kanye notshalomali lwadolobha kwakhelwe phezu kwesisekelo somgomo wokuthi kuyakwazi ukumelana nemithelela yamanje neyangomuso yokuguquka kwesimo sezulu. I-CFCC yeseka ukulandelwa kwezinhlelo ze-United Nations Framework Convention on Climate Change kanye ne-Habitat III futhi ifaka isandla nasekufezweni kwezinjongo ze-Urban Agenda. Lolu wuhlelo lokuqala kuMasipala lokubhekana nokuguquka kwesimo sezulu olugxile ekuhleleni kwadolobha nokuthuthukiswa kwalo njengethuluzi eliwumgogodla lokubhekana nokuguquka kwesimo sezulu.

INTERNATIONAL COUNCIL FOR LOCAL ENVIRONMENTAL INITIATIVES (ICLEI)

Engqungqutheleni ye-ICLEI eyayiseMontreal, amalungu e-ICLEI azibophezela embonweni ka 2018-2024 wale nhlangano owakhelwe phezu kwesisekelo 'sokwakha umhlaba wezindawo ezingamadolobha ozoba khona manje nangomuso'. Njengengxenywe yokuhlala indlela yokufeza lo mgomo, kwahlonzwa izindlela ezinhlanu okumele zilandelwe okubalwa kuzona izinyathelo zokwenza izinguquko ezikhuthaza ukunciphisa isisi sekhabhoni, izindlela zentuthuko ezilungiselela ukuba izindawo zikwazi ukumelana nemithelela yokuguquka kwesimo sezulu, intuthuko ebeka abantu phambili kanye nentuthuko evikela imvelo njengoba kukhonjisiwe kuMdwebo 28 lapha ngenzansi. Ngaphezu kwalokhu, kwaphinde kwahlonzwa nezinqubomgomo okuyizona ezizohlahla indlela yezinguquko emhlabeni ukuze kuqikelelwe ukuthi lo mbono uyafezeka.



Umdwebo 28: Commitments, Strategic Pathways and Policy Approaches of the ICLEI Umthombo: International Council for Local Environmental Initiatives



ISAHLUKO 3: IPULANI YAMAPHUZU AYISISHIYAGALOMBILI

Ipulani kaMasipala yokuhlinzekwa kwezidingo ihlukaniswe yaba ngamaphuzu ayisishiyagalombili ehlukenekodwa anokuxhumana. Anokuxhumana ngoba:

Amasu, izinhlelo namaphrojekthi ayesekana, ukuqinisekisa ukuthi kuba nokuhlinzekwa ngokuphelele kwezidingo. Uma kuba khona ukweqana noma ukushayisana, lokhu kuyolungiswa.

Isu Lamaphuzu Ayisishiyagalombili linamapulani alandelayo:

Ipulani 1. Ukuthuthukisa nokugcina kahle izindawo, imvelo nezakhiwo zethu

Ipulani 2. Ukwakha Umnotho Othuthukayo, Oxubile Nokudala Amathuba Omsebenzi

Ipulani 3. Ukwakha Indawo Yokuhlala Eseqophelweni Eliphezulu

Ipulani 4. Ukwakha Izimo Zenhlalo Ezinokulingana

Ipulani 5. Ukweseka Isakhiwo Senhlangano, Ukunikezwa Kwabantu Amathuba Nokuthuthukiswa Kwamakhono Abo

Ipulani 6. Idolobha elinempilo nobuciko - Isisekelo sokusimama nokubumbana komphakathi

Ipulani 7. Ukuphatha Okuhle Nokuba Nguhulumeni Wendawo Olalelayo

Ipulani 8. Idolobha Eliphendulayo Ngokuphathwa Kwezimali futhi Elisimeme Ngakwezezimali

IPULANI 1: UKUTHUTHUKISA NOKUGCINA KAHLE IZINDAWO, IMVELO NEZAKHIWO ZETHU

Injongo: Ukuphatha nokulawula kahle izindawo zethu, izakhiwo kanye nemvelo ukuze kube nokukhula nokusimama kuMasipala wethu okuyohlomulisa zonke izakhamuzi.

OKUGXILWE KUKHO: UKUTHUTHUKISA, UKUPHATHA NOKULAWULA IZAKHIWO NEMVELO

Uhlelo 1.1: Ukusungulwa nokuqaliswa kohlelo oludidiyelwe lokuhlelwa kwezindawo

UMasipala waseThekwini usungule uhlelo olubanzi lokuhlelwa kwezindawo nokulawulwa kokusetshenziswa komhlaba lwawo wonke uMasipala ukuze kufezekiswe izidingo zeSigaba 26 soMthetho Wezinhlalo ZoMasipala ka-2000 kanye nomthetho iSPLUMA (uMthetho No. Ka-2016). Okubaluleke kakhulu kulolu hlelo ukwakhiwa “komgodla wamathuluzi okuphathwa kwezentuthuko nokuhlela” oqukethe inhlanganisela yamasu kanjengoba kuchaziwe eSahlukweni 11 semithetho yezokuhlela nokusetshenziswa komhlaba kaMasipala weTheku ka-2016. Le nhlanganisela yamasu iyona ezohlahla indlela yentuthuko emkhakheni wezenhlalakahle yomphakathi, womnotho, wemvelo kanye nowengqalasizinda kuMasipala.

Uhlelo 1.2: Ukuqinisekisa ukongiwa kwemvelo kwesikhathi eside

Imvelo iyisisekelo esibalulekile sokukhula nentuthuko yeTheku. Lokhu kubandakanya ukudalwa kwamathuba okulwa nobubha kuleyo mindeni ehlwempu kanye nezindlela zokubhekana nemithelela yokuguquka kwesimo sezulu. Ngakho-ke uMasipala uzimisele ukuqikelela ukuthi uyayivikela imvelo yakhe ngokuthatha izinyathelo ezehlukahlukene. Le ndlela yokwenza izinto iyahambisana nezibopho uMasipala azinikwa uMthethosisekelo wezwe, uMthetho iNEMA (ka-1998), iMunicipal Systems Act (ka-2000) kanye nomthetho iSPLUMA (ka-2013).

Uhlelo 1.3: Ukuphathwa nokulawulwa kwezakhiwo

Izicelo zentuthuko zingehlukaniswa zibe “izicelo zokuhlela” kanye “nezicelo zokwakha”. Izicelo zokuhlela kuba yilezo okudingeka ukuthi ziqinisekise ukuthi isicelo siyahambisana nezidingo zohlelo lokusetshenziswa komhlaba noma uma kudingeka imvume yokuklanywa kabusha komhlaba noma imvume ekhethekile. Imvume yokusetshenziswa komhlaba iyona edingeka kuqala ngaphambi kokuba kulethwe isicelo semvume yokwakha.

Umthetho kazwelonke olawula ezokwakha kanjalo nemithethonqubo ehambisana nawo badinga ukuba umasipala waneliseke ngokuthi isicelo semvume yokwakha siyahambisana nemithethonqubo yezokwakha kanye nanoma yimiphi eminye imithetho ethintekayo futhi abheke nanoma yikuphi okunye okungadinga ukuba isicelo sichithwe okubaluliwe eMthethweni kazwelonke olawula ezokwakha.

Okugxilwe kukho: Ukuhlelela ukubhekana nokuguquka kwesimo sezulu

Uhlelo 1.4: Ukusungula nokuqalisa uhlelo lukaMasipala lokubhekana nokuguquka kwesimo sezulu

Ukubuyekezwa kwemithelela uyokuguquka kwesimo sezulu eThekwini kukhomba ukuthi amazinga okushisa aphantsi kanye naphezulu azokwenyuka, kanjalo nesibalo sezinsuku ezilandelayo ezishisayo ezisezingeni lokushisa elingaphezulu kuka-30°C. Ukuna kwezimvula eThekwini nakho kuzoba nezinguquko. Yize noma umthamo wezimvula ezizonetha uzokwenyuka kancane, indawo elizonetha kuyona izoshintsha, kube nezikhathi ezinde ezingenayo imvula kanye nokwanda kwesibalo sezimvula ezinkulu. Lezi zinguquko zizoba nemithelela eminingi ekutholakaleni kwamanzi enele, ekulimeni kanye nasekutholakaleni kokudla okwenele ikakhulukazi ezindaweni okulinywa kuzona kulinyelwa ukudla, hhayi ukudayisa. Ukwenyuka kwamazinga okushisa kungase futhi kubange nokubheduka kwezifo ezitholakala emanzini kanye nalezo ezithwalwa yizilwanyana eziwuhlupho njengomalaleveva nesifo sohudo ezindaweni lapho lezi zifo bezingekho khona eThekwini.



Uhlelo Lwentuthuko Edidiyelwe (IDP) 2019/20

Ipulani 1: Isabelomali semisebenzi emikhulu

Okugxilwe kukho	19/20 (R000)	20/21 (R000)	21/22 (R000)
Ukuthuthukisa, ukuphatha nokulawula izakhiwo nemvelo	24610	25300	25883
Ukuhlelela ukubhekana nokuguquka kwesimo sezulu	-	-	-

Ipulani 1: Isabelomali sokuqhuba umsebenzi

Okugxilwe kukho	19/20 (R000)	20/21 (R000)	21/22 (R000)
Ukuthuthukisa, ukuphatha nokulawula izakhiwo nemvelo	339854	361745	384640
Ukuhlelela ukubhekana nokuguquka kwesimo sezulu	119195	118979	127211

Ipulani 1: Ukwakha ingenisomali

Okugxilwe kukho	19/20 (R000)	20/21 (R000)	21/22 (R000)
Ukuthuthukisa, ukuphatha nokulawula izakhiwo nemvelo	60985	60722	63109
Ukuhlelela ukubhekana nokuguquka kwesimo sezulu	-	-	-

IPULANI 2: UKWAKHA UMNOTHO OTHUTHUKAYO, OXUBILE NOKUDALA AMATHUBA OMSEBENZI

Injongo: Ukukhulisa umnotho waseThekwini ukuze zonke izakhamuzi zaseThekwini ziphile impilo engcono.

OKUGXILWE KUKHO: UKUHLINZEKA NGOBUHOLI NOLWAZI KWEZOMNOTHO

Uhlelo 2.1: Ukuhlinzeka Ngolwazi Kwezomnotho kanye Nohlaka Lwamasu Kwezomnotho

Uphiko olubhekele inqubomgomo, amasu, ulwazi kanye nocwaningo (PSIR) eMnyangweni wakwa-Economic Development and Investment Promotion (EDIPU) kuMasipala yilona oluzobhekana nokuhlinzekwa kolwazi lwezomnotho kuMasipala nasebenzisana nabo ukuze kuthuthukiswe umnotho. Indlela eya ekuthatheni izinqumo eziphusile nokwenza okuthile kuqala ngocwaningo olunzulu, okwenza kube yinto ebululekile ukwenziwa kocwaningo emkhakheni wezomnotho.

Uhlelo 2.2: Uhlelo lwezindlela ezintsha zokwenza izinto

I-World Economic Forum (WEF) iveze ukuthi ukuthuthuka kwi-internet nobuchwepheshe kunomthelela omkhulu futhi uzoqhubeka kwezenhlalo kanye nakwezomnotho. Kumanje nje sesiqalile ukubona ukudlondlobala kwalokhu emikhakheni eyehlukahlukeneyo yempilo kanti futhi kuyinto enomthelela wokuphazamisa izinto maqondana namathuba omsebenzi. Lolu hlelo luhlose ukuqikelela ukuthi ibhizinisi likwazi ukumelana nalezi zinguquko nokuqinisekisa ukugcineka kwemisebenzi. Enye injongo yalolu hlelo ukufaka intsha kanye namabhizinisi amancane emkhakheni wokwenza izinto ngendlela eyehlukile futhi enokuncintisana ebhizinisini. Lukhuthaza ukwenza izinto ngezindlela ezintsha njengendlela yokuthuthukisa intsha nabesifazane ngokubanika amathuba okubamba iqhaza emnothweni.

OKUGXILWE KUKHO: UKUKHUTHAZA UKUTSHALWA KWEZIMALI ETHEKWINI KANYE NOKUNXENXA NOKUGCINWA KOTSHALOMALI OLUQHAMUKA EMAZWENI ANGAPHANDLE (FDI)

Uhlelo 2.3: Ukukhuthazwa kotshalomali nokumaketha

Isu LeDolobha Lokuthuthukisa Umnotho Nokwakha Amathuba Omsebenzi, elaphasiswa ngonyaka ka-2013, libeka eqhulwini isidingo sobuholi kwezomnotho kanye nokunxenxa utshalomali kuMasipala oluvela emabhizinisini azimele. Lokhu kubukeka kuyindlela ebalulekile yokwakha amathuba omsebenzi, ukwandisa nokugxilisa ukuxhumana kwezomnotho kanye nokukhula komnotho kanye nokuphucula amakhono eTheku.

Uhlelo 2.4: Ukugqugquzela ukutshalwa kwezimali nokunakekela

Uma u-*Invest Durban* esephumelele ekukhuphuleni iTheku ukuba libe sohlwini lwabatshalimali, umsebenzi wakhe sekuzoba ukunakekela abatshalizimali ngezidingo zabo. Uma kufika umbuzo ovela kumtshalizimali u-*Invest Durban* uyobe lokhu esekufaka ohlelweni olubizwa nge-**Investor Tracking and CRM System** ukuze kweluswe konke ukuxhumana okuzoba khona nalo mtshalizimali ekuhlangabezaneni nezidingo zakhe zolwazi.

Uhlelo 2.5: Ukwelekelela ngenqubomgomo nokukhuthaza

Ukwenza ucwaningo ngezomnotho nezimakethe oluqondene nemikhakha ethile kubalulekile ekuheheni utshalomali ngakho kuzoba ngenye yezingxenye ezibalulekile zomsebenzi ka-*Invest Durban*. Lolu lwazi luzoqinisekisa ukuthi umsebenzi owenziwayo wokunxenxa utshalomali kanye nezinqumo zika-*Invest Durban* kwenzelwa phezu kwesisekelo solwazi lwakamuva, futhi ulwazi lubalulekile kakhulu ekusizeni abatshalizimali ekuthatheni izinqumo uma lolu lwazi luhambisana nesikhathi, luhlanganiswe kahle futhi lwasatshalaliswa kulabo



Uhlelo Lwentuthuko Edidiyelwe (IDP) 2019/20

abangase batshale izimali eThekwini. Ngaphezu kwalokhu, u-Invest Durban uzohlenganisa bese ethula ulwazi ngezimakethe ezinhlakeni ezimqoka kuhulumeni nasemabhizinisini eThekwini ukuze bakwazi ukuthatha izinqumo ezephusile eziqondene nezinqubomgomo, amasu kanye nokuphuculwa komsebenzi owenziwayo omaqondana notshalomali.

OKUGXILWE KUKHO: UKWESEKA NOKUKHUTHAZA UKWAKHIWA KWENGQALAZISINDA EBALULEKILE EZOSIZA UMPHAKATHI

Uhlelo 2.6: Amaprojekthi amakhulukazi

Lokhu kuphathelene nokwesekwa kwentuthuko yaseCornubia, ukwesekwa kwenye intuthuko eDube Trade Port (DTP) kanjalo ne-Aerotropolis, ukwesekwa koHlelo Lwezokuthutha Umphakathi Oludidiyele (IRPTN), ukuhlela ukuhlinzekwa ngezigaba kwengqalazisinda eningi yokweseka intuthuko esemzileni u-N3 (Shongweni; Hammarsdale; Cato Ridge), kanye nokuphucula nokuxhumana ngezobuchwepheshe. Zisendleleni izinhlelo zezinye izigaba ezilandelayo eDube TradePort, kubandakanya i-Zone 2, Support Zone 2, uShukela Highway Development kanye ne-Agrizone Phase 2.

Uhlelo 2.7: Ukuvuselelwa kwedolobha

Inkaba yedolobha laseThekwini iyona ndawo ebe nezinguquko ezinkulu ukuzedlula zonke kuMasipala. Kuzokhumbuleka ukuthi ngesikhathi sobandlululo abantu abamnyama babengavunyelwe ukuba sedolobheni kepha namuhla idolobha sekungelawo wonke umuntu. Seliyindawo eyikhaya, yokusebenza, yokufunda nokuhlangana nje kwabantu abalinganiselwa ku-70 000. Emva kweminyaka emithathu kuxoxiswana nezinhlaka ezehlukene zomphakathi ongaphakathi nongaphandle kukaMasipala kucine sekuphasiwe ipulani yokuthuthukiswa kwenkaba yedolobha ngonyaka ka-2016 ehambisana nesu lokuvuselelwa kwayo. Inselelo ekhona eyokuthi abatshalizimali sebetshala ezindaweni ezintsha ezingaphandle kwedolobha nokuyinto eyenzekayo nakwamanye amadolobha kepha kulindeleke ukuthi leli lisu lise ekuyivuseleleni njengoba namanje iseyindawo ebalulekile exhumanisa konke, enomhlaba omkhulu namabhilidi, okukhona kuyona izinkundla zemidlalo, amabhishi aphephile nafudumele aziwa umhlaba wonke.

OKUGXILWE KUKHO: UKUTHUTHUKISA AMABHIZINISI NEMIKHAKHA ETHILE EHLONZIWE

Uhlelo 2.8: Ukulekelelwa kwemikhakha ebalulekile ekhuthaza ukukhula komnotho nedala amathuba omsebenzi

Lolu hlelo luhlose ukukhuthaza ukukhula komnotho emikhakheni ethile ebalulekile ehlobene noHlelo Lokuthuthukiswa Kwezimboni KwaZulu-Natali okungumkhakha wezimoto, i-ICT, ezokuvakasha, ezolimo, izimboni zokudla, amakhemikhali, insimbi, ezobuciko (imisebenzi yezandla, amafilimu, umabonakude nomculo), owezingubo nendwangu, owepulangwe, owephepha nowezasolwandle.

Uhlelo 2.9: Ukuhlelela Ukuthuthukiswa Kwamakhono Ezimboni Nomnotho obandakanya uwonkewonke

Inkinga yokwentuleka kwamakhono ibonakala ndawo zonke emphakathini wethu kanti ukuyilungisa kudinga uhlelo oluhlelwe ngokubambisana nezindlela zokungenelela ezinembayo ezivela kuwona wonke amazinga kahulumeni, amabhizinisi azimele nomphakathi. Iqhaza leTheku-ke ngalolu hlelo ukuphendula esidingweni sokuthi kwandiswe abasebenzi abanamakhono, ngesikhathi esifanayo kukhuthazwa intsha efundile, ochwepheshe bemisebenzi yezandla nabanye ukuba bangahambi eDolobheni. Lokhu kubalulekile ukuze kwande isibalo sabantu abakhokha intela nokubhekana nezinselelo ezintathu ezinkulu emphakathini okungububha, ukwesweleka kwemisebenzi nokungalingani. Ngenxa yalokho, izindlela zokungenelela



Uhlelo Lwentuthuko Edidiyelwe (IDP) 2019/20

zibandakanya ukuqalwa kwezinhlelo zentuthuko nokwakhiwa kobudlelwano kanjalo nokutshala izimali ekuthuthukisweni kwamakhono abalulekile.

Uhlelo 2.10: Ukulawula umkhakha wabadayisi

Ukulawula umkhakha wabazihwebelayo, ikakhulukazi abahwebi basemgwaqweni umsebenzi onzima obandakanya ukuklanywa kwezindawo zokuhweba emgwaqweni, ukukhishwa kwezimvume, ukuhlela abahwebi babe ngamakomidi ezindawo abamba iqhaza ezigungwini eziningi zedolobha, nokuqoqwa kwerenti okuqhubekayo. Okunye okuhambisana nalokhu ukuqinisekisa ukuthotshelwa kwemithetho kaMasipala ngokubambisana namaphoyisa kaMasipala, kanjalo nokuxoxisana nokuxazulula imibango uma kuba nokungqubuzana phakathi kwezakhamuzi, abahwebi kanjalo nosomabhizinisi abakhulu. Lezi zinhlelo zigxile ekwesekeni abahwebi abazihwebelayo ngezinhlelo ezifana nokubahlinzeka ngengqalasizinda nokubathuthukisa, ukubeluleka nokubahlinzeka ngamasevisi olwazi ngemikhiqizo nezivakashi, nokuqinisekisa ukuncintisana okuhle ngokubaqoqela ulwazi nokwenza ngcono impahla abahweba ngayo.

Uhlelo 2.11: Ukulawula imakethe enkulu yemikhiqizo yolimo

Iqhaza le-Durban Fresh Produce Market ukusabalalisa imikhiqizo yolimo. Abalimi abalimela ukudayisa, abalimi abancane nabasafufusa, okuhlanganisa abahwebi abancane bathenga khona imikhiqizo yabo yolimo abayidayisayo. Amabhizinisi abandakanyeka ekudayisweni ngomthamo nokusabalalisa imikhiqizo yolimo athembele kakhulu kule makethe yemikhiqizo yolimo. Ngaphezu kwalokhu, amabhizinisi, ngale kwalawo adayisa ngomthamo nezitolo (njengalawo okudla okugayiwe, njll) nawo athembele kuyona le makethe. Imakethe lena ingalelo elikhulu ekudaleni amathuba omsebenzi nasekugcineni abantu besebenza emkhakheni wezolimo.

Uhlelo 2.12: Ukuthuthukiswa kwamabhizinisi

Amabhizinisi amancane abalulekile ekuphiliseni umnotho futhi anegalelo ekudalweni kwamathuba anhlobonhlobo emphakathini wethu. Amabhizinisi amancane afukula ukukhiqiza, akhuthaza ukuncintisana namasu amasha okwenza izinto, adala amathuba omsebenzi nokuthuthuka futhi ahlumelelisa imiphakathi yethu. Ngalolu hlelo kuvuleka amathuba okuthi amabhizinisi amancane akhule abe ngamabhizinisi amakhulu. Kuphinde kube nohlelo oluwumxhantela olwakhelwe imikhakha ethile efana nowokwakha, owezokuvakasha, owobuciko nemisebenzi yezandla kanjalo nemikhakha yezobuchwepheshe. Kuhlelwa amasu okuba abantu bangene ezimakethe ngokwenziwa kwemibukiso enhlobonhlobo kanjalo nezinhlelo zokuxhumanisa amabhizinisi. Umasipala unama-cooperatives angaphezu kuka-1500 ababhalisiwe ku-database yawo. Inani lama-Co-operatives angu-600 akhuliswe ngaphansi koHlelo Lokuthuthukiswa Kobambiswano phakathi neminyaka emihlanu edlule ngokwezinhlelo ezihlukahlukene. Ingqikithi yama-Co-operatives angu-480 inikezwe ngamathuba okuthenga emisebenzini ehluahlukene yomsebenzi isikhathi esingangezinyanga ezingu-36. Imisebenzi engaphezu kuka-5 000 yenziwe ngokusebenzisa wona ukuthenga.

Uhlelo 2.13: Ukubuyekeza uhlaka lokulawulwa kwamalaysense ebhizinisi nezinqubo

Ngokomthetho wezwe olawula ezamabhizinisi, amabhizinisi asemkhakheni wokudla, wezemithi, wezempilo kanye nemikhiqizo yakhona adinga ilaysense yebhizinisi ukuze akwazi ukusebenza. Ukukhishwa kwamalaysense okuqhuba ibhizinisi kanye nezinqubo ezihlelekile kumele kuhambisane neSu Lokuthuthukiswa Komnotho LaKwaZulu-Natali. Maqondana nalokhu, kufanele kuhambisane nezinsika ezine zale lisu: kukhuthazwe amabhizinisi ukuthi akhule, athuthuke, kube nezinhlelo ezimiselwe ukweseka amabhizinisi amancane kanye nosomabhizinisi abamnyama. Imithetho nokusebenza kwayo kufanele kuhambisane naleli lisu ngendlela elekelela ukufezekiswa kwezinjongo zenqubomgomo yesu likaMasipala lokukhulisa umnotho.



Uhlelo Lwentuthuko Edidiyelwe (IDP) 2019/20

Uhlelo 2.14: Ihhovisi lokweseka, ukukhangisa nokukhuthaza imboni yezamafilimu akuleli

Ihhovisi lezamafilimu leTheku, iDurban Film Office (DFO) lasungulwa uMasipala ngo-2003 ngenhloso yokubeka iTheku endaweni lapho likwazi khona ukuncintisana namanye amadolobha amakhulu emhlabeni njengendawo yokuthwebula amafilimu ngenjongo yokuthuthukisa imboni yezokuvakasha, ukwakha amathuba omsebenzi kanye nokuthuthukisa amakhono abalulekile amabhizinisi amancane.

Isu laleli hhovisi kule minyaka emihlanu ezayo ukugxila kumaprojekthi azodala amathuba azothuthukisa amafilimu nezithombe zethelevishini eThekwini.

OKUGXILWE KUKHO: UKUTHUTHUKISWA KOMKHAKHA WEZOKUVAKASHA

Uhlelo 2.15: Ukumaketha ezokuvakasha

Umsebenzi kaDurban Tourism ukumaketha iTheku njengendawo eseqophelweni eliphezulu yokuvakashelwa abantu bakuleli nabasemazweni angaphandle. Izinto okuyizona eziphambili ekwandiseni izivakashi eziza eThekwini ezizosiza iTheku lingabukwa njengendawo yokuvakashelwa ngezikhathi zamaholide nje kuphela, imidlalo, imicimbi kanye nemihlangano nezingqungquthela nemibukiso.

UDurban Tourism uzosebenza ngokubambisana nabo bonke iTheku elisebenzisana nabo emkhakheni wezokuvakasha, kusukela emahhotela kuya kubahleli bemidlalo, abamabhizinisi kanye nabahleli bemicimbi ukuqinisekisa ukuthi iTheku nabo laba elibambisene nabo bahlomula kangcono. Umphumela walezi zinyathelo uyobonakala ngomthelela wazo emnothweni futhi negama leTheku lizoqhubeka nokuba sematheni ezimakethe ezinkulu ezizosiza zifukule imboni yezokuvakasha edolobheni lethu.

OKUGXILWE KUKHO: UKUQALISA INTUTHUKO EZINDAWENI EZISEMQOKA EZIBEKWE EQHULWINI

Uhlelo 2.16: Ukukhuthaza utshalomali ezindaweni ezithile ezibekwe eqhulwini

Amaprojekthi aqondene nalezi zindawo akhelwe phezu kwemigomo yokulungisa umonakalo owadalwa wubandlululo endleleni idolobha elalihlelwa ngayo ngokwakha izindawo zokuhlala, zokusebenza nezokudlala zikawonkewonke endaweni kaMasipala engenalobandlululo ngokobuhlanga. Okubalulekile ngalezi zindawo zokuhlalisa umphakathi ukuthi kufanele zihlelelwe ukuba zibe khona nasesikhathini eside esizayo zibe yizindawo zokuhlala ezixube nokuba zisetshenziselwe amabhizinisi nokungebeleka – kugxilwe ekuvuselelweni kwezindawo eziyizinkaba zamadolobhana kanye nalezo eziheha izivakashi.

OKUGXILWE KUKHO: UKUQINISEKISA UKUTHI IZINDAWO EZIHLALA IMPHAKATHI ZISAYOBA KHONA NANGOMUSO

Uhlelo 2.17: Ukuqinisekisa ukuthuthukiswa kwamalokishi

Ngenxa yobandlululo amalokishi awanazo izidingongqangi ezenele, abamabhizinisi amancane nezidingo ezingatheni zenhlalakahle yomphakathi. Ngenxa yalokhu umnotho wawo untekenteke futhi awuxhumene ngendlela efanele nomnotho obanzi wezwe. Inhloso yalolu hlelo ukwenza ngcono isimo samabhizinisi emalokishini nokwakha isimo esiwakhuthazayo ukuba akhule. Okunye okuhlelwe ukuba kwenziwe ukusebenzisa amathuba adalwe wutshalomali ezindaweni ezibalulekile ngokomnotho emalokishini ngokweseka ukuthuthukiswa komkhakha wokwakha ifenisha, wokukhanda izimoto, wolimo nemikhqiqizo yalo, wobuchwepheshe bamakhompuyutha kanye nokukhuthaza olunye utshalomali kulezi zindawo ukuze kwande imihlomulo ezotholwa abantu bendawo.



Uhlelo Lwentuthuko Edidiyelwe (IDP) 2019/20

Ipulani 2: Isabelomali semisebenzi emikhulu

Okuzogxilwa kukho	19/20 (R000)	20/21 (R000)	21/22 (R000)
Ukuhlinzeka ngobuholi nolwazi lwezomnotho; Ukukhuthaza ukutshalwa kwezimali ngamabhizinisi nokwakha ubudlelwano nawo; Ukuhlela nokukhuthaza ukwakhiwa kwengqalazisisinda ebalulekile ezohlomulisa umphakathi; Ukuhlela ukuthuthukiswa kwezindawo ezibalulekile ezihlonziwe; Ukuthuthukiswa kwamabhizinisi nemikhakha ethile; Ukwakha umkhakha wezokuvakasha okwazi ukuncintisana; Ukuqinisekisa ukuthi izindawo ezihlala imiphakathi zisayoba khona nangomuso	386432	572148	603025

Ipulani 2: Isabelo sokuqhuba umsebenzi

Okuzogxilwa kukho	19/20 (R000)	20/21 (R000)	21/22 (R000)
Ukuhlinzeka ngobuholi nolwazi lwezomnotho; Ukukhuthaza ukutshalwa kwezimali ngamabhizinisi nokwakha ubudlelwano nawo; Ukuhlela nokukhuthaza ukwakhiwa kwengqalazisisinda ebalulekile ezohlomulisa umphakathi; Ukuhlela ukuthuthukiswa kwezindawo ezibalulekile ezihlonziwe; Ukuthuthukiswa kwamabhizinisi nemikhakha ethile; Ukwakha umkhakha wezokuvakasha okwazi ukuncintisana; Ukuqinisekisa ukuthi izindawo ezihlala imiphakathi zisayoba khona nangomuso	1415453	1529330	1557728

Ipulani 2: Ukwakha Ingenisomali

Okuzogxilwa kukho	19/20 (R000)	20/21 (R000)	21/22 (R000)
Ukuhlinzeka ngobuholi nolwazi lwezomnotho; Ukukhuthaza ukutshalwa kwezimali ngamabhizinisi nokwakha ubudlelwano nawo; Ukuhlela nokukhuthaza ukwakhiwa kwengqalazisisinda ebalulekile ezohlomulisa umphakathi; Ukuhlela ukuthuthukiswa kwezindawo ezibalulekile ezihlonziwe; Ukuthuthukiswa kwamabhizinisi nemikhakha ethile; Ukwakha umkhakha wezokuvakasha okwazi ukuncintisana; Ukuqinisekisa ukuthi izindawo ezihlala imiphakathi zisayoba khona nangomuso	604402	892514	912494

IPULANI 3: UKUDALA INDAWO YOKUHLALA ESEQOPHELWENI ELIPHEZULU

Injongo: Ukukhuthaza ukutholakala ngokulinganayo, ngendlela efanele nangokwanele kwengqalasizinda yezindlu nezidingongqangi zomphakathi kanjalo nokuhlinzeka abantu ngezindlu.

Okugxilwe kukho: Ukusukumela ukusilela kwengqalasizinda nezidingo zomphakathi

Uhlelo 3.1: Uhlelo Lwezindlu Olusha Oludidiyelwe

Injongo ukwakha izindlu ezintsha zomxhaso ezingu-3140 ngonyaka wezimali ka-2019/20 ukuze zibe sezibalelwa ku-14 000 ngonyaka wezimali ka-2021/22. Lezi zindlu ezixhaswe uMnyango Wezokuhlaliswa Kwabantu kaHulumeni waKwaZulu-Natali (DoHS) ngezabantu abahola kancane abaqalayo ukuba nemizi abayanelisayo imigomo nemibandela yalolu hlelo ebekwe uMnyango Wezokuhlaliswa Kwabantu. UMasipala kumanje usebenza njengesithunywa salo mnyango wesifundazwe kanti ukugunyazwa ngokuphelele kukaMasipala ukwakha izindlu kubalulekile ukuze ukwazi ukufezekisa isibopho onaso sokwakhela abantu izindlu.

Uhlelo 3.2: Isu lezindlu eziqashisayo

Kunesidingo sokuthi uMasipala uhlinzeke abantu ngezindawo eziqashisayo ukuze kubhekelelwe labo abahola kancane abangakwazi ukukhokhela izindawo ezibizayo zokuqasha. Nokho, uMasipala unazo izindlu ezithile eziqashisayo kepha ezithwesa uMasipala umthwalo omkhulu kakhulu. Ukuze kuncishiswe umthwalo wokunakekela lezi zindlu, eziningi ubunikazi bazo budluliselwa kubantu abaqashe kuzona kusetshenziswa uhlelo olwaziwa nge-Enhanced Extended Discount Benefit Scheme. Enye injongo enkulu yokudluliselwa kobunikazi bezindlu kulaba bantu ukuthi abantu asebehlale isikhathi eside kuzona beziqaphile kube ngezabo. Ngaphambi kokudluliselwa kobunikazi bazo kulaba bantu, izindlu ziyalungiswa bese zifakelwa amanzi namamitha kagesi uma kudingekile.

Uhlelo 3.3: Uhlelo Lwamatayitela

UMasipala uhlose ukuqinisekisa ukuthi abantu bayanikezwa amatayitela ngesikhathi.

Uhlelo 3.4: Ukuhlinzekwa kwezinsiza eziya ngokwanda ezindaweni zokuhlala eziyimijondolo - imigwaqo, imihubhe, ingqalasizinda yamanzi emvula

Ukuze kubhekwane nazo zombili izinselelo ezimayelana nokuthi uhlelo lwezindlu ezihlelekile luthatha isikhathi eside kakhulu kanye nesidingo esiphuthumayo sokufinyelela kangcono emathubeni asemadolobheni, iTheku lizowabeka eqhulwini amaphrojekthi okuhlaliswa kwabantu asezindaweni ezifanele futhi nalapho ukungenelela khona kungaba neqhaza elikhulu ekulethweni kwezinguquko ekuhlelekeni kwedolobha. Khona ngaleso sikhathi, uMasipala uzohlinzeka ngezidingo eziphuthumayo amashumi ezinkulungwane zabantu abahlala ezakhiweni eziyimijondolo ezisezindaweni ezingezinhle kahle ngokuvamile eziseduze kwedolobha. Leli lisu seliqalile ukusebenza nakuzwelonke. Ukuze kube khona ukusebenzisana kangcono sekusungulwe ithimba langaphakathi elihlanganisa izinhloko zengqalasizinda kanye/noma nabanye abaqokwe yiminyango yabo okusetshenziswana nayo ukuqinisekisa ukuthi lolu hlelo lokuhlinzeka laba bantu abahlala emijondolo ngezinsiza lwenzeka ngokushesha nangendlela edidiyelwe.



Uhlelo Lwentuthuko Edidiyelwe (IDP) 2019/20

Uhlelo 3.5: Ukusukumela ukusilela emuva kwengqalasizinda – UMyango iStrategy Office

Uhlelo i-Built Environment Performance Plan (BEPP) luhlose ukuhlenganisa amathuluzi okuhlela indawo namathuluzi okwakha ingqalasizinda; futhi lwenza ukuba uMyango kaMgcinimafa kaZwelonke ukwazi ukukhipha izibonelelo ezinkulu ezibizwa ngama-Built Environment Grant kulandelwa ipulani ecacile ekhombisa indlela uMasipala azofeza ngayo umgomo wokulethwa kwezinguquko ezindaweni ebezinganakiwe nokukhuthaza ukukhula komnotho.

Uhlelo 3.6: Ukusukumela ukusilela emuva kwengqalasizinda – Umnyango Wezamanzi

UMasipala, njengengxenywe yokuhlelela ingqalasizinda uqophe uhlobo nezinga lokusilela emuva kwamasevisi ezindaweni ezisedolobheni nezisemakhaya kuwo wonke uMasipala esebenzisa imininingwane eyingxenywe yamarekhodi akhe kanye nemibono evela emiphakathini kanye nasemakhanseleni.

Izidingongqangi Eziyisisekelo	Ukusilela emuva njengamanje (imizi) mhla ka-31 March 2019	Ukuhlinzekwa kwezidingongqangi ngonyaka	Isikhathi esibekelwe ukulungisa ukusilela esisuselwa emazingeni amanje esabelomali
Amanzi	20345	2000-4000	5-10 weminyaka

Ithebula 12: Ukusilela emuva kwamanzi

Umthombo: Trading Services, eThekweni Municipality

Uhlelo 3.7: Ukusukumela ukusilela emuva kwengqalasizinda – Ugesi

Ukusilela emuva kokuhlinzekwa kwabantu ngogesi kwakuwu-224139 mhla ka-30 Juni 2018. UMasipala uhlose ukuxhumela abantu abawu-8000-13000 ugesi ngonyaka kodwa lokhu kuncike ekukhishweni koxhaso. Ukufakwa kukagesi kumbaxambili, okunye okokubhekana nokusilela emuva okukhona, njengoba kukhonjisiwe kuleli thebula elilapha ngenzansi. Okwesibili ukufakwa kukagesi kumaphrojekthi amasha ezindlu uMasipala azakhela ukuhlalisa abantu.

Izidingongqangi Eziyisisekelo	Ukusilela emuva njengamanje (imizi) mhla ka-31 March 2019	Ukuhlinzekwa kwezidingongqangi ngonyaka	Isikhathi esibekelwe ukulungisa ukusilela esisuselwa emazingeni amanje esabelomali
Ugesi	220432	8000-14000	16-28 weminyaka

Ithebula 13: Ukusilela emuva kukagesi

Umthombo: Trading Services, eThekweni Municipality

Uhlelo 3.8: Ukusukumela ukusilela emuva kwengqalasizinda – Ukuhlanza nokuthuthwa kukadoti

Ithebula elilapha ngenzansi likhombisa ukusilela emuva kokuthuthwa kwendle uMasipala asadinga ukukulungisa kanti nakho lokhu kuncike ekubeni khona kwemali. Uhlobo lohlelo lokuhambisa indle olukhethwayo luncika ekulungisweni kokusilela emuva kokuhlinzekwa kwabantu ngengqalasizinda yamanzi. Zonke iziqephu zomhlaba ezikhona kuMasipala kukhona indlela ezikwazi ukuhlinzekwa ngayo ngosizo lokuthuthwa kukadoti ngakho-ke akukho ukusilela emuva okukhona ekuhlinzekweni kwalolu sizo. UMasipala usunohlelo oludidiyelwe lokusingathwa kwendle oseluthunyelwe kuNgqongqoshe ofanele nesicelo sokuba lugunyazwe.



Uhlelo Lwentuthuko Edidiyelwe (IDP) 2019/20

Izidingongqangi Eziyisisekelo	Ukusilela emuva njengamanje (imizi) mhla ka-31 March 2019	Ukuhlinzekwa kwezidingongqangi ngonyaka	Isikhathi esibekelwe ukulungisa ukusilela esisuselwa emazingeni amanje esabelomali
Izindlu zangasese	123394	8000-10000	12 -15 weminyaka
Ukuthuthwa kukadoti	0	1500-2000	0 weminyaka

Ithebula 14: Ukusilela emuva maqondana nokuthuthwa kwendle nemfucuzo
Umthombo: Trading Services, eThekweni Municipality

Uhlelo 3.9: Ukusukumela ukusilela emuva kwengqalasizinda – Ezobunjiniyela

Umnnyango Wezobunjiniyela yiwona okuwumsebenzi wawo ukwakha imigwaqo endaweni kaMasipala futhi uhlose ukwakha 10-15km womgwaqo ngonyaka ukubhekana nokusilela emuva ekuhlinzekweni kwemigwaqo sekukonke okungu-1046.21km. Ukusilela emuva kwamanje kukhonjiswe kuleli thebula elilapha ngenzansi. Ukuxazulula le nkinga yokushoda kwemigwaqo uMasipala kuzodingeka axoxisane noMnyango Wezokuthutha Wesifundazwe ukuqinisekisa ukuthi izinhlelo zokuhlinzekwa kwemigwaqo ziyahambisana.

Izidingongqangi Eziyisisekelo	Ukusilela emuva njengamanje (imizi) mhla ka-31 Juni 2018	Ukuhlinzekwa kwezidingongqangi ngonyaka	Isikhathi esibekelwe ukulungisa ukusilela esisuselwa emazingeni amanje esabelomali
Imigwaqo	1046.21 Km	10-15km	70 - 105 weminyaka

Ithebula 15: Ukusilela emuva kwemigwaqo
Umthombo: Human Settlement, Engineering Services and Transport Cluster & Planning Unit, eThekweni Municipality

Uhlelo 3.10: Ukusukumela ukusilela emuva kwengqalasizinda – eThekweni Transport Authority

Injongo ye'eThekweni Transport Authority (ETA) ukwenza uhlelo lwezokuthutha umphakathi olusebenzayo, oluthembekile noluphephile oluzosiza ekubekeni iTheku eqophelweni elingcono nasekuletheni izinguquko edolobheni. Imizila yokuthuthwa komphakathi ingelinye lamathuluzi abalulekile omhlahlandlela oyisisekelo wentuthuko yeTheku yesikhathi eside. Kuyaphawuleka ukuthi i-ETA okwamanje imatasa ibuyekeza lonke uhlelo lwezokuthutha lweTheku (CITP). Uhlelo lwentuthuko edidiyelwe kanye namathimba okuhlela ayingxenye yalokhu kubuyekeza.

Uhlelo 3.11: Ukuphathwa kwengqalasizinda

Injongo yalolu hlelo ukwenza umsebenzi okufanele wenziwe ngendlela eyongayo, ngokuthi kuphathwe kahle ingqalasizinda ukuze kuhlomule izizukulwane zanamuhla nezangomuso. UHulumeni kaZwelonke ushaye umthetho wokuthi omasipala kufanele bakhe izinhlelo zokuphathwa kwengqalasizinda nempahla kuyona yonke imikhakha. Uhlelo Oludidiyelwe Lokuphathwa Kwengqalasizinda kumanje luyakhiwa kanti luzofaka lokhu okulandelayo: Ugesi, amanzi, ukuthuthwa kwendle, imigwaqo, ezokuthutha, amapaki nezokungcebeleka, ingqalasizinda yamanzi emvula, udoti, umhlaba nezakhiwo.

Okugxilwe kukho: Ukusukumela ukusilela emuva kwamasevisi omphakathi

Uhlelo 3.12: Ukuqala isu elisebenzayo lezithuthi zomphakathi likaMasipala

Uhlelo lwezokuthutha lweTheku, olwaziwa nge-CITP: 2010-2015 luqukethe inqubomgomo yezokuthutha, isu lezokuthutha kanye nezinhlelo ezingaphansi kwalo. Enye yezinjongo ze'eThekweni Transport Authority (ETA) ukwenza uhlelo lwezokuthutha umphakathi olusebenzayo, oluthembekile noluphephile oluzosiza ekubekeni iTheku eqophelweni elingcono nasekuletheni izinguquko edolobheni. Ukuze lokhu kufezeke futhi kanjengoba



Uhlelo Lwentuthuko Edidiyelwe (IDP) 2019/20

kudingeka ngokomthetho i-ETA seyenze ipulani entsha edidiyelwe yezithuthi zomphakathi, eyaziwa nge-IRPTN kaMasipala wonke. Le pulani ihlose ukufeza lezi zinjongo ezilandelayo:

- Ukuqinisekisa ukuthi bonke abantu bafinyelela ngokulinganayo emathubeni akhona
- Ukwehlisa imithelela yezokuthutha emvelweni
- Ukukhuthaza idolobha okuhlaleka kalula kulona
- Ukuhlela kabusha ukusetshenziswa komhlaba edolobheni
- Izinga losizo elamukelekile kwabasebenzisa izimoto
- Umthelela omuhle emnothweni wedolobha

Ipulani 3: Isabelomali semisebenzi emikhulu

Okugxilwe kukho	19/20 (R000)	20/21 (R000)	21/22 (R000)
Ukubhekana nokusilela emuva kwengqalasizinda nezidingo	5038255	4884212	4514332
Ukubhekana nokusilela emuva kwezidingo zomphakathi	772847	883203	970089

Ipulani 3: Isabelomali semisebenzi ejwayelekile

Okugxilwe kukho	19/20 (R000)	20/21 (R000)	21/22 (R000)
Ukubhekana nokusilela emuva kwengqalasizinda nezidingo	25378075	27388813	29143244
Ukubhekana nokusilela emuva kwezidingo zomphakathi	1009479	1213996	1243244

Ipulani 3: Ukwakha ingenisomali

Okugxilwe kukho	19/20 (R000)	20/21 (R000)	21/22 (R000)
Ukubhekana nokusilela emuva kwengqalasizinda nezidingo	24333737	26860336	29399644
Ukubhekana nokusilela emuva kwezidingo zomphakathi	393110	440769	441122

IPULANI 4: UKWAKHA IZIMO ZENHLALO EZINOKULINGANA

Injongo: Ukukhuthaza nokudala izimo zenhlalo ezinempilo, ukuphepha nokuvikeleka.

Okugxilwe kukho: Ukukhuthaza ukuphepha kwezakhamuzi

Uhlelo 4.1: Ukukhuthaza amasu okuvimbela ubugebengu endaweni kaMasipala waseThekwini

Amasu kaMasipala waseThekwini okubhekana nobugebengu afaka kokubili, amasu okusukumela izigameko esezenzekile zobugebengu, kanye nalawo okuvimba ubugebengu ngaphambi kokuthi benzeke. Lawa masu alandela indlela emikhakha miningi, edidiyelwe esebenza ngokubambisana nemiphakathi, uHulumeni kaZwelonke noweSifundazwe, abanye abathintekayo nawosonkontileka kuyo yonke iminxa yokuvimbela ubugebengu nokubusukumela.

Uhlelo 4.2: Ukuthobela uMthetho Kazwelonke Wezokuthutha

Lolu hlelo lubuye lubhekane nezinkinga zezokuphepha lapho kuhanjwa okuhlanganisa kokubili ukuphepha emigwaqweni kwabahamba ngezimoto kanye nalabo abahamba ngezinyawo. Le phrojekthi igxile ekuhlanganiseni nasekuxhumaniseni ukufundisa ngezokuphepha emigwaqweni, ukuqiniswa komthetho kanye nokusetshenziswa kwezobunjiniyela.

Lezi zinyathelo ezintathu ezilandelayo ziyaqhubeka:

- Ukufakwa kwemibundu yokunciphisa ijubane emigwaqweni;
- Ukwenziwa kwezinguquko emigwaqweni ezindaweni ezinezingozi eziningi;
- Izindawo ezinobungozi zihlaziywa njalo ngonyaka futhi zibhekwa njengokudingekayo.

Uhlelo 4.3: Ukuqikelela ukusebenza kwemithetho kaMasipala

Uhulumeni wendawo awukwazi ukusebenza ngaphandle kokukwazi ukushaya imithetho yokuqinisekisa ukuphepha nokunethezeka kwezakhamuzi zawo, ukuqinisekisa ukuthi izindlela ezithile zokuziphatha ezingahambisani nomphakathi zenqatshelwe futhi zijeziselwe. Ngalokhu uMasipala waseThekwini unemithetho yokubhekana nezinkinga ezifana namamitha okupaka, ukuhweba emigwaqweni, ukulahla udoti, ukuba wuhlupho, umsindo, amapaki kanye namachibi okubhukuda, ukuthengiswa kotshwala, ukuhweba okungekho emthethweni.

Uhlelo 4.4: Ukuqalisa amasu okulwa nobugebengu emphakathini nawokudala ukuphepha nokuthula kulo lonke iTheku

Lolu hlelo lukhuluma ngezinto eziyisihlanu okuyilezi: ukusebenza kwamaphoyisa emphakathini, ukunqanda ubugebengu, ukuhlela izindawo ezihlala umphakathi ukuze zibe nokuphepha, ukuqala izinhlelo emphakathini nokucwaninga nokuhlaziya ngamazinga obugebengu.

Uhlelo 4.5: Ukusetshenziswa kohlelo lokuthuthukisa umphakathi

Isu Lokuthuthukiswa Kwenhlalakahle Yomphakathi linezinsika eziyisithupha inhloso yazo okuwukuthuthukisa amazinga empilo yazo zonke izakhamuzi zaseThekwini ikakhulukazi lezi ezazinganakiwe ngesikhathi sobandlululo, okuyilezi: ukwakha isizwe, impilo yomphakathi, ukuthuthukiswa kwenhlalakahle nomnotho, izindawo zokuhlala umphakathi ezinezidingo zamanje nezangomuso, ukulwa nobugebengu emphakathini kanye nengqalasizinda yentuthuko yomphakathi. Amaphrojekthi ahlose ukusungulwa kwezindawo zokukhoselisa abangenamakhaya kanye namaphrojekthi okuvuselela unembeza.



Uhlelo Lwentuthuko Edidiyelwe (IDP) 2019/20

Uhlelo 4.6: Ukukhuthaza ukuphepha kwemiphakathi ekuMasipala ngokuyeseka ngosizo lwezimo eziphuthumayo nezidingongqangi eziyisisekelo

Lolu hlelo luthinta ukusizwa kwezakhamuzi zonke ezikuMasipala ukuze zikwazi ukuthola usizo lwezimo eziphuthumayo ezikhathini lapho impilo yazo isengozini. Loluhlelo luphinde lubheke izindawo ezithathwa njengezinobugebengu obuningi noma ezinesiminyamina kakhulu nokuqinisekisa ukufakwa kwamakhamera e-CCTV kulezi zindawo ngalokho kulekelelwa labo okusetshenziswana nabo ekuqapheni ubugebengu nasekulawuleni ukuhamba kwezimoto kuMasipala. Kuzosungulwa isigungu eseluleka ngezinhlekelele ehhovisi leMenenja yeDolobha neleSekela leMenenja yeDolobha elibhekene nezokuphepha nokuvikeleka.

Uhlelo 4.7: Ukunciphisa izigameko zemililo nezinye izimo eziphuthumayo

Imililo yequbula inomthelela onzima emphakathini. Izakhamuzi, amabhizinisi nengqalasizinda yomphakathi konke kuyakhahlamezeka uma kuba nemililo. Kuba nzima kakhulu uma kube nokulahleka kwemiphefumulo nokwempahla, kwenye inkathi kungelanganiswe nalutho. Izakhamuzi ezihlala ezindaweni eziminyene njengemijondolo, ezingenayo imishuwalense, izona ezikhahlamezeka kakhulu emililweni yequbula.

Uhlelo 4.8: Ukuqinisekisa ukuphepha nokuvikeleka kwamakhansela kaMasipala, abasebenzi nempahla kaMasipala

Umsebenzi omkhulu womnyango wakwa-Security Management ukuvikela impahla nabantu baMasipala kanye nokuphenya nokuqhamuka nala masu alandelayo:-

- Ukulawula nokuqapha ukudliwa nokungena ngodli emhlabeni kaMasipala. Ngalokhu kufezekiswa izidingo “zoMthetho Wokunqanda Imijondolo Engekho Emthethweni Nokudliwa Ngokungemthetho Komhlaba”.
- Imisebenzi yonogada, ebandakanya abaseCity Hall: Ukuqapha impahla yoMkhandlu ukuze kuqinisekise ukuthi kuba nokuphepha nokuvikeleka kwempahla kaMasipala, iziphathimandla, amakhansela nabasebenzi. Sesihlonze iphrojekthi ebalulekile yokubhekana nokwentuleka kwezidingo ezihlizekwa yizinkampani zonogada eziqashwayo.
- Abaqaphi abaphelezelayo kanye nabasukumela izehlakalo ngokuphuthumayo bona bahlinzeka ngosizo lwezokuqapha kuhloniwe abantu abafana nabasebenzi bakagesi, onjiniyela bedolobha nabasebenzi bomnyango wezamanzi abasebenza amahora amade kwezinye izikhathi ezindaweni ezingaphephile nezindodlame. Ithimba le-Rapid Response lisukumela izimo lapho kukhala khona ama-alamu ezakhiweni zoMkhandlu. Ngaphezu kwalokhu, liphinde libe neqhaza uma kubhekwe neziteleka nemibhikisho enodlame eMkhandlwini.

Okugxilwe kukho: Ukukhuthaza impilo yezakhamuzi

Uhlelo 4.9: Uhlelo lokukhuthaza ukuphila ngendlela enempilo

Uhlelo olusetshenziswa njengamanje nguMnyango Wezempilo yilolo olugxile ekwelapheni kuphela. Nakuba loluhlelo luwusizo kodwa angeke lwakhoneka ngemuva kwesikhathi eside. Okudingekayo ngomuso wuhlelo oluzohlenganisa kokubili ukwelapha nokugwema izifo ngokuthi umphakathi uqwashiswe ngezifo futhi ufundiswe ngokuphila ngendlela enempilo. Loluhlelo lugxila ekuhlonzeni izimbangela zokugula kwabantu bese lwenza kube lula ukwakha amasu okuvikela nokugwema ukugula ukuphucula impilo yezakhamuzi.

Uhlelo 4.10: Ukwenza umsebenzi osezingeni eliphezulu elibekwe kuzwelonke maqondana nemitholampilo

Zonke izikhungo zezempilo kuMasipala (okubandakanya ezeSifundazwe nezikaMasipala) azikahlangabezani nala mazinga abekwe kuzwelonke. Lokhu kungenxa yezizathu eziningi ezehlukahlukene okubalwa kuzona



Uhlelo Lwentuthuko Edidiyelwe (IDP) 2019/20

amazanga okusebenza angaphansi kwalindelekile, ukungaluswa ngokwenele komsebenzi, ukwesweleka kwamathuluzi okusebenza, ukushoda kwabasebenzi kanye nengqalasizinda engenele.

Uhlelo 4.11: Ukwenza ngcono ukuthotshelwa kwemithetho yezemvelo ngokuhambisana nemigomo namazinga abekwe umthetho kazwelonke

UMnyango Wezempilo kaMasipala unegalelo emizamweni kaMasipala yokwakha izimo ezikhuthaza ukuphila kwabantu namazinga empilo angcono. Ukuhlinzekwa kwalolu sizo kususelwe kumthethosisekelo futhi kungumsebenzi wohulumeni bendawo. Ukuhlinzekwa kwalo msebenzi kwenziwa ngokuthi kuqalwe izinhlelo eziyi-9 ezibalulekile ezichazwe eMthethweni Wezempilo 61 ka-2003. Lezi zinhlelo yilezi:

- Ukwalusa izingabunjalo lamanzi;
- Ukulawula amazanga okudla;
- Ukulawula udoti;
- Ukuqashwa kwezempilo ezakhiweni (Ukulawulwa kwezakhiwo);
- Ukuqashwa kwezifo ezithathelanayo, ngaphandle kokugoma;
- Ukulawula izilwanyana ezithwala izifo;
- Ukulawula amazanga okungcola kwemvelo (umoya, amanzi, umsindo, inhlabathi);
- Ukungcwaba; kanye
- Nokuphepha kumakhemikhali

Uhlelo 4.12: Ukulwa ne-HIV/Aids ne-TB

I-HIV ne-AIDS iyinselelo enkulu engenye yezinto ezidala ukuncipha kwesikhathi abantu abasiphilayo, amazanga aphezulu e-TB, ukwehla kwamazinga enhlalomnotho kubantu, emakhaya nasemiphakathini nokwanda kwezintandane nezingane ezisengcupheni.

Ipulani 4: Isabelomali semisebenzi emikhulu

Okugxilwe kukho	19/20 (R000)	20/21 (R000)	21/22 (R000)
Ukukhuthaza ukuphepha kwezakhamuzi	31655	46270	43001
Ukukhuthaza impilo yezakhamuzi	133113	111017	83648

Ipulani 4: Isabelo sokuqhuba umsebenzi

Okugxilwe kukho	19/20 (R000)	20/21 (R000)	21/22 (R000)
Ukukhuthaza ukuphepha kwezakhamuzi	2241012	2430846	2588227
Ukukhuthaza impilo yezakhamuzi	669250	718927	767790

Ipulani 4: Ukwakha Ingenisomali

Okugxilwa kukho	19/20 (R000)	20/21 (R000)	21/22 (R000)
Ukukhuthaza ukuphepha kwezakhamuzi	126417	132682	139324
Ukukhuthaza impilo yezakhamuzi	226367	238813	250753



IPULANI 5: UKWESEKA ISAKHIWO SENHLANGANO, UKUPHATHWA NOKUTHUTHUKISWA KWABANTU

Injongo: Ukwelekelela iDolobha ukuba libe nesakhiwo esisebenzayo nokweseka ukuthuthukiswa kwabantu namakhono abo.

Okugxilwe kukho: Ukufundiswa nokuthuthukiswa kwabasebenzi

Uhlelo 5.1: Ukwandisa amathuba okufunda emsebenzini

UMasipala waseThekwini usuhlonze isidingo sokuqinisekisa ukuthi kuba nokuphuculwa kwamakhono emsebenzini ukusiza ukuqinisekisa ukuthi kuba nokwanda kwesizinda samakhono adingekayo, ikakhulukazi imisebenzi yezandla, yobuchwepheshe neminye imisebenzi efuze leyo, ngenxa yokuthi iTheku seliyikhaya lezikhungo eziningi zemfundo ephakeme kanti namathuba okufunda umsebenzi ngokuwenza asandiswe kakhulu.

Uhlelo 5.2: Ukubhekana nokuntuleka kwamakhono okubala nokufunda nokubhala kwabasebenzi

Inhloso yalolu hlelo ukuthuthukisa amakhono olimi, ukufunda nokubhala kanye nokubala kubasebenzi ukuze kunyuke umkhiqizo. Inhloso ukwenyusa amazinga emfundo yabasebenzi ukuze baqhubeke bafunde kanye nokwenyukela ezikhundleni eziphezulu.

Uhlelo 5.3: Ukwakhiwa kohlelo lokuthuthukiswa kwamakhono abasebenzi

Inhloso yalolu hlelo ukuqinisekisa ukuthi kunohlelo lokuthuthukiswa kwamakhono omsebenzi esisebenzi ngasinye ukuze abasebenzi bafunde futhi bathuthuke. Inhloso ukuthi abasebenzi bakwazi ukwenza imisebenzi yabo ngobuchule obufanele nokuba kuvaleke amagebe akhona amakhono emsebenzini. Kuhlelo lwe-2019/20 lwamakhono okusebenzela emsebenzini, inani labasebenzi abangu-9559 lizoqeqeshwa ngeze-15195 lizenzakalo zezinkundla ezinikezwa yizikhungo zangaphakathi nezangaphandle. Ukuqeqeshwa okwengeziwe kuzokwenziwa futhi ngokusekelwe emthethweni, ukuhambisana nokugqulwa kwesistimu.

Ukusebenzisana

Lolu uhlelo oluqhubekayo olufuna ukusebenzisana namaSETA, iminyango kahulumeni kanye namanye amayunithi kamasipala.

Uhlelo 5.4: Ukwelekelelwa kwemiphakathi ngokuyicija amakhono

Lolu hlelo lwenzelwa ukukhuthaza amabhizinisi amancane ukuba adale amathuba okuqashwa kwabangasebenzi. Lweseka amabhizinisi amancane ngokuwahlinzeka ngoqeqesho lokuthuthukisa amakhono awo.

Okuzobanjiswana nabo

Lolu uhlelo oluqhubekayo oludinga ukusebenzisana nama-SETA, iminyango kahulumeni, i-SALGA namanye neminye iminyango kaMasipala.

Uhlelo 5.5: Ukwandisa amandla kahulumeni okwenza ngcono ukulethwa kwezidingo kanye nokusekela ukwakhiwa kombuso obeka phambili intuthuko

Lolu hlelo luhlose ukukhulisa nokuthuthukisa amazinga emakhono emphakathini kuqinisekise ukuthi uMasipala unabantu abamele umphakathi abanolwazi lokusukumela izinto eziza kuqala kwizakhamuzi.



Uhlelo Lwentuthuko Edidiyelwe (IDP) 2019/20

Okuzobanjiswana nabo

Lolu hlelo ludinga ukusebenzisana no-SALGA, COGTA, LGSeta, iminyango kahulumeni kanye neminye iminyango kaMasipala.

Uhlelo 5.6: Ukunikeza izaluleko zezomsebenzi kanye nokufundela umsebenzi

Lolu hlelo lwenzelwe ukuhlinzeka intsha ngosizo lwezeluleko ekwenzeni izinqumo ngomsebenzi ezingayikhetha nezingayifundela ezizoqinisekisa ukuthi iyakwazi ukuthola imisebenzi. UMasipala uzobeka eceleni imali eyenele nezinye izinsiza zokuhlela imibukiso ngemisebenzi engakhethwa nengafundelwa.

Okuzobanjiswana nabo

Lolu hlelo ludinga ukusebenzisana noMnyango Wezemfundo kanye neminye kaMasipala.

Okugxilwe kukho: Ukuphathwa kwabasebenzi

Uhlelo 5.7 Ukuthuthukisa abasebenzi

Njengengxenywe yokulethwa kwezinguquko kanye nesidingo esiqhubekayo sokuba abasebenzi benze okulindlele kubona kudingeka amasu abasebenzi afanelekile nezindlela zokwenza izinto ezizokwakha usikompilo lobunye kuMasipala, lokwenza abasebenzi basebenze kangcono, lokuheha nokugcina abasebenzi. Loluhlelo futhi luzama ukwakha izindlela zokuthuthukisa abasebenzi kanye nokwenza kube lula ukuba abasebenzi bafinyelele emnyangweni wakwa-HR nokuba lo mnyango usebenze kangcono.

Uhlelo 5.8: Ukuguqulwa kwenhlangano (Ukunika amathuba abebencishwe amathuba phambilini)

Ukuze uMasipala waseThekwini unike amathuba okuqasha ngokulinganayo futhi unike amathuba labo ababencishwe amathuba okuqashwa ngesikhathi sobandlululo futhi uhambisane nemigomo yokunikeza amathuba okuqashwa ngendlela enokulingana nobulungiswa, uMasipala udinga ukulandela inqubo yokuqasha ethobela imithetho yokuletha izinguquko.

Okugxilwe kukho: Ukuthuthukiswa kwenhlangano nokusingathwa koguquko

Uhlelo 5.9: Ukweluleka ngezindlela zokwenza ngcono ukusebenza kuMasipala wonkana

Ukuze kuqinisekiswa ukuthi kusetshenzwa kangcono kuMasipala, kwakhiwa amazanga alindelekile okusebenza futhi kuthathwa izinyathelo zokungenelela ekukalweni komsebenzi owenziwayo kuwona wonke uMasipala, kwenziwa ucwaningo ngomsebenzi owenziwayo ngenhloso yokukhuthaza ukusebenza ngendlela kwabasebenzi, ukusetshenziswa ngendlela kwemishini namanye amathuluzi kuwo wonke uMasipala. Ukuhlela kabusha izindlela zokusebenza kuhlose ukuhlonza izindawo ezingasebenzi ngendlela nokuqhamuka nezintsha ezizodala ukuba kusebenzeke kangcono kube kubhekwe izindleko, amazanga omsebenzi owenziwayo kanye nesikhathi esithathwayo ukwenza umsebenzi kanjalo nezinto eziphazamisa noma ezilibazisa umsebenzi kuwo wonke uMasipala. Ukuncishiswa kwezinto ezimoshisa imali noma isikhathi kwenza ukuba wonke uMasipala usebenze kangcono.

Uhlelo 5.10: Ukuqhuba uguquko enhlanganweni nemingenelelo esebenzayo

Lokhu kubandakanya ukwakhiwa kwezinhlelo zokwalusa amaphrojekthi okuletha izinguquko kuMasipala azoletha izinguquko ezibonakalayo kuMasipala wonke, okubikwa ngawo ezingeni le-Cluster, okufaka nokubuyezwa kwesakhiwo senhlangano, kwaluswe amaphrojekthi okubalwa kuwona nezinhlelo zamabhonasi kanye neyemishini esetshenziswayo kuwo wonke uMasipala. Loluhlelo lubandakanya nokuthuthukiswa kwamakhono okuletha uguquko kuMasipala kanye nawokonga izindleko ngokulandela iSekhula No. 82 yakwa-Treasury.



Uhlelo Lwentuthuko Edidiyelwe (IDP) 2019/20

Okugxilwe kukho: Abasebenzi abanempilo/abaphephile futhi abanomfutho Uhlelo 5.11: Ukunciphisa ukutheleleka okusha kwe-HIV / AIDS emsebenzini

Imikhankaso yezinsuku zempilo kanye nokwelulekwa nokuhlololwa i-HIV kuhloswe ukugwema i-HIV nokuthi asebenzayo basheshe bazi, kube kubhekwana nezifo ezihlobene ne-HIV ezinjengesifo sofuba, izifo ezithathelana ngocansi kanye nezifo eziyisimbelambela ezidalwa indlela abantu abaphila ngayo (izidakamizwa, isifo sikashukela, esomfutho wegazi, isifo senhliziyo, nezinye.) Ezinsukwini zezempilo yabasebenzi abasebenzi bahlololwa izifo ezingelapheki, balulekwe nge-HIV banikwe nethuba lokuba bahlololwe yona emitholampilo, ngesikhathi semikhankaso emadepho, eminyangweni abasebenza kuyona nasemicimbini emikhulu yokuhlola nokuqwashisa.

Uhlelo 5.12: Ukuthobela imithetho yezempilo nokuphepha kwabasebenzi

Uhlelo olubizwa nge-Medical Surveillance lwenzelwe ukuhlolwa abasebenzi abasengcupheni yokulimala emsebenzini okungalimaza impilo yabo kubabangele nezifo. Inhlolongqangi ukubheka izimo ezingabeka impilo engcupheni kanjalo nokuphepha komsebenzi nasebenza nabo endaweni yomsebenzi. Uhlelo olokuthobela umthetho (ngokomthetho i-Occupational Health and Safety Act) lubandakanya nokuhlolwa ngaphambi kokuqala umsebenzi, imigomo, ukuqashwa, imingenelelo yezempilo, ukuhlololwa ukungakwazi ukusebenza, ukuphenya nokubuyekeza ngezifo emsebenzini.

Ipulani 5: Isabelomali semisebenzi emikhulu

Okugxilwe kukho	19/20 (R000)	20/21 (R000)	21/22 (R000)
Ukufundiswa nokuthuthukiswa kwabasebenzi, ukuphathwa kwabasebenzi, ukuphathwa nokuthuthukiswa kwenhlangano nezinguquko	3195	24352	24500
Abasebenzi abaphilile/ abasebenzi abaphephile nabakhiqizayo	1150	4010	2443

Ipulani 5: Isabelomali sokuqhuba umsebenzi

Okugxilwe kukho	19/20 (R000)	20/21 (R000)	21/22 (R000)
Ukufundiswa nokuthuthukiswa kwabasebenzi, ukuphathwa kwabasebenzi, ukuphathwa nokuthuthukiswa kwenhlangano nezinguquko	265172	282514	300697
Abasebenzi abaphilile/ abasebenzi abaphephile nabakhiqizayo	388492	415560	440990

Ipulani 5: Ukwakha ingenisomali

Okugxilwe kukho	19/20 (R000)	20/21 (R000)	21/22 (R000)
Ukufundiswa nokuthuthukiswa kwabasebenzi, ukuphathwa kwabasebenzi, ukuphathwa nokuthuthukiswa kwenhlangano nezinguquko	27915	29274	30728
Abasebenzi abaphilile/ abasebenzi abaphephile nabakhiqizayo			

IPULANI 6: IDOLOBHA ELINEMPILO NOBUCIKO - ISISEKELO SOKUSIMAMA NOKUBUMBANA KOMPHAKATHI

Injongo: Idolobha lapho abantu bexhumana ngobuciko ukuze kube nokukhula komnotho, ukufunda, ukwakheka kwekusasa, ubudlelwano emphakathini nobumbano lwezakhamuzi ezinemvelaphi enhlobonhlobo.

Okugxilwe kukho: Ukutholakala kalula kwamathuba nokubandakanyeka kukawonkewonke

Uhlelo 6.1: Ukutshala imbewu yokukhuthala ezakhamuzini

Injongo enkulu yalolu hlelo ukuqinisekisa ukuthi abantu okuyibona abazokwakha ikusasa lomlando wethu wangomuso – abantu bakithi nezindawo zethu, babamba iqhaza ngokukhululeka ekwakheni iDolobha lethu. Amagugu ethu ehlukelele futhi angeke akhiwa kabusha. Kuyasiza ukuzazi ukuthi singobani ngamasiko ethu futhi kusilekelele ekutheni sikhule ngokomoya sibe nekhono lokwakha isizwe. Amagugu ethu ayithuba lokuba sibheke emuva kwesikuzuzile njengesizwe ngoba lokho kuyalekelele ekulungiseni udaba lokungalingani okusekhona emiphakathini yethu.

Uhlelo 6.2: Ukugqugquzela izakhamuzi ezinempilo nezikhuthele

Umthethosivivinywa mayelana nezemidlalo ukhuthaza iqhaza lezinhlaka zikahulumeni ekuqinisekiseni kokuthi “ isizwe siyadlala”. I-National Sports and Recreation Plan (NSRP) ehlinzekelwe kulo mthetho iphinde iveze ukuthi imidlalo nokungcebeleka kunezinjongo ezintathu ezibalulekile:

1. Ukukhuthaza isizwe ezidlalayo.
2. Ukukhuthaza isizwe esinqobayo
3. Ukudala amathuba avuna ukuba kwenzeke izinto.

Uhlelo 6.3: Ukuqinisekisa ukuphathwa ngendlela kwempahla nezinsiza zemvelo

Usizo esiluthola emvelweni lubalulekile empilweni yedolobha lethu ngokwazo lezi zidingo kanye nangokwamasiko ethu. Indlela entsha yokucabanga ngokumelana nezimo zemvelo eziguqukayo ithi kufanele kubhekwe yonke imithelela okubalwa kuyona ukuguquka kwesimo sezulu, ukuba khona kokudla okwanele kanjalo namanzi manje nangomuso. Ukuhlala edolobheni eliphinde libe nezindawo zasemakhaya nezasedolobheni kudinga ukuba kube nohlelo lokongiwa kwemvelo lokuxhumanisa zonke izinhlela zemvelo nezamasiko ngendlela ehlangene futhi kuqalwe izindlela nezinhlelo zokuqinisekisa ukuthi izakhamuzi zeTheku ziba nekusasa elinempilo nelivikelekile.

Okugxilwe kukho: Ukwakha isimo esivuna ukubamba iqhaza emnothweni okunenzuzo ngokuhlinzeka ngamathuba okuthuthukiswa komphakathi ngezamasiko

Uhlelo 6.4: Ukudala amathuba okuthuthuka ngobuciko, amasiko namagugu

Ukunika amathuba izakhamuzi zethu akucini nje kuphela emathubeni ezobuciko kepha kwedlulela nasezinhlelweni ezitholakala kwimitapo yolwazi nakwezinye izindawo zezobuciko edolobheni ezihlose ukunika amathuba omnotho zonke izakhamuzi.



Uhlelo Lwentuthuko Edidiyelwe (IDP) 2019/20

Uhlelo 6.5: Ukwakha nokukhuthaza izimo ezivumela ukwakhiwa komnotho ngobuciko namasiko

Ubuciko namasiko kunegalelo ekukhuliseni umnotho wethu. Amaprojekthi nezinhlelo kulolu hlelo ahlose ukudala amathuba ukuze amaciko avela ezingxenyeni ezahlukene zempilo akhuthazeke. Ukuze sikhulise amakhono kwezobuciko, kuzoqalwa izinhlelo eziqhutshwa ngokubambisana, ngalokho kuqinisekiswa ukuthi kuba nokusimama kulo mkhakha. Siyabonakala futhi isidingo sokuthi kube nezinhlelo zokweseka izimo zokufundisa ngamasiko ngoba lokhu kungadala amathuba okukhula kwamaciko nokwethanyelwa kwemicimbi yamasiko. Amasiko awumthombo ongakhathali wokukhulisa umnotho, ngezikhathi ezinhle nangalezo ezinzima kwezomnotho. Isibonelo, umkhakha umkhakha wobuciko emnothweni ungomunye waleyo engazange ifadalale ngesikhathi senzikamnotho. Lolu hlelo lumayelana nezinqubomgomo nezinhlelo zezamasiko ezikhuthaza ukukhula komnotho ngokuheha amabhizinisi, ukwakha amathuba omsebenzi nokuheha izivakashi. Umgogodla walolu hlelo amasu okuvuselelwa kwedolobha nomphakathi akhelwe phezu kwesisekelo samasiko.

Uhlelo 6.6: Amaprojekthi engqalasizinda yomphakathi nawesikhathi eside

Ingqalasizinda yomphakathi, okubalwa kuyona izakhiwo ezizwayo njengenkundla iMoses Mabhida, iyingxenywe yengqalasizinda kanti ifaka amasevisi okuhloswe ngawo ukuba kukhuthazwe utshalomali kulezi zindawo, ezinhlweni ezikhuthaza amasiko nobuciko, amagugu kanye nokungcebeleka. Amaprojekthi angena ngaphansi kwalawa ahlose ukukhuthaza ukwakhiwa kwesizwe nokubumbana komphakathi kanye nokucobelelana ngamakhono, ulwazi kanye nesipiliyoni.

Uhlelo 6.7: Ukongiwa nokulawulwa kwezindawo zamagugu

NgokoMthetho Wamagugu kaZwelonke No. 25 ka-1999, amagugu ayohlala njalo ebalulekile ezinhliziyweni zethu ngendlela yawo futhi yiwona asikhumbuza ngezigameko zakudala zokwakhiwa kweNingizimu Afrika, futhi njengoba ebalulekile, engapheli, futhi engavuseleleki futhi engashintsheki kumele aphantsi njengezikhali zamaNtungwa ukuze eyohlale njalo ekhona kulezo zindawo atholakala kuzona. Zonke izizukulwane ezizayo nohulumeni abezayo banejoka elikhulu lokuqinisekisa ukuthi njengabantu ababhekelele amagugu ngaleso sikhathi siyazibophezela ekuqinisekiseni ukuthi amagugu esizwe ahlale njalo ephethwe ngesinono. Amagugu eDolobha afaka izinto ezitholakala emvelweni kanye nezinto ezakhiwe ngokwamasiko kanye nezindawo lapho lapho kutholakala khona lezi zinto eziyingxenywe yamasiko.

Okugxilwe kukho: Ukuphathwa ngendlela kwezinkundla ukuze kuthuthukiswe umphakathi nomnotho

Uhlelo 6.8: Ukudala nokukhuthaza isimo esigqugquzela ukuthuthukiswa komphakathi nomnotho

Ngenxa yokuthi lo mnyango musha, amaprojekthi ayingxenywe yalolu hlelo asakhiwa kanti ahlose ukukhuthaza inhlalakahle nentuthuko yomnotho ngendlela ezofukula umphakathi futhi ilethe izinguquko futhi ivule amathuba okusebenza ngokubambisana. Ngaphezu kwalokhu, amasu okuphatha imicimbi kubalulekile ukuba akhiwe.

Uhlelo 6.9: Ukuphathwa kwempahla yengqalasizinda yezinkundla

Izinkundla ezibalwa ngaphansi komnyango wakwa-Stadia Facilities Unit eziyingxenywe yezikhungo zengqalasizinda ezisezingeni eliphezulu eMkhandlwini, zibandakanya:

1. Moses Mabhida Stadium
2. King Zwelithini Stadium
3. Mpumalanga Stadium
4. Sugar Ray Xulu Stadium
5. Princess Magogo Stadium
6. Chatsworth Stadium



Uhlelo Lwentuthuko Edidiyelwe (IDP) 2019/20

Ipulani 6: Isabelomali semisebenzi emikhulu

Okugxilwe kukho	19/20 (R000)	20/21 (R000)	21/22 (R000)
Ukutholakala kalula kwamathuba nokubandakanyeka kukawonkewonke	379933	358985	323165
Ukwakha isimo esivuna ukubamba iqhaza emnothweni okunenzuzo ngokuhlinzeka ngamathuba okuthuthukiswa komphakathi ngezamasiko	118798	117164	134608
Ukuphathwa kwempahla yengqalasizinda yezinkundla			

Ipulani 6: Isabelomali sokuqhuba umsebenzi

Okugxilwe kukho	19/20 (R000)	20/21 (R000)	21/22 (R000)
Ukutholakala kalula kwamathuba nokubandakanyeka kukawonkewonke	136722	145526	151588
Ukwakha isimo esivuna ukubamba iqhaza emnothweni okunenzuzo ngokuhlinzeka ngamathuba okuthuthukiswa komphakathi ngezamasiko	2383205	2541076	2695669
Ukuphathwa kwempahla yengqalasizinda yezinkundla			

Ipulani 6: Ukwakha Ingenisomali

Okugxilwe kukho	19/20 (R000)	20/21 (R000)	21/22 (R000)
Ukutholakala kalula kwamathuba nokubandakanyeka kukawonkewonke	5508	5802	6113
Ukwakha isimo esivuna ukubamba iqhaza emnothweni okunenzuzo ngokuhlinzeka ngamathuba okuthuthukiswa komphakathi ngezamasiko	190462	195574	205780
Ukuphathwa kwempahla yengqalasizinda yezinkundla			

IPULANI 7: UKUPHATHA NGENDLELA NOKUBA UHULUMENI WENDAWO OLALELAYO

Injongo: Ukuqinisekisa ukuthi siba uMasipala onamandla, onakekelayo onentando yabantu okhuthaza futhi oweseka ukusebenza ngendlela enokubonisana, esheshayo nebandakanya uwonkewonke

Okugxilwe kukho: Ukuqinisekisa ukufinyelela kalula kwabantu kuhulumeni nokukhuthaza ukuphatha ngendlela

Uhlelo 7.1: Ukugqugquzela ubambiswano nobudlelwano nabanye ohulumeni kanye namazwe angaphandle

Izineselelo eziningi eziseqhulwini uMasipala wethu abhekene nazo ziyisithombe sezinkinga ezibhekene nezwe laseNingizimu Afrika kanjalo nesifundazwe kanti ukubhekana nazo ngendlela kudinga ukuthi kube nohlelo oludidiyelwe nolubandakanya abantu abehlukene okubalwa kubona wonke amazinga kahulumeni, amabhezini azimele kanye nezinhlaka zomphakathi. Uhlelo lobuhlobo nezinye izinhlaka zikahulumeni luqinisekisa ukuhambisana kwezinhlelo zikaMasipala nalezo zesifundazwe nezikahulumeni kazwelonke futhi luyaqikelela ukuthi uhulumeni weTheku, ukuhleleka kwakhe, amasu akhe kanye nesabelomali sakhe kuyahambisana nalezo zesifundazwe nezikazwelonke. Ngaphezu kwalokhu, izinhlelo zikahulumeni namasevisi ahlinzekwa abantu kweqa imingcele eminingi kanti ukuze kuhlinzekwe ngendlela engaphazamiseki kubalulekile ukubambisana phakathi kwezinhlaka zikahulumeni.

Ngaphezu kwalokhu, lolu hlelo lwenzelwe ukubeka iTheku endaweni enhle emazweni omhlaba kanti lokhu kwenziwa ngohlelo lokwakha ubuhlobo namanye amadolobha akwamanye amazwe, ngohlelo lokuqinisa ubuhlobo nabathekela ngezimali kanye nangohlelo olubizwa nge-Africa/NEPA Programme.

Uhlelo 7.2: Ukwenza isu lokusingathwa kobudlelwano namakhasimende nenqubomgomo yokunakekelwa kwamakhasimende

Isu lokunakekelwa kwamakhasimende laphasiswa nguMkhandlu ngonyaka wezimali ka-2014/15. Leli lisu lizohlinzekela ukwethulwa kohlelo oludidiyela lokunakekelwa kwamakhasimende kuMasipala. Inqubomgomo ebuyekeziwe yokunakekelwa kwamakhasimende yaphasiswa uMkhandlu ngonyaka wezimali ka-2014/15. Le nqubomgomo izoqinisekisa ukuthi amakhasimende kuwona wonke uMasipala ahlinzekwa ngezidingo ngendlela esezingeni elifanayo futhi kweluswa namazinga okusebenza.

Uhlelo 7.3: Ukusebenzisa izindlela, izinhlelo nezinqubo ezididiyelwe zokuqikelela ukubamba iqhaza kwezakhamuzi

Lolu hlelo luhlose ukuqinisekisa ukuthi imiphakathi iyingxenywe yokuthathwa kwezinqumo eMkhandlwini. Loluhlelo lukhuthaza ukuba imiphakathi isebenzise ikhono layo isuke emqondweni wokwethembela kuhulumeni. AmaKomidi amaWadi nezinye izinhlaka babamba iqhaza elibalulekile ukuqinisekisa ukuthi lolu hlelo luba yimpumelelo.

Uhlelo 7.4: Ukusabalalisa ngendlela efanele izinqubomgomo zikaMasipala waseThekwini kubantu abehlukahlukene, ngaphakathi nangaphandle

Ukuxhumana kubalulekile esikweni elisha likaMasipala wethu. UMasipala uzibophezele ukuqinisekisa ukuthi zonke izakhamuzi namakhasimende bayaziswa ngesikhathi futhi bayingxenywe yentuthuko. Uhlelo lwezokuxhumana luhlose ukuqala amasu okwenza ulwazi lukahulumeni wendawo (amalungelo namajoka ezakhamuzi, izinhlelo zikaMasipala, izinqubomgomo nezinqubo) lutholakale kalula kwabathintekayo. Ngaphezu kwakho konke, lolu hlelo luzoqinisekisa ukuthi kuba nohlelo olucacile nolubanzi lwezokuxhumana



Uhlelo Lwentuthuko Edidiyelwe (IDP) 2019/20

kwangaphakathi nokwangaphandle, okokuqala ukuze kukhuthazwe umdlandla wabasebenzi ukuze bafezekise umbono, okwesibili ukuqinisekisa imigomo kaHulumeni Wendawo yokubamba iqhaza, ukubonisana nokwabelana ngolwazi.

Okugxilwe kukho: Ukwakha isakhiwo sokuphatha esisebenzayo nesibikayo ngokwenziwe

Uhlelo 7.5: Ukusungulwa nokuqaliswa kwamaphrojekthi, izinhlelo namasevisi ngokuhambisana nezinjongo zokuphatha ngendlela kanjalo namapulani okusebenza eminyango ukuze kukhuthazwe ukusebenza ngendlela, isibopho sokubika, nokuxhumana phakathi koMkhandlu, abasebenzi nezakhamuzi

Lolu hlelo lumayelana nokuqalwa kwamaphrojekthi nezinhlalo nokulethwa kwezidingongqangi ngokuhambisana nezinjongo zokuphatha okuhle kanjalo namapulani okusebenza eminyango ukuze kukhuthazwe ukusebenza ngendlela, isibopho sokubika, nokubonisana phakathi koMkhandlu, abasebenzi nezakhamuzi. Ngalolu hlelo kwesekwa amakomidi amawadi futhi anikezwe noqeqesho ukuze akwazi ukwenza ukwenza umsebenzi wawo ngendlela. Kuphinde kwesekwe nezinhlaka zoMkhandlu ukuze zikwazi ukwenza umsebenzi wazo wokwalusa umsebenzi owenziwayo. Ngalolu hlelo, kwakhiwa futhi kwesekwe uhlelo lokuphatha oluqinile nolusebenzayo.

Uhlelo 7.6: Ukwelekelela nokweseka iMeya emsebenzini wayo wokusingatha nokwalusa umsebenzi kaMasipala

IMeya inesibopho sokwalusa uMasipala wonke. Loluhlelo olokuqinisekisa ukuthi iMeya ithola konke ukwesekwa ekudingayo ukuze yenze imisebenzi ifeze nezibopho zayo njengemeya. Ngalolu hlelo kugxilwa entsheni nabesifazane njengokusetshenziswa nabo ababalulekile.

Uhlelo 7.7: Ukufukulwa komnotho womphakathi ngokudalwa kwamathuba omsebenzi emikhakheni ehlukene

Lolu hlelo luzama ukwalusa imisebenzi yokwakha ngaphansi kohlelo lwemisebenzi yomphakathi (EPWP) ukuze kuhlonzwe imisebenzi yesikhathi eside edalekayo ngamaphrojekthi amakhulu kanye nenye imali njengoxhaso oluvela kuhulumeni kazwelonke nowesifundazwe.

Uhlelo 7.8: Ukwakha inhlangotho ehlanzekile nenesibopho sokubika

Lolu hlelo luqinisekisa ukuthi kwakhiwa inhlangotho eziphethe kahle engenakho ukukhwabanisa, inkohlakalo noma ezinye izenzo zokuphatha budlabha noma ubani emphakathini. UMasipala unenqubomgomo yokulwa nenkohlakalo nokukhwabanisa enezindlela ezisebenzayo neziqinile zokunqanda izigameko zenkohlakalo. Uhlelo lwamanje lokulwa nenkohlakalo lukaMasipala lubhekiswe kakhulu ekuthathweni kwezinyathelo eziqinile uma kuhlangatshezwana nalezi zigameko. Phambilini bekugxilwe kakhulu ezintweni ezifana nokuphenya nokubika. Kumanje kukhuthazwa isiko lokuziphatha okuhle, ukuhlonishwa kwamalungelo abantu kanjalo nokuhlonza izenzo zenkohlakalo ngokuqhuba imikhankaso yokuqeqesha nokuqwashisa kanjalo nokukhuthaza ukubika ngezemo zenkohlakalo.

Uhlelo 7.9: Ukudidiyela uhlelo oluhlangene lokubheka ingcuphe ukuze kube nokuhlinzekwa kwezidingo ngendlela esebenzayo nezofezekisa imigomo yeBatho Pele

Kuyisibopho seMeneja yeDolobha noMkhandlu ukuhlaziya kuhlonzwe okungaba yingozi emsebenzini woMkhandlu, ukuqinisekisa ukuthi kusetshenzwa ngaphansi kwezimo ezinobuqotho, ukulawulwa kwengcuphe nokuphatha okuhle. UMasipala waseThekwini uzibophezele emigomweni yokuqhubeka nokuthuthuka, ukulawula ngendlela nesibopho sokubika nokuqhuba imisebenzi yawo ngendlela encomekayo.

Uhlelo 7.10: Ukusetshenziswa kobuchwepheshe bamakhompuyutha ekwenzeni umsebenzi

Lolu hlelo luhlinzeka ngobuchwepheshe bamakhompuyutha ukweseka iminyango kaMasipala emisebenzini yayo kanjalo nezakhamuzi zaseThekwini njengalena:



Uhlelo Lwentuthuko Edidiyelwe (IDP) 2019/20

- Uhlelo Lokuqoqwa Kwengeniso (RMS) ukuze kuqoqwe ngendlela efanele imali engena kuMasipala;
- Ukuqoqwa kolwazi lwezamabhinisi ngocwaningo ukuze kukwazi ukuba kuhunyushwe imithelela yalo kuMasipala, kwesekwe izinqumo eziningi ezithathwayo kusukela kwezemisebenzi kuya kwezokuhlala.
- Ukusetshenziswa kobuchwepheshe bamakhompuyutha ukuze lutholakale kalula nakangcono usizo lukahulumeni nokwenza kube lula kwizakhamuzi uma zifuna ukuxhumana noMasipala weTheku.

Uhlelo 7.11: Izinsiza zezokuxhumana, izingcingo nezobuchwepheshe

Lolu hlelo lumayelana nezinhlalo zokuxhumana ngezincingo nobuchwepheshe bamakhompuyutha ekwenzeni umsebenzi kuMasipala. Lumayelana nokwakhiwa kwengqalasizinda yobuchwepheshe bamakhompuyutha, ukuhlinzekwa kwabantu nge-internet yamahhala kwimitapo yolwazi kanye nange-Wi-Fi ezindaweni zomphakathi. Lolu hlelo luphinde lusetshenziselwe ukuhlinzeka uMasipala ngengqalasizinda yemisakazo yokuxhumana (o-ova) kanye nangezinto ezisiza ngokuhlonza imililo, ama-alamu okuxwayisa lapho kungena abangavumelekile ezakhiweni zikaMasipala kanye nengqalasizinda yokuqapha amabhilidi kaMasipala okubalwa kuyona naleyo yokulawula ukungena nokuphuma kuwona ukuqinisekisa ukuthi aphephile futhi avikelekile.

Uhlelo 7.12: Ukunakekela ingqalasizinda ye-IT yamakhasimende neye-desktop

Lolu hlelo ngolokusiza amakhasimende asebenzisa ubuchwepheshe bamakhompuyutha (ICT). Luhlose ukuhlinzeka ngosizo lwe-ICT olufanele emakhasimendeni ethu angaphakathi nawangaphandle kuwona wonke uMasipala ukuze kuhlinzekwe izidingo. Ngalolu hlelo kwakhiwa ukuhambisana phakathi kohlelo lwe-ICT nohlelo lwebhizinisi.

Uhlelo 7.13: Ukuhlinzekwa kwe-server esebenzayo nephephile kanye nengqalasizinda yesikhungo se-data

Uphiko lwakwa-Systems Delivery & Security ngaphansi komnyango wakwa-Information Management yiwona osingethe lolu hlelo oluhlose ukwenza lokhu:

- a. Ukuletha izinhlelo ze-IT ezisebenzayo kumakhasimende angaphakathi nawangaphandle. Okubalwa kuzona ama-IT Servers & Disk Storage, OS, ama-database kanye nokweseka kuma-IT platform nama-datacentre ahlukahlukene kuwona wonke uMasipala waseThekwini;
- b. Ukusingatha uhlelo lokuvulela abafanele nokuvalela ngaphandle abangafanele ukungena ezinhlelweni zamakhompuyutha zikaMasipala kuqinisekiswa ukuthi abasebenzisa amakhompuyutha bakuyo yonke iminyango banemvume efanele yokuwasebenzisa nokwenza umsebenzi wabo;
- c. Ukugaya nokufaka ezimvilophini izitatimende zama-akhawunti ama-rate, ezinhlawulo zamacala omgwaqo, amanzi nawagesi;
- d. Ukuphucula ama-server, amadisk nama-operating system nezinye izinhlelo zokusebenza ukuqinisekisa ukuthi zithola ukwesekwa ngama-vendor ahlukahlukene ngaso sonke isikhathi;
- e. Ukuqinisekisa ukuthi kwenziwa i-back up yezinhlelo ezisetshenziswayo nokuqinisekisa ukuthi ziyatholakala kwenye i-datacenter ukwenzela uma kuba nenhlekelele ulwazi olugcinwe kwi-IT ukubuye lutholakale.

Uhlelo 7.14: Ukwakha, ukudidiyela nokwalusa izinhlelo zokuhlonza ingcuphe engaba khona nokuqikelela ukuthi umsebenzi kaMasipala uyakwazi ukuqhubeka uma kuvela inhlekelele ethile

Lolu hlelo luqinisekisa ukuthi iminyango iyisingatha kangcono ingcuphe engaba khona emisebenzini yayo kuMasipala. Kuzogxilwa ekuqaliseni izinhlelo ezahlukene zokuphucula izindlela uMasipala axazulula ngazo izinkinga nezindlela zokukwazi ukuqhubeka komsebenzi uma kuvela izinhlekelele ngokukhuthaza isiko lokusebenza ngendlela eqondanisa amasu, izinhlelo izakhiwo, nabantu.



Uhlelo Lwentuthuko Edidiyelwe (IDP) 2019/20

Okugxilwe kukho: Ukwakha izixazululo ezintsha zokuphatha ngokusebenzisa indlela yokuphatha ngokwezindawo eziklanyiwe ebizwa nge-Area Based Management (ABM)

Uhlelo 7.15: Ukusebenzisa uhlelo lokulethwa kwezidingo oluhlelwe kahle ngokwezifunda eziklanyiwe

Indawo kaMasipala yinkulu kanti futhi inezifunda ezingafani ezifaka izindawo ezingamajalidi ezakhiwe kahle kanye nezindawo ezibanzi ezinezimboni nezakhiwo zamabhezini ezizungezwe amalokishi aseceleni ngaphandle kwemingcele yazo kanye nezindawo eziyimijondolo ezinobuphofu futhi ezingenazo izidingongqangi.

Amaphrojekthi ayingxenywe yalolu hlelo angangena kuwona wonke amasu ayi-8. Lolu hlelo luphathelene nokuthuthukiswa kwezindawo zasedolobheni nezasemakhaya ukuze kusheshiswe ukuhlinzekwa kwezidingo, kubhekwane nokungalingani ngokwezindawo nangokwenhlalo, kanjalo nokukhuthaza intando yabantu, kusetshenziswa uhlelo olwenziwa ngokwezindawo. Uhlobo lomsebenzi owenziwayo lubandakanya okwengqalasizinda, umphakathi nezomnotho.

Ipulani 7: Isabelomali semisebenzi emikhulu

Okuzogxilwa kukho	19/20 (R000)	20/21 (R000)	21/22 (R000)
Ukuqinisekisa ukufinyelela kalula kwabantu kuhulumeni nokukhuthaza ukuphatha ngendlela	473627	545413	490451
Ukwakha isakhiwo sokuphatha esisebenzayo nesibikayo ngokwenziwe	65285	36680	63695
Ukwakha izixazululo ezintsha zokuphatha ngokusebenzisa indlela yokuphatha ngokwezindawo eziklanyiwe ebizwa nge-Area Based Management (ABM)			

Ipulani 7: Isabelomali sokuqhuba umsebenzi

Okuzogxilwa kukho	19/20 (R000)	20/21 (R000)	21/22 (R000)
Ukuqinisekisa ukufinyelela kalula kwabantu kuhulumeni nokukhuthaza ukuphatha ngendlela	415520	441831	467782
Ukwakha isakhiwo sokuphatha esisebenzayo nesibikayo ngokwenziwe	1354118	1380792	1441214
Ukwakha izixazululo ezintsha zokuphatha ngokusebenzisa indlela yokuphatha ngokwezindawo eziklanyiwe ebizwa nge-Area Based Management (ABM)	47337	49976	53038

Ipulani 7: Ukwakha Ingenisomali

Okuzogxilwa kukho	19/20 (R000)	20/21 (R000)	21/22 (R000)
Ukuqinisekisa ukufinyelela kalula kwabantu kuhulumeni nokukhuthaza ukuphatha ngendlela	2038	2140	2247
Ukwakha isakhiwo sokuphatha esisebenzayo nesibikayo ngokwenziwe	109441	32218	33829
Ukwakha izixazululo ezintsha zokuphatha ngokusebenzisa indlela yokuphatha ngokwezindawo eziklanyiwe ebizwa nge-Area Based Management (ABM)			

IPULANI 8: IDOLOBHA ELIPHENDULAYO NGOKUPHATHWA KWEZIMALI FUTHI ELIBHEKELA IZIDINGO ZAMANJE NEZANGOMUSO

Injongo: Ukwandisa izimali zikaMasipala ukuqinisekisa ukuthi uMasipala usesimweni esihle sezimali manje nangomuso.

Okugxilwe kukho: Ukwabiwa kwezimali ngendlela ehlelekile nebhekela isikhathi eside esizayo

Uhlelo 8.1: Ukuhlenganisa nokuvuselela minyaka yonke uhlaka lokusebenza kwezimali kwaphakathi nethemu (MTIEF)

Nakuba i-MTIEF ibeka isu laphakathi nesikhathi lokusebenza kwezimali likaMasipala, kumele iveze futhi izinjongo zikaMasipala okuyilezi: -

- Ukubeka imigomo esobala nekhonekayo yentuthuko (njengezindlu nezidingongqangi zamahhala);
- Ukuqala uhlelo lweminyaka eyi-10 lwengqalasizinda nezidingongqangi;
- Ukusebenzisa imali ngendlela evula amathuba omnotho ukuze kukhuliswe nemali engena ngama-rate;
- Ukubeka eceleni isabelo esenele sokushintshwa kwezimoto nemishini.

Maqondana nalokhu, sekunohlelo lokubheka okuzayo olususelwa endleleni okusebenza ngayo izimali, utshalomali, izimali ezibolekwano nezidingo zamanje nezesikhathi eside zikaMasipala.

Uhlelo 8.2: Ukwakha isabelomali ngokwezinto ezibalulekile kwi-IDP

Ngokuthobela uMthetho Wezinhlelo ZoMasipala ka-1998 noMthetho Wokuphathwa Kwezimali ZoMasipala ka-2003 isabelomali sikaMasipala sisuselwe futhi sihambisana nezinjongo ze-IDP. I-IDP inquma izinjongo nezinto ezibalulekile ezidingwa umphakathi. Ukwabiwa kwezimali zemisebenzi emikhulu nezokuqhuba umsebenzi kwenziwa ngendlela engeke nje kuphela iqinisekise ukuthi izinjongo ze-IDP ziyafezeka kodwa futhi nangokuthi umbono ka-2030 weTheku uyafezeka.

Uhlelo 8.3: Ukwakha isabelo ngendlela ebhekelela nezidingo zesikhathi eside

UMasipala wakha izinhlelo zokuqinisekisa ukuthi ukwenyuswa kwamatharifu kubhekelela izidingo zamanje nezangomuso zawo wonke umuntu ngokwenzenjalo kwenziwe ngcono ukuhlinzekwa kwezakhamuzi zonke ngezidingo. Enye yalezi zindlela ukuqala izinhlelo zokuphathwa kwezimali ezizonikeza uMasipala isimo sezimali esiphilile isikhathi eside ukuze kuhlelelwe isimo sezimali sangomuso. Ngaphezu kwalokho uhlelo lukaMasipala wethu lokutshalwa kwezimali kwingqalasizinda (MIIF) luzosiza ukuqhakambisa izidingo zentuthuko kuMasipala ngendlela ehlinzekela isikhathi eside.

Uhlelo 8.4: Ukuqala ukuthobela uMthetho iMunicipal Property Rates (MPR)

UMasipala uqale uhlelo lokubiza ama-rate olususelwe emthethweni i-Local Government: Municipal Property Rates Act kusukela mhla lulunye kuJulayi 2008 kulandela ukushicilelwa kwe-Valuation Roll ngoFebhuwari 2008. Kunosomqulu ababili bokuchibiyela abahlelelwe unyaka nonyaka. Owesibili wethulwe ngonyaka ka-2012. Zonke izikhalo sezibhekelelwe. Uma abakhokhi bentela benganelisekile ngemiphumela yezikhalo bangakwazi ukudlulisa udaba. Ngenxa yalokho-ke kwasungulwa iBhodi Yokudluliswa Kwezikhalo yeSifundazwe ngoFebhuwari 2010. Kunebhodi entsha eqokiwe ngo-2014 ngemuva kokubambezeleka okube khona. Ngu-1% kuphela wabakhokhi bama-rate ofake izikhazazo ngesikhathi kubuyekwezwa ama-rate ngo-2012. Ngemuva kwemiphumela u-10% kuphela kulabo ababekhalazile abadlulise izikhalo zabo (okusho u-0,1% kubona bonke abanikazi bomhlaba nezakhiwo). Lokhu kungaphansi kakhulu kwezilinganiso zikazwelonke nezamazwe omhlaba.



Uhlelo Lwentuthuko Edidiyelwe (IDP) 2019/20

Uhlelo 8.5: Ukunciphisa izikweletu zoMkhandlu

Inhloso yalolu hlelo ukunciphisa izikweletu zikaMasipala ngokubuyekeza nokuqalisa iNqubomgomo Yokulawulwa Nokuqoqwa Kwezikweletu kaMasipala. Ukulandelwa kwale nqubomgomo kuzobandakanya lokhu okulandelayo:

- Ukuhlukaniswa kwazo zonke izikweletu ezikweletwayo ezifaka ezamanzi, ugesi nama-rate zibe kwi-akhawunti eyodwa;
- Ukuhlukaniswa kwezimali ezisilele ukuze uMkhandlu uthathe izinyathelo zokuthola lezo zimali kubantu abangakhokhi.
- Ukuhlukaniswa kwezikweletu ngezigaba kube ngezikhulumeni, ezamabhizinisi, ezezindawo zokuhlala nezomhlaba ongenalutho.
- Uma kungakhokhwa, ikhasimende linqanyulelwe usizo ezinsukwini ezingama-60.
- Ukunqanda ukukhula kwesikweletu: Ama-akhawunti anezikweletu ezikhula kakhulu ayamiswa ngaphambi kokuthi isikweletu sibe ngaphezu kwamandla. Lokhu kwenza ukuthi okweletayo eze azokwenza uhlelo lokukhokha.
- Kuzogxilwa kulabo abakweleta izimali ezinkulu, abanama-akhawunti angaphezu kuka-50.
- Kuzophinde kugxilwe kakhulu ezikweletu ezingaphezu kuka-R1 million.
- Izikweletu zalabo abashonile nalabo izakhiwo zabo ezidayiswe endalini emva kokudliwa kudluliselwa kubameli.
- Kuzophinde kugxilwe kakhulu ekubhekeni izikweletu zikhulumeni ngokuhlala imihlangano neziphathimandla zikhulumeni nokunqamula izidingo ngenxa yokungakhokhi, uma kunesidingo, uma sekulandelwe zonke izinhlelo ezifanele. Kulokhu, kumele kuqashelwe ukuthi isikweletu sizoncishiswa ngenxa yokungenelela kukaNgqongqoshe Wezezimali eSifundazweni, ikakhulukazi ngokusungulwa kwethimba elizosiza ukuxazulula izinkinga ezithinta izikweletu nokuzibophezela ekukhokheni izikweletu ezingakhokhiwe.

Uhlelo 8.6: Ukuthola umhlaba namalungelo omhlaba odingekela amaphrojekthi amakhulu

Lolu hlelo luhlose ukuqinisekisa ukuthi kunemali ebekelwe amaphrojekthi esetshenziswa ngendlela efanele nangesikhathi ngokuqinisekisa ukuthi umhlaba odingekayo namalungelo omhlaba kuyatholakala. Kuzophinde kudingeke umhlaba wokuqhuba uhlelo lokwakhiwa kwezindlu ngokohlelo lwezindawo ezisondelene nezindawo ezithile ezibalulekile. Kuzophinde kudingeke umhlaba wokuqhuba uhlelo lwe-IRPTN. Njengamanje umhlaba usetshenziswa kakhulu ukwakha izindlu, kodwa njengoba sekushiwo, kuzodingeka kakhulu umhlaba wokwakha izindawo zokuthuthukisa umnotho ukuze kukhule isibalo sabantu abakhokha ama-rate.

Okugxilwe kukho: Ukuphathwa kwezimali ngendlela nokubika ngakho

Uhlelo 8.7: Ukupheleliswa kwengeniso: Uhlelo Lokuphathwa Kwengeniso

Amaphrojekthi angaphansi kwalolu hlelo abhekana nazo zonke izinkontileka umasipala azithumelela ama-akhawunti esikhundleni salezo okumele zithunyelelwe ama-akhawunti. Le phrojekthi ihlose ukuzuza ukupheleliswa kwengeniso okuqondene ngqo nohlelo lokuphathwa kwengeniso.

Uhlelo 8.8: Imizamo yokwandisa imbuyiselo ngamathuba otshalomali

Ngaphezu kwesidingo esisobala sokukhulisa imali engenayo kuMasipala ngokwandisa abantu abakhokha ama-rate, kumele kuzanywe ezinye izindlela zokuthola imali yamaphrojekthi. Ezinye zalezi zindlela ukuthola uxhaso kuhulumeni, ubambiswano nezinhlangano zamazwe omhlaba, ukubambisana namabhizinisi azimele



Uhlelo Lwentuthuko Edidiyelwe (IDP) 2019/20

kumaprojekthi abalulekile nezinhlalo. Ukubizwa kwentela yentuthuko kanye nentela yamabizininisi nakho kuyizinto ezibhekwayo.

Uhlelo 8.9: Ukwandisa imali engena ngezakhiwo zoMkhandlu

UMkhandlu udedela umhlaba wawo ngenhloso yalokhu:

- Ukweseka izinhlelo ezithile
- Uma uMasipala engawudingi
- Uma kuba nesicelo
- Ukukhulisa imali engena ngokudayiswa komhlaba nezakhiwo

Uhlelo 8.10: Ukuphathwa kotshalomali

UMasipala unenqubomgomo ehlelekile yokuboleka izimali. Uma kubolekwa kubhekelelwa isimo sezomnotho ngaphambi kokuthi kuxoxiswane ngokukhokha isikhathi eside. Ukubuyekeza ukweboleka kwenziwa ngonyangantathu bese kubhekwa isikhathi okuzokwebolekwa ngaso. Kuba nendlela enokonga ethathwayo uma kubolekwa, ikakhulukazi kubhekwa umthelela walokho kuboleka ekukwazini kwabantu ukukhona amatharifu azodinga ukubizwa ukuze kukhokhwe lesi sikweletu.

Uhlelo 8.11: Imishuwalense yempahla nezibizo zenkokhelo uMasipala abhekana nazo

UMasipala unomshuwalense okhokhayo uma kwenzeka kwehla inhlekelele enkulu noma ingozi. Kunomshuwalense uMasipala awuthathile wokukhokhela lokhu okusuke kufanele akukhokhele okungaphakathi kwemingcele ethile bese kuba nohlelo lokubhekelela lokhu okungale kwale mingcele.

Uhlelo 8.12: Ukwalusa iminqamulajuqu

Kubalulekile ukuthi ukubika ngeminqamulajuqu okudingwa umthetho nokunye nje okudingekayo ngesikhathi kusetshenzwa kwaluswe futhi kulawulwe kahle ukuqinisekisa ukuthi uMasipala uyahlangabezana nayo ngesikhathi esifanele.

Uhlelo lokuqapha iminqamulajuqu (DLMS):-

- Kuthunyelwa imiyalezo yokukhumbuzisa abafanele kusasele izinsuku ezinhlanu (5) ngaphambi kosuku lominqamulajuqu.
- Umphathi walowo omelwe ukwenza lowo msebenzi kanjalo nalowo msebenzi baphinde bakhunjuzwe nge-email kusasele usuku ngaphambi kokuthi kufike uminqamulajuqu.
- Uma kungahlangatshezwananga neminqamulajuqu yemithetho neyokusebenza lokhu kudluliselwa koyiNhlolo yoMnyango ukuba ikuthathele izinyathelo.
- Umbiko wanyanga zonke osho yonke iminqamulajuqu okuhlangatshezwe nayo naleyo esasele uhanjiswa kwabayiziNhlolo zeMnyango.

Inhloso yalolu hlelo lokuqapha iminqamulajuqu ukwalusa nokulawula yonke iminqamulajuqu yomthetho neyokusebenza ukuze kuqinisekise ukuthi iyalandelwa ngesikhathi esifanele.

Uhlelo 8.13: Ukuphuthulwa kwezitatimende zezimali

Ngokuhambisana nesidingo somthetho olawula ezezimali komasipala, iMunicipal Finance Management Act (MFMA), izitatimende zezimali zonyaka kumele ziphuthulwe ezinyangeni okungenani ezimbili kuphele unyaka wezimali. Izitatimende zezimali zokugcina (sekuhlanganiswe nezamabizininisi kaMasipala) kumele ziphuthulwe ezinyangeni ezintathu kuphele unyaka wezimali.



Uhlelo Lwentuthuko Edidiyelwe (IDP) 2019/20

Uhlelo 8.14: Ukukhokhelwa kwabo bonke abakweletwayo nokuqinisekiswa kokulandelwa kwenqubo elawula ezokuthenga nokuthengiselana noMasipala (SCM)

Kunohlelo lwekhompuyutha oluqaliwe ukuze kubikwe ngezimali ezikhokhwe ngale kwesikhathi esiyizinsuku ezingama-30 ezibekwe umthetho kusukela kutholakale i-invoice. Kukhokhwa kuphela uma uphiko lwakwa-Payments selwenelisekile ukuthi yonke imigomo ye-SCM ilandeliwe.

Uhlelo 8.15: Ukuphathwa nokulawulwa kwezimali ezingukheshi

NgokweSigaba 64(d) se-MFMA, isiphathimandla esiphezulu kumele sithathe izinyathelo ezifanele ukuqinisekisa ukuthi zonke izimali ezitholakele zifakwa kuma-akhawunti kaMasipala asebhange. Ngaphezu kwalokhu, iSigaba 64(h) sithi wonke amarekhodi ezimali kumele ahlale njalo ehlanganiswa.

Uhlelo 8.16: Uhlelo lwe-SCM olusebenzayo, olusheshayo nolunokonga

Lolu hlelo luhlose ukuqinisekisa ukuthi kuba nohlelo lokukhishwa kwemisebenzi olusheshayo olusebenzayo nolunokonga ukuze kube nemigomo emihle yokuphathwa kwezimali nokukhishwa kwamathenda. Lolu hlelo luzophinde lubhekelele indaba yokuphuculwa kwezinhlelo ze-SCM, ukuqalwa kohlelo lwe-E-procurement kanjalo nohlelo lwezimvume ngokwemigomo ye-ISO 9001.

Okugxilwe kukho: Ukusebenzisa ngendlela izimali

Uhlelo 8.17: Ukulawula ingcuphe

Lolu hlelo luhlose ukuhlonza ingcuphe ehlukehlukeni kuMasipala nokudidiyela amasu okubhekana nayo, okuqapha nokubika ngomthelela waleyo ingcuphe.

Uhlelo 8.18: Ukuhlanganiswa kwama-akhawunti nokuphathwa kwezimali ezikhokhwayo

Lolu hlelo luhlose ukuqinisekisa ukuthi wonke ama-akhawunti ayaqhathaniswa nyanga zonke, kukhokhwe amaholo nezinye izimali ezikhokhelwa abanye abantu ngesikhathi.

Uhlelo 8.19: Izinhlelo zokusebenza ngendlela esheshayo nefanele

Lolu hlelo ngolokuqinisekisa ukuthi amazinga okusebenza abekiwe kwaMgcinimafa ngalokho kuqinisekiswa ukuthi kuphuculwa ukuhlinzekwa kwezidingo kuyona yonke iminyango kaMasipala.

Uhlelo 8.20: Ukuphathwa ngendlela kwezimoto

Ukuze kuhlale kunezimoto ezisebenzayo kubalulekile ukuthi kuhlelwe ngokufana amazinga ezimoto ezikhona. Ukuhlelwa ngokufana kwezimoto kwenza kube lula ukusebenza kubasebenzi bemisebenzi yokukhanda ngoba baqeqeshelwa leyo misebenzi. Umehluko phakathi kwempahla esetshenziswayo nezipele uba mncane uma impahla esetshenziswayo ifana. Ukuqeqeshwa kwabashayeli nakho kuba lula futhi libe phezulu nezinga lokushayela futhi abashayeli bangamoshi izimoto. Ngenxa yocwaningomabhuku lwakamuva, kuzogxilwa kakhulu ekuqinisekiseni ukuthi izimoto zisetshenziswa ngokuphelele nokuthi kwenziwa ucwaningo olubanzi kuqala ngaphambi kokuthi kushintshwe izimoto.

Ipulani 8: Isabelomali semisebenzi emikhulu

Okuzogxilwa kukho	19/20 (R000)	20/21 (R000)	21/22 (R000)
Ukwabiwa kwezimali ngendlela ehlelekile nenokonga, ukukhulisa imali engenayo nokwandisa imithombo yayo, ukusebenzisa ngendlela ephusile, ukuphathwa ngendlela kwezimali nokubika ngakho	425704	399554	395291



Uhlelo Lwentuthuko Edidiyelwe (IDP) 2019/20

Ipulani 8: Isabelomali sokuqhuba umsebenzi

Okuzogxilwa kukho	19/20 (R000)	20/21 (R000)	21/22 (R000)
Ukwabiwa kwezimali ngendlela ehlelekile nenokonga, ukukhulisa imali engenayo nokwandisa imithombo yayo, ukusebenzisa ngendlela ephusile, ukuphathwa ngendlela kwezimali nokubika ngakho	2521979	2682848	2796006


Ipulani 8: Ukwakha Ingenisomali

Okuzogxilwa kukho	19/20 (R000)	20/21 (R000)	21/22 (R000)
Ukwabiwa kwezimali ngendlela ehlelekile nenokonga, ukukhulisa imali engenayo nokwandisa imithombo yayo, ukusebenzisa ngendlela ephusile, ukuphathwa ngendlela kwezimali nokubika ngakho	13348901	14568363	15726916

ISAHLUKO 4: UKUSEBENZA KWE-IDP

4.1 ISINGENISO

I-IDP yiwona mbhalo obaluleke ukuyedlula yonke kaMasipala ohlahla indlela yokusebenza neyazo zonke izinhlelo ezihambisana nakho. Isabelomali sikaMasipala sakhwa sisuselwa ezintweni ezibekwe eqhulwini, izinhlelo kanye namaprojekthi e-IDP, emva kwalokho kube sekwakhiwa uhlelo lokusebenza kuhlinzekwa izidingo ngokwesabelomali, olubizwa nge-SDBIP, ukuqinisekisa ukuthi uMasipala uyayifeza imigomo azibekela yona ngokwe-IDP. Ekugcineni, umbiko wonyaka uveza ukuphumelela noma ukungaphumeleli emsebenzini wonyaka owandulelayo. Ukusebenza kukaMasipala kweluswa emazingeni ahlukeni nangezinhlelo ezahlukeni, ngaleyo ndlela kuqinisekiswa ukuthi akukho okusala ngaphandle. Kubalulekile ukuphawula lapha ukuthi abaphathi abaphezulu kuMasipala njengamanje bamatasa balungisa amapulani abo emigomo yokusebenza yonyaka ka-2019-20 (IPP). Lokhu okuchazwa lapha kukhonjisiwe kafushane kuMdwebho 28 lapha ngenzansi:



Umdwebho 28: Integrated Planning and Monitoring Processes
Umthombo: eThekweni Municipality

4.2 IZABELOMALI ZIKAMASIPALA WETHU ZEMISEBENZI EMIKHULU NEZOKUQHUBA UMSEBENZI UKUZE KUFEZEKE IZINJONGO EZIBEKIWE

Isabelomali sikaMasipala sakhwe esemisebenzi emikhulu kanye nesokuqhuba umsebenzi. Esokuqhuba umsebenzi sisuselwa ekulinganiseni imali ezongena kanye nezindleko ezilindelekile emithonjeni ehluahlukene ukubhekelela izidingo zezindleko zesikhathi esithile. Isabelo semisebenzi emikhulu siwuhlelo lwemali enkulu edingekayo yamaprojekthi amakhulu.

Isabelomali esihlanganisiwe sonyaka wezimali ka 2019/20 singu-R50.8 billion futhi sakhwa isabelomali sokusebenza sika R 42.9 billion kanye nesabelomali sesabelo-mali sika R7.9 billion. Ithebulethi 101 ngezansi



Uhlelo Lwentuthuko Edidiyelwe (IDP) 2019/20

ibonisa ukuthi izindleko zezimali ezisemqoka kanye nezokusetshenziswa komasipala zikamasipala zonyaka ozayo kanye nokuhlola iminyaka emibili elandelayo. Imithombo yemali yezindleko eziboniswe ngenhla zivela kwimithombo ehluahlukene, isib. Izibonelelo (USDG), izikweletu, izinsizakalo kanye nemali engenayo eyenziwe ngaphakathi. Kuye kwaphawula ukuthi zonke izimali ezitholakalayo ngokusebenzisa izinqubo zokufaka izicelo zezikweletu ziyasetshenziselwa ukuxhasa izimali zemiSebenzi kanye nezindleko ezingasebenzi. Njengomasipala ongasetjenziswa njengombana kuchazwe nguMgcinimafa kaZwelonke, umasipala kufuze ahlangebezane neemfuneko eziqakathekileko ekulungiseni nokubika ngesabelomali. Njengomnyaka wezimali zikaMasipala wezokuHlaliswa kweBelomali ozosingathwa nguMgcinimafa kaZwelonke singaqinisekisa ukuthi isabelomali esihlongozwayo sixhasiwe ngokugcwele njengoba izindleko ezinkulu nezokusebenza zingasetshenziswa ngemifudlana engenayo yemali engenayo. Ikhophi eningiliziwe yoMasipala beziNtela eziMaphakathi neMali yokuHlelwa kwemali inikeza ukuhlaziywa okujulile nokuchazwa kwesabelomali..

4.3 I-SDBIP

Ukulandelwa kwe-IDP kaMasipala ngonyaka wezimali ka-2019/20 kwenziwa ngokusebenzisa i-SDBIP. I-SDBIP iyithuluzi elisetshenziselwa ukuqondanisa isabelomali ne-IDP. I-SDBIP igxile kukhona kokubili, imigomo yokusebenza emaqondana nezimali kanye naleyo engaqondene nezimali ngokwemigomo ebekelwe ukukala ukuhlinzekwa kwabantu ngezidingo kanye nangezinye izinkomba zokusebenza.

Ngafuphi, i-SDBIP iyithuluzi lokuphatha nelokwenza umsebenzi ohleliwe eliqukethe ulwazi lwangonyaka, njengemigomo ebekelwe ukuhlinzekwa kwabantu ngezidingo ngonyangantathu nangenyanga, futhi ixhumanisa ukulethwa kwesidingo ngasinye nesabelomali sikaMasipala. Ngaleyo ndlela, inikeza ulwazi oluyilo lokuphatha kanye nohlelo oluneminingwane yonke lokuthi uMasipala uhlela ukubahlinzeka kanjani abantu ngezinsizakalo kanye nezimali uMasipala azozisebenzisa ekwenzeni lokho.

I-SDBIP iphinde ibe neminingwane yomsebenzi owenziwa uMasipala wokuhlinzeka abantu ngezidingo nesabelomali salokho sonyaka wezimali kanjengoba kudinga uMthetho iMunicipal Finance Management Act (MFMA) (uMthetho 56 ka-2003), okuyisabelo sonyaka othile wezimali. I-MFMA yenzelwe ukuqinisekisa ukuthi omasipala bahlela imali ngendlela ebhekelela isikhathi eside ukuqinisekisa ukuthi izinhloso ezibekwe eqhulwini kwi-SDBIP / kwisabelomali sikaMasipala ziyafezeka, nokuthi izimali zisetshenziswa ngendlela efanele.

I-SDBIP ihlelwe ngendlela yokuba ihambisane ne-IDP, okusho ukuthi ihambisana namaphrojekthi ohlelo lwamaphuzu ayisishiyagalombili lwe-IDP. Umphakathi usungakwazi ukuba uwufunde lo mbhalo we-SDBIP bese uyaphawula ngawo.